


IMIBUZO NEZIMPENDULO

 . . . okuningi obekufanele ngikuthole, kodwa ngithole. . . ngiphathe isikhombamazwi sami khona la. Ngingasinikezela leso kuLeo lapha, noma omunye umuntu ohlezi eduze ongangsiza uma uthanda, uma sifika kukho.

² Manje, uma lelinenekazi eliphezulu lapho, uma kukhona. . . uma lizo. . . Uphi u. . . Ubani umyeni walo na? Ya. Awu, uma ufuna umkakho ezohlala nawe, ba—banga, akukho lutho olushiwo phakathi kwabazalwane kodwa kulokho okungashiwo kudadewethu, naye. Nje si. . . niyazi. Ngabe lokho ku—kulungile na? Manje, umukeleke kakhulu ukuba ube naye. Ngabe u—ufudumele phandle lapho, Dok na? Awu, kulungile, kodwa kuthi ukuba nesizungu esincane kuye.

³ Futhi akukho lutho—lutho phakathi lapha. . . ngezinye izikhathi isizathu ngiphathe i “ndoda,” ngoba kunezikhathi lapho indoda ingabuza umbuzo phakathi kwendoda obungephendulwe lapho kukhona abesifazane. Kodwa akukhonto phakathi lapho kodwa obungaphendulwa ngokwakhona lapha nje ebandleni elivamileyo, ngoba kakhulu kuphathelene nabefundisi, nokunye nokunye, nokuthi kuyini ukuthunywa kwabo—kwabo nalokho abafanele bakwenze.

⁴ Manje, ngikholwa ukuthi lokhu kuya ekuqoshweni ngeteyipu. Uma. . . Anginaqiniso. Mfowethu Goad, kuphi lokho, ngabe lokho kusekuqoshweni ngeteyipu manje na? Kulungile. Isizathu senza lokhu ukuthola, bazalwane, yini okuphambili, yini i—ingxenye, i. . . yini esengqondweni yomuntu, yizi—yizini izinto zethu.

⁵ Thina—thina sonke sifanele sikhulume into efanayo. Manje, isibonelo, kufika omunye umuntu futhi, uthi, mhlawumbe bawelela ebandleni likamfowethu lapha, (ubani igama lakho, mfowethu na? Willard. UMfowethu. . . Manje, kukhona oWillard ababili lapha, ngizofanele ngininikeze enye into. Uma ngi. . . ubani isibongo sakho, manje na? Crase) Ibandla likaMfowethu Crase, noMfowethu Crase ubezosho into ethize. Manje-ke baqhamuka eSellersburg bawelela kwaMfowethu Ruddell, kwaMfowethu Ruddell belingehluka kulokho. Bawelela kwelikaMfowethu Junie, babangokwehlukile, ngakho konke. Kufika ezansi etabernakele, futhi kusalokhu kwehlukile. Niyabo? Kudida abantu.

⁶ Manje, njengomunye umuntu ethi, “O, angikholwa uzo. . . ufanele ngempela wemukele uMoya oNgcwele. Angicabangi ukuthi kudingekile.” Uthi, isibonelo, uMfowethu Crase ubengasho lokho. Futhi manje-ke ufika kwe—kwelika Mfowethu Ruddell, futhi uzothi, “Yebo, kubalulekile.” Bese-ke wehlele

kwelikaJunie, futhi uthi, “Awu, akwenzi umehluko ongako.” Niyabo? Uma besingahlangana ndawonye ngisho...ngifisa sengathi besingaba nabobonke abefundisi baseJeffersonville (kulomphakathi) singahlangana ndawonye ukuze sisho into efanayo.

⁷ Futhi ngakho-ke, izikhathi eziningi, abadikoni nabaphatheli, bafanele bathole ukuthi yini umsebenzi wabo. Futhi ngiyabona sinomphathisikhwama webandla nomlindimnyango kulobubusuku lapha, ngakho sizothola ukuthi uyini umsebenzi wabo. Kodwa kukho konke lokhu kukakhulu (lapha) yimibuzo nje engabuzwa noma kuphi futhi ebingaphendulwa noma kuphi. Imibuzo elula nje, futhi njengemisebenzi yabaphatheli, imisebenzi ya...Manje, uma kuyimisebenzi uqobo nje, ngicabanga ukuthi lokho kuthathwa ebhodini khona lapha manje, kwemisebenzi yomphatheli futhi lokho abafanele bakwenze. Kodwa ngicabange ukuthi mhlawumbe...

⁸ Futhi owodwa uzile lapho, futhi ngicabanga ukuthi kulungile, ngizowuphendula emva kwesikhashana, iNkosi ithanda sifinyelele kuwo, uthi:

Esimweni esithize esibucayi, kufanele idikoni lenzenjani na? Liyini... Uyini umsebenzi walo elifanele liwenze uma isimo esithize esibucayi sivuka na? Lifanele lenzenjani na? Niyabo? Noma ufanele enzenjani umphatheli, ufanele enzenjani umelusi, okunjengalokho, uma kuyisimo esithize esibucayi na? Siyayazi imigudu evamile, kodwa kuthiwani uma-ke kwenzeka into ethize ephumile emigudwini, niyabo, khona-ke bafanele benzeni na?

⁹ Futhi nje siyazi ukuthi nje siwela kuphi, kunjengokuqeqesha umbutho nje, futhi thina ngamunye siyazazi izindawo zethu. Manje, njengeqembu elinje, besingahlala lapha uhhafu wobusuku, siyakwazi lokho, kodwa ngu...Angicabangi ukuthi kudingekile. Sizowuphendula. Manje ngifuna ngamunye...

¹⁰ Manje, akukho magama, eminye yawo inagama kuyo, kodwa a—angeke ngiwabize amagama abantu. Ngoba nje—nje noma ngabe umbuzo uyini, ngizofunda umbuzo nje. Kukhona cishe nje emibili yayo phakathi lapho enamagama kuyo. Futhi, lindani, ngingahle ukuba ngiwutholile omunye. Ngiyazi, nguDokotela Ingleman omdala, bengimshayela ucingo ngaphesheya e—ephikweni eliseningizimu, ephikweni eliseningizimu e 4—426. Kungenkathi udokotela omdala ezansi lapha lapho ebekhona namhlanje, ezansi eGeorgetown, waphiliswa, noma wavuka emva kokuquleka isikhathi esithile, futhi—futhi nokunye nokunye. Manje, ngicabanga ukuthi lona unawo, manje sizongena emibuzweni yethu yokuqala engiyifundisise kuqala.

Manje asisukume nje umzuzu nje, ngiyacela.

11 Baba wethu waseZulwini, sihlangene lapha njengeqembu lendoda, indoda engumKristu eKuthandayo, ekholelwa kuWe, futhi enikele izimpilo zethu nezinkonzo enkonzweni yaKho. Kukhona abefundisi lapha, insizwa, indoda ephakathi nendawo, banamabandla, babophezelekile phambi kukaNkulunkulu. Kukhona abadikoni lapha obophezelekile ezikhundleni zawo kulamabandla ehlukeni. Kukhona abaphatheli, izibopho zabo. Abelusi, abavangeli, noma yini, Nkosi, sibophezeleke kuWe. Futhi yingakho sibuthana ndawonye, ukuze sonke sikwazi ukukhuluma into eyodwa njengoba sashiwo ukuthi sifanele senze emBhalweni. Sonke sifanele sikhulume ngokufanayo.

12 Futhi Baba, siyacabanga, kululuhlobo lweqembu, ukuthi singahle sithole mhlawumbe abanye babazalwane bethu noma abanye bethu bebengaba nemehluko emincane phezu kwezinto, nabanye bebebuzane nje ukuba ngempela bathole ukuthi yini iQiniso ngakho. Futhi siyazi ukuthi asenele, ngamunye wethu. Ukuba bengingabuzane noma yimuphi walaba abafowethu ukuba eze lapha kulemibuzo, mhlampe bebezofanela nje kakhulu noma ngaphezu kwebengizoba yikho ukuyiphendula. Kodwa sisonke sithembele esambulweni saKho, ukuthi Ungahle usembule kithi ngeZwi nange. . . ngoMoya waKho, ukuthi ku. . . ukuze sikwazi ukuba nempendulo ngawo wonke umbuzo. Ukuthi izinhliziyi zethu. . . sikwazi ukugcwaliswa ngezimpendulo futhi sikwazi ukuhamba sizwa ukuthi besiyihlomele kahle inkonzo yaKho nokusebenza esikhundleni sethu kunoma—kunoma sinjalo manje. Leyo yinhloso yethu yokuba lapha, Baba. Siphe khona manje.

13 Futhi phendula imibuzo yethu, Baba, njengoba silindele kuWe. Makungabikho-ndida kunoma yimuphi wemiqondo yethu, kodwa kwangathi singahlala nalowombuzo uze uphendulwe ngokugcwele futhi senelisiwe nguMoya, savumelana sonke kanyekanye ngenxa yoBukhona baKhe. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

14 Ngifuna nje ukucaphuna umBhalo, ukuqala ngawo. Njengoba uIsaya asho, umprofethi wathi:

O wozani. . . siqondisane sodwa, isho iNkosi: . . .

15 Futhi ngicabanga ukuthi yingakho silapha kulobubusuku, ngukuzama ukuzindla, siqondise izinto. Futhi manje bengingaqala. . . futhi ngithole ezinye zezinto zibhalwe phansi lapha ngokwezimbobo nokunye nokunye, ukuthi ngibe nalokhu, uMfowethu Wood akubambile; nginalemvilophi enezimpendulo kuzo. Futhi manje ngifuna ngamunye wenu, bazalwane bami abathandekayo, ukwazi ukuthi—ukuthi lezimpendulo zi—zinikezwa ngakho konke ukwazi kwami, ngakho konke engaziyo ukuthi kuqondwa kanjani.

16 Nalezizimpendulo azisizo ezingenakuphosisa, niyabo, ngoba imiBhalo awunakuphosisa, futhi ngokwazi kwami ihambisana

nemiBhalo. Ngethemba ukuthi lokho kukwenza kucace. Neteyipu izogcinwa manje futhi noma ubani ozoyifuna, awu, bangaba nayo. Kodwa manje, ngiyazi imiBhalo ayinakuphosisa kodwa izimpendulo zami azisizo ezingenakuphosisa. Ngakho ngingesiqiniso ukuthi wonke umuntu uyakuqonda lokho. Futhi uma inge—uma ingesiyo engenakuphosisa, khona-ke unelungelo mhlawumbe lokungibuza noma ngasiphi isikhathi.

¹⁷ Uma kukhona umbuzo womunye umuntu, akudingeki kube umbuzo wakho, kodwa uma kungumbuzo womunye umuntu, mhlawumbe wawungakaze uwucabange, kodwa kuyinto esilapha ukuba sisize. Silapha uku—ukuba sibuthane ndawonye ngoba sisezinsukwini zokugcina, nezi-zinsuku zimbi, futhi—futhi sifuna ukuqeqeshwa, sifundiswe esikoleni.

¹⁸ UMfowethu Stricker, isosha; uMfowethu Goad emuva lapho, isosha; futhi mhlampe uMfowethu Ruddell lapha, wayeyisosha; Mfowethu Beeler; nabehlukile o—obesempilweni yombutho; nihlala ndawonye, we—weluleka, u—uyayazi impi ngaphambi kokuba uphumele phandle lapho, nawo onke amaqhinga ongaba nawo esitha, ukuze ukwazi ukuhlangana naye emhlabathini wakhe.

¹⁹ Ngenkathi ngisavamise ukushaya isibhakela, babengitholela engizolwa naye, ukuthi wayezoba yini, ukuthi nhloboni yokushaya ayeyisebenzisa, noma ngabe kwakungukugadlela phezulu ngesibhakela noma ngabe uhlokoloza ngesinxele noma ugadla ngesokudla sakhe esisikayo, futhi noma ngabe wayeyisikudla noma isinxele, nokuthi wayeqine kangakanani, nokuthi ngabe wayezishintsha kanjani izinyawo zakhe, nokuthi wayewasebenzisa kanjani amehlo akhe, nokuthi uvela ngakuliphi ikhona, nawo onke amaqhinga ehlukene esasingawabona. Futhi babethola ukuthi yini. . . a—abaqeqeshi babekade bembonile lowomfo elwa ngaphambili. Ngakho-ke babefaka indoda lapho nami ukungiqeqesha impela njengokungathi leyondoda yayilwa, uku—ukwazi ukuthi yayizokwenzenjani.

²⁰ Futhi yilokho esikukhonela lapha kulobubusuku. Siyakwazi ukugadla kwesitha. Siyazi ukuthi amaqhinga aso ayini. Futhi silapha kulobubusuku nomBhalo ukusimboza ngawo ukuze singanyakazi, ngoba isitha sindawo zonke.

²¹ UMfowethu Roberson, bengicabanga emuva lapho, ngimbona, ufanele ukwazi ngempela ukuthi isosha liyini. Wayenaso ngempela isikhathi salo! Mangaki amasosha eliphakathi lapha, ake sibone, obengamasosha empini na? Bukani nje lapha, niyabo, iqembu lenu nina masosha. Kulungile, manje, niyazi ukuthi kuyini. Futhi yilokho okutadishayo, akusikho yini, Mfowethu Roy, Mfowethu Beeler, nani bomakadebona kanjalonjalo na? Yikho, tadisha isitha sakho,

“Sizokwenzani na? Uyini umnyakazo waso na?” bese-ke wazi ukuthi udibana kanjani naso.

²² Futhi yilokho esikukhonela lapha, ukutadisha umnyakazo wesitha no—nokwazi ukuthi udibana kanjani naso, into ezosinqoba.

²³ Futhi khumbulani, ake ngisho lokhu, bazalwane, ibandla elincane liqale lapha emgqeni weziphiwo, niyabo, iziphiwo zingena ebandleni. Kodwa noma ngabe kukhona iziphiwo noma qha, uma singakaze sibekhona isiphiwo, ngizonitshela, isiphiwo ngeke njalo sehlule isitha, kodwa iZwi lizosehlula. IZwi lizodibana naso nomaphi.

²⁴ Futhi uJesu, ngenkathi esemhlabeni, wakufakazisa lokho. OkwaKhe... WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Kodwa Akazange asebenzise noma yisiphi seziphiwo zaKhe ezinhle ukwehlula isitha. Sithola kuMathewu i... Ngikholwa ukuthi yisahluko 2 noma 3 sikaMathewu, Wathi... Qhabo, isahluko 2 sikaMathewu, ngenkathi Edibana nesitha, Wadibana naso ezinkundleni zeZwi, “Kulotshiwe.”

Nesitha siyabuya, “Kulotshiwe.”

²⁵ Wayesethi, “Kulotshiwe futhi,” kanjalo, waze Wasehlula isitha. Futhi yilokho esikukhonela lapha, ngukudibana nesitha ngempahla uNkulunkulu asinika yona uku—ukudibana ngayo.

²⁶ Manje cishe nginemibuzo emine lapha ose... ukwesisodwa—usesiqeshini esisodwa sephepha, futhi ngiyinikeze izinombolo: owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha... owesishiyagalombili, oweshumi, futhi kwehle kanjalo. Futhi ngizothi ngingaqeda lona, ngizobe-ke sengeqela kuleyo lapho. Uthi:

107. Mfowethu Branham, uma lemibuzo iphumile emgqeni-ke vele ungayinaki nje, futhi angeke ngiphatheke kabi ngakho ngokuba ngizokwazi ukuthi bekungesiso isandla seNkosi. Umbuzo wokuqala: Mfowethu Branham, ngikuzwile... ukuthi kufanele—kufanele kube semuva e... Ngi—ngi—ngikuzwile uthi ngifanele ngibuyele enkonzweni, futhi ngibe nomcabango phezu kwakho qobo lwami, kodwa ngalinda phezu kwezwi elingunqamula juqu elivela kuYo mayelana nakho. Kuze kube namuhla alikafiki. Manje, njengalokhu ngazi ukuthi ukuphela sekuseduze, ngisangaqhubeka nokulindela iNkosi uJesu ukuba—ukuba ikhulume kimi na? Noma, Angakujabulela ukukutshela ukuthi wena ungitsheleni, njengalokhu ngiyazi ukuthi wena uyisikhulumi saKhe salolusuku na?

²⁷ Awu, manje, mfowethu, benginga... nginayo ibhalwe phansi lapha impendulo yami kuwo. UNkulunkulu ebiza lomfowethu, ubizo empilweni, manje, kukhona into enkulu eyodwa ebesingayithatha nje leyo njengendikimba futhi sishumaye ubusuku bonke ngayo, niyabo, leyonto eyodwa,

“ubizo.” “Yenza ubizo lwakho nokhetho luqiniseke,” niyabo. Asifuni nje ukuba sizulazule uma sibizwa. Ufanele ubizwe kungenjalo uyokwehlulwa, silwa impi. Niyabo? Futhi uma uqiniseke ngokuyikho ngempela, mfowethu, ukuthi ubizo lwakho ngolukaNkulunkulu, futhi ubizwe nguNkulunkulu ukwenza umsebenzi . . .

²⁸ Manje, kukhona icebo lokuphamba elikhulu lapho isitha esingalidlala kuwe. Singakwenza ucabange ukuthi awubiziwe ube ubiziwe, bese-ke sijika sibuyela emuva ngqo sikwenze ucabange ukuthi awubiziwe; noma sikwenze ucabange ukuthi u—ubiziwe ube ungabiziwe; ngokuphambanisa, ngenye indlela. Futhi ufanele ukubhekisise.

²⁹ Manje, nansi indlela yokukwenza. Thola kuqala . . . Awu, manje, lesi yiseluleko, into kuphela engingayinikeza kulokhu yiseluleko. Niyabo? Kodwa qiniseka ukuthi ubizo lwakho luvela kuNkulunkulu, bese-ke uhlola izinjongo nezimpokophelo zakho. Niyabo? Manje, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini ngalokho. Iyini injongo yakho yokushumayela na? Ngabe nje beku . . . Ucabanga ukuthi bekungumsebenzi olula kunalowo onawo na? Khona-ke kungcono uwukhohlwe, bekungesilo ubizo.

³⁰ Ubizo lukaNkulunkulu lushisa kakhulu enhliziyweni yakho ungeke waphumula imini nobusuku ngalo. Ungeke nje wasuka kulo, nje njalunjalo lugaya kuwe.

³¹ Futhi—futhi ukuba ubuzoshumayela . . . Wena uthi, awu, manje, enye impokophelo, “Ngiyakholwa, emsebenzini enginawo, ukuba bengingaba ngumvangeli ophumelelayo noma umelusi, ngibe nehlo elibekwe kahle, ngibe nekhaya ebengingangena kulo kanjalunjalo, futhi ngiphile, khona-ke ngi—ngikholwa ukuthi lokho bekungaba yinto enhle, elula kakhulu kunalokho engikwenzayo manje. Futhi ngempela ngicabanga ukuthi bekungaba yi . . .” Manje, uyabo, impokophelo yakho iyiphutha kwasekuqaleni nje. Uyabo, ayilungile. Uyabo? U—unephutha lapho kulokho.

³² Khona-ke ubuzothi, “Awu, mhlawumbe ngenxa yokuthi ngiyi . . . ngicabanga ukuthi mhlawumbe bengingaduma kakhulu phakathi kwabantu.” Uyabo, uzothola ukuthi nje usulungele okukhulu ukudiklizeka phansi. Ngempela, uyabo!

³³ Kodwa, manje, uma impokophelo yakho ingukuthi “Angikhathali noma ngizodingeka ngidle amakhekhe kasoda futhi ngiphuze amanzi egatsha, ngizoshumayela iVangeli noma kanjani.” Into nje eklebhulayo phakathi kuwe, “Kuphakathi kokuthi ngizoshumayela iVangeli noma ngife!” Uyabo? Khona-ke uzo—uzoya ndawondawo, ngoba nguNkulunkulu esebenzana nawe. UNkulunkulu uzazisa Yena uqobo kuwe, ngoba nguNkulunkulu nje engeke akuyeka uphumule. Futhi, ngokwejoyelekile, indoda ebizwe nguNkulunkulu ayifuni neze

ukukwenza. Senake nacabanga ngalokho na? Noma yiyiphi indoda . . .

³⁴ Khona maduze nje kwabuzwa ngami ngabanye abazalwane abaligugu ngempela, abathi, “Manje njengalokhu sesifike sangena eNdeleleni, Mfowethu Branham, manje njengalokhu sesithole iNkosi futhi semukela uMoya oNgcwele, singazifuna yini iziphiwo zenkonzo yethu esifanele siyenze.”

³⁵ Ngathi, “Ningalokothi nikwenze.” Niyabo? Ningalokothi neluleke abantu ukuba benze into efana naleyo, ngoba ngokwejwayelekile umfo ofuna ukukwenza ungumfo o—ongeke akwenza.

³⁶ Ngumfo ozama ukukubalekela yilowo uNkulunkulu amsebenzisayo. Niyabo? Uma ezama ukusuka kukho, “O, mfowethu, ngiyakutshela, ngi . . . ubizo lukimi kodwa ngi . . . Whewu! Ndoda, ngingakuzonda ukuzama ukwenza lokho.” Awu, nakho lapho okhona, uyabo. Lowo—lowo ozama ukubaleka.

³⁷ Uma e—uma efuna ukukwenza kabi kabi, into yokuqala uyazi uzithola e “yiyembe eligxishiwe.” Njengokuba uthi, “Nkulunkulu, ngiphe amandla ukuba ngigudluze izintaba, ngiyaKutshela, ngizoKwenzela okuthize uma Ungivumela ngigudluze izintaba.” Qhabo, ubengeke, akakwazi ngisho ukuzigudluzela yena esimweni esifanele, niyabo, ngakho ubengeke agudluzele uNkulunkulu izintaba.

³⁸ Thatha nje, isibonelo, njengoPawulu. Ucabanga ukuthi uPawulu wayengasuka obizweni lwakhe na? O, mfowethu! Wayengeke akwenza. Lwalugaya nje kuye imini nobusuku waze washiya ibandla lakhe, washiya yonke into futhi—futhi wehla e . . . Ngikholwa ukuthi kwakuyiEshiya, kwakungesiyo na? Futhi wahlala iminyaka emithathu ezansi lapho, etadisha imiBhalo, ukuthola ukuthi ngabe Wawuqinisile noma qha, niyabo, ukuthola ukuthi ngabe uNkulunkulu wayembize ngempela yini.

³⁹ Ngakho uma uNkulunkulu ekubiza, mfowethu, futhi kuyilokhu kumba enhliziyweni yakho, khona-ke bengiyothi “Lahlani konke okusindayo, nesono esithandela kangaka kini.” Niyabo? Uma . . . Kodwa uma kungambi kini, bese kuthi-ke bengi—ngi—ngingeke ngacabanga kakhulu ngakho-ke. Kudedele nje kuze endaweni yakho.

Manje, uthe, lomfowethu usho phakathi lapha:

Mfowethu Branham, kunga . . . Ucabanga ukuthi uNkulunkulu ubengakhuluma . . . (kimi ukuba ngimtshele.)

⁴⁰ Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakhuluma kuye ngokuqonde ngqo. Isizathu, niyazi, uNkulunkulu . . . Asibakhulu kakhulu kodwa lokho Angakukhuluma kithi. Futhi U—U—Uzokhuluma kithi, kulungile. Niyabo, Uvele nje . . . Uzokhuluma kithi.

41 Futhi ngiyanitshela, uma Engitshelile, khona-ke umfowethu angahle athi, “Awu, Utshele uMfowethu Branham kanjalo, akadunyiswe uNkulunkulu!”

42 Kodwa, niyabo, akusuye uMfowethu Branham okunika ubizo, yiNkosi uJesu okunika ubizo. Uyabo? Futhi uma kuyiNkosi uJesu ekunika ubizo, Uyokwenza ukukhuluma. Uyabo? Bengingakhuluma kuwe ezindlebeni zakho, kodwa uma uKristu ekubizela enkonzweni isenhliziyweni yakho. Uyabo? Yilapho into ifanele khona igxilise okwehange futhi ungeke wadedwa kuyo.

Manje, ngiyakholwa embuzweni wesibili . . .

43 Manje uma kukhona noma yimuphi umbuzo kulokho, noma yimuphi umbuzo kukho, uyabo, ukuthi ubizo lomuntu lufanele lube senhliziyweni yakhe, luvela kuNkulunkulu. No—nomunye umfowethu. . . O, ngiyazi ukuthi ubani lo obhale lokhu. Niyabo, ngiyamazi okubhalile, oligugu, othandekayo, umfowethu onomusa engikholwa ngeqiniso ukuthi unobizo lukaNkulunkulu. Kodwa ngivele nje. . . Bengingethande ukuba akwenze phezu kokwami (yingalesosizathu ngiwuphendule ngendlela engenze ngayo), uyabo, phezu kwami ngithi; “Awu, yebo, uMfowethu uS**'bani-bani** ufanele ayongena enkonzweni.” Niyabo?

44 Manje wena uthi, “UMfowethu Branham ungitshela ukuthi bengifanele ngikwenze lokho.” Niyabo, futhi mhlawumbe uma-ke kwenzeke into ethize kuMfowethu Branham, ngibulawe, noma ngife, noma—noma ngisuke ngihambe na? Manje-ke, niyabo, ubizo lwakho seluphelile-ke. Kodwa uma uJesu ekubiza, mfowethu, inqobo nje uma kukhona iPhakade kuyobe kusezwakala. Niyabo? Futhi-ke uyazi lapho omi khona.

Manje kowesibili . . .

45 Noma into efana nale, “Ngokwazi ukuthi lusuku lokugcina.” Impela ngiyakuthokozela lokho ngalowo mfowethu. Impela ngiyakuthokozela lokho kwalowo mfowethu eqonda ukuthi sisosukwini lokugcina, nobuqotho benhliziyo yakhe, efuna ukwenzela uKristu into ethile.

Olandelayo uthi:

108. Manje, uma iNkosi yethu eligugu ibingangivumela ngiYenzele into encane, ngifanele ngibuyele emiphakathini yini lapho engikhonzise khona ingxenye e. . . ngokweduka (engizisolayo ngakho). . . ukufake kubakake lokho. . . futhi ngizame ukubatshele iQiniso na? Bebe kakhulu—bebe kakhulu ezinhliziyweni zami.

46 Qhabo, mfowethu, bengingecabange ukuthi bekunesidingo kuwe ukuba ubuyele emuva emphakathini ofanayo. Futhi ngikholwa ukuthi, mfowethu othandekayo, uma iNkosi ikubiza Ingahle ingakuvumeli neze ukuba uhambe njengoba wake waba

semphakathini, futhi wena mhlampe wafundisa izinto noma waba nezinto eyayinga...empeleni oyibona ngokwehlukile manje, uyabo, ongabona ngokwehlukile kulokho owakwenza ngaleyonkathi. Manje, futhi iNkosi, ngenkathi Ikubiza, Ingahle...uma Ikwenza kubeyikho ngempela kuwe, Ingahle ikuthume ndawondawo. Niyabo? Ubungeke udingeke ukuba uye kunoma imuphi umphakathi kumbe noma yini.

⁴⁷ Ngenkathi ulapho wawuqotho. Ngiyamazi umfowethu, njengoba ngisho, obhale lemibuzo. Ngobuqotho obujule ngokwedlula konke, nomKristu wangoqobo ngempela, wenze okwedlula konke obungakwenza nakho konke obukwazi ukuthi kwenziwa kanjani, futhi yilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo. Niyabo? Manje, ukuba uNkulunkulu ubengakubiza ubuyele kulowo mphakathi, bengiyothatha ngibuyele emuva ngqo futhi. Kodwa ukuba Ubengakwenzanga, ngi—ngikholwa ukuthi bengiyoya nje nomaphi lapho Engithumela khona. Ukhona umbuzo na?

Owesithathu:

109. Umuntu wazi kanjani indawo yabo eyiyonayona eMzimbeni kaKristu na?

⁴⁸ Lowo ngomuhle, muhle kakhulu, “Kukanjani...” Lolo bekungaba uhlobo lombuzo phakathi kwabaningi bethu lapha kulobubusuku, “Wazi kanjani ngokuyikho na?” Manje, ngithatha ngokuthi lomfowethu ufuna ukwazi “Ndawo yini, *ini* kuKristu, yiliphi iqhaza likaKristu engilibambayo na?”

⁴⁹ Manje, isibonelo nje, ngingasho kanje, mfowethu, ukukunika impendulo edlula yonke engiyaziyo. Indawo yakho i...kuKristu yembulwa kuwe nguMoya oNgcwele. Bese kuthi-ke uma ufuna ukwazi ukuthi ngabe nguMoya oNgcwele noma qha, thola ukuthi Uyakubusisa yini okwenzayo, noma qha. Futhi uma Ekubusisa, khona-ke nguYe. Uma Engabusisi...

⁵⁰ Njengomunye wathi kimi kungekudala, wathi, “INkosi yangibiza ukuba ngishumaye.”

Ngathi, “Awu, shumayela-ke.” Niyabo? Futhi ngakho u—u...

⁵¹ Ngempela ngicabanga ukuthi kukanjalo...uSathane, uma nje engathola omunye umuntu ukuba—ukuba aziphathe kanjalo bese-ke ebadukisa, yilokho nje afuna ukukwenza. Khona-ke lonke izwe likhomba ngomunwe wabo khona lapho. Omunye umuntu ucabanga ukuthi banesiphiwo sokukhuluma ngezilimi nokuhumusha; abanye unesiphiwo sokuphilisa ngokukaNkulunkulu; abanye unalezizinto njenge...Ngezinye izikhathi bayaphaphalaza kulezo zinto, niyabo. Futhi ngezinye izikhathi bacabanga ukuthi abanaso kanti banaso. Ngakho kuyaphamba ngempela.

⁵² Ngakho njalo yenzani lokhu, bazalwane, njalo uma uzwa ukuthi ufanele wenze into, kuqala thola ukuthi kungokomBhalo yini kuwe ukuba ukwenze (uma kusemiBhalweni). Okungabhaliwe nje endaweni eyodwa, kodwa ngiqonde ukuthi okungokomBhalo ngokupheleleyo kulolonke iBhayibheli kuwe ukuba ukwenze, indawo yakho, asithi uma ubungumvangeli, umelusi, umfundisi, umprofethi, noma ngabe yini uNkulunkulu abengakubizela ukuba ube yikho. Niyabo? Noma uma unesiphiwo sezilimi, isiphiwo sokuhumusha, isiphiwo sanoma—noma yiluphi uhlobo lweziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye ebandleni, nezikhundla zokomoya ezine zebandla, noma iyiphi indawo, kuqala bona ukuthi uNkulunkulu ukubizile yini.

⁵³ Manje-ke, ngokuvamile, indlela engikubhekisisa ngayo qobo lwami, nje...lona yimi, ngibhekisisa imvelo yomuntu bese ngibona ukuthi hlobo luni lwesiphiwo abazisho ukuthi banalo. Niyabo, uNkulunkulu uyosebenza ngesidalwa saKhe ngendlela Asenze ngayo. Niyabo? Uyokwenza isidalwa...

⁵⁴ Uma umbona eyisigwabugwabu ngempela futhi eqhubeka, u...futhi uthi, “INKosi yangibizela *ukuthi-nokuthi*, ukuba ngibe umelusi.” Manje, umelusi angebe ngumuntu oyisigwabugwabu. Umelusi uqinile, uyezwakala. Niyabo?

⁵⁵ “UNkulunkulu wangibiza ukuba ngibe umfundisi.” Futhi mbhekisise ukuthi ulihumusha kanjani iZwi. Niyabo? ULixova lonke nakho konke, wena-ke ungasho. Niyabo?

⁵⁶ Kodwa, manje-ke, into yokuba yenziwe, indawo yakho ngokuvamile yaziwa ngokuthi ungakwenza yini noma qha.

⁵⁷ Manje, ngenkathi uNkulunkulu engibizela ukuba ngibe umvangeli, ngangifuna ukuba umelusi. Futhi ngangicabanga ukuthi ukuhlala ekhaya lapha kungaba kuhle nje. NeNkosi yangibiza. Futhi ekugcineni bonke abantu bahlangana... Akukho namunye wabo osasele kulobubusuku phakathi lapha, ukuthi bakhala futhi baphumela lapho eMgwaqeni uSpring 1717. Nenekazi, uNkk. Hawkins ngapha, wadibana nami wayesethi (ekhala, ngesikhathi sendlala yokungabi namali, ngenkathi omunye komakhelwane wayepheka ingxovangxova kabhontshisi futhi sonke sasingena futhi sidle kulokho), wayesethi, “Ngizovumela abantwana bami babe setafuleni uma kuphela uzongakhela itabernakele.” Niyabo?

⁵⁸ Nobizo lwami lwalungukuba ngumvangeli. Ngokusa... Ngibeka khona lapha kulelitshe legumbi, ukuba besingaqhumisa phakathi lapho kulobubusuku, benizobona ikhasi elingabhalwe lutho elisuswe eBhayibhelini lami lapho Angitshela khona ukuba ngibe ngumvangeli. Niyabo? Futhi ngangingesuye umelusi ophumelelayo, angizange ngibe nguye, ngoba anginakho ukubekezela nokuthi kuthathani ukuba ngumelusi. Niyabo? Ngakho ngakho-ke ukuba ngazama ukuba

ngumelusi, ngangiyoba kude nje ngiphume njengomelusi ezama ukuba ngumvangeli.

⁵⁹ Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ungayibona indlela iNkosi ekubiza ngayo, ukuthi indawo yakho iyini eMzimbeni. Ukhona umbuzo na?

110. Ngabe bonke abantu abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele bakhuluma ngezilimi masinyane kakhulu yini noma kamuva na?

⁶⁰ Lowo ngumbuzo wokuqala, “Ngabe bonke uMoya oNgcwele...” Manje-ke, konke kusembuzweni owodwa, nginakho kwabelwe lapha kube umbuzo wesine. Kodwa ngizo—ngizosho lukhu kuqala, niyabo:

Ngabe bonke abantu bakaMoya oNgcwele bakhuluma ngezilimi masinyane kakhulu yini noma kamuva na? Ngithola lapho uPawulu athi khona wa “khuluma kakhulu ngezilimi kunabo bonke.”

Kulungile, umbuzo wesine: **Ngabe bonke bakhuluma ngezilimi uma bemukela u... Noma, qhabo, kuthe: Ngabe bonke bakhuluma ngezilimi... Qhabo: Ngabe bonke abantu abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele bakhuluma ngezilimi masinyane kakhulu yini noma kamuva na?**

⁶¹ Manje, mfowethu, ngi... Lona ngumbuzo ojulile. Manje, lapho, cishe u... Cishe ngizoba nezimpendulo emuva kulokhu.

⁶² UMoya oNgcwele, ingxenye kaMoya oNgcwele ngukulungisiswa. Lokho kungenkathi lapho wena uqala... UNkulunkulu uzofanele akubize kungenjalo awusoze wabizwa. Uyabo, akukho ongakwenza ngesingawe. “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.” Kunjalo na? Ngakho ingxenye yokulungisiswa inguMoya oNgcwele.

⁶³ Nike nangizwa ngichaza kuleyonhloko yamaLuthela ngalesosikhathi mayelana nensimu yombila na? Niyabo, “Umbila, indoda yaphuma yase itshala kokubili... yatshala insimu yayo yombila. Ngokusa okulandelayo yaphuma futhi ‘lutho.’ Emva kwesikhashana yathola imicwi emincane emibili imila, yathi, ‘Akadunyiswe uNkulunkulu ngensimu yami yombila!’” Ngase ngithi, “Ngabe yayinayo yini insimu yombila na?”

Nenhloko yamaLuthela yathi, “Sekungashiwo.”

⁶⁴ Ngathi, “Kunjalo, sekungashiwo ukuthi yayinayo.” Kodwa ngathi, “Nge...” Ngathi, “Lokho kwakuyini maLuthela.”

⁶⁵ “Kancane kancane amahlumela akhula futhi kufika entshakazeni. Leyo kwakuyiMethodisti. Isigaba sesibili sommbila, intshakaza.” (Ngicabanga ukuthi kunjalo, nina bazalwane baseplazini.) “Bese kuthi-ke intshakaza ibuka emuva phansi ecembeni yase ithi, ‘Hha! Ngiyintshakaza, wena uyicembe nje! Niyabo, angisakudingi.’ Bese kuthi-ke

intshakaza . . . Impova iwa isuka entshakazeni, ibuyele ecembeni futhi; izofanele ibe necembe.”

⁶⁶ “Bese kuthi-ke ukusuka kulokho uveza isikhwebu. Leyo kwakuyiPhentekoste, ukubuyiselwa kwezephiwo njengoba zahamba endaweni yokuqala, kubuyela kokwasekuqaleni. Bese kuthi-ke uma isikhwebu siphuma, sathi, ‘Angikudingi, ntshakaza. Kanjalo angikudingi, cembe.’”

⁶⁷ Kodwa, empeleni, impilo efanayo eyayise—semcweni wommbila yenza intshakaza. Nalokho okwakusemncweni nentshakaza kwenza uhlamvu. Ngakho uyini uMoya oNgcwele ukhuluma ngezilimi na? Ngukulungisiswa osequhubekele phambili. Niyabo? Yini ibandla lamaPentecostal na? ILuthela eseliqhubekele phambili. Niyabo?

⁶⁸ Kodwa manje uma ukuqhubekela phambili sekufikile, umbuzo bekungaba yilo, “Pho ngingahlala nje na?” Qhabo! Qhabo, ummbila usuvuthiwe. Niyabo? Uqala ngohlamvu. Uqale nge—ngeZwi, uhlamvu, Liyoveza ukulungisiswa. Futhi lihlale ekulungisisweni Lize liveze ukungcweliswa. Hlala ekungcweliswa uze wemukele uMoya oNgcwele.

⁶⁹ Manje uma wemukela uMoya oNgcwele, Uyokwenzani na? Yini i . . . Usekhona umbuzo, aninawo na? Kulungile:

111. Yini “ukukhuluma ngezilimi na”?

⁷⁰ Ukukhuluma ngezilimi akulutho kodwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele okulungisisile futhi wakungcwelisa. Ugwalise kakhulu! Manje, bengifuna . . . Bengifuna lombuzo. UNkulunkulu uyazi angizange ngazi ukuthi indoda ibizobuza, iphendule . . . noma iwubuze.

⁷¹ Manje, ngabe kukakhulu . . . uma kushisa kakhulu phakathi lapha, vulani lowomunyangano uma nozela noma okuthize. Ngifuna nithole lokhu kahle futhi kuqine. Isizathu ku—kufudumele kancane ngempela, kungahle kunezelise.

⁷² Manje qaphelani, qaphelani lokhu: ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

⁷³ Manje bukani lapha, nakhu. Ake ngikufanekise ngokukwenza. Manje, ngiphansi lapha, ngiyisoni, ngiya *ngapha*. Kanye, emva kwesikhashana, Into ethize ikhululma kimi. Futhi ayikho into engangijikisa kodwa uNkulunkulu. Kunjalo na? Ngijikiselwa *ngapha*. Manje, uma ngijika, lokho ngukulungisiswa kwami. Kunjalo na? Manje, isithombe siyinto yami yokuhamba, niyabo, isithombe sikaKristu.

⁷⁴ Manje ngifuna ukufika endaweni lapho engingezwa khona ngikahle ngakuYe. Niyabo, ngilungisisiwe. Manje ngifika kulesisigaba *lapha* lapho engingakhuluma khona kuYe, ngoba . . . ngisalokhu nginamahloni ngami. Ngisabhema, ngisaqamba amanga, ngenze izinto zokunyanya ezincane ebekungafanele ngizenze, futhi ngasosonke isikhathi

impumelelo nokungaphumeleli kwami, *impumelelo nokungaphumeleli*, kodwa ngifuna Yena ukuba angihlanze kuzozonke lezozinto ukuze ngenyukele kuYe ngempela futhi ngikhulume kuYe. Niyabo? Kulungile, nakhu, kungukungcwe-... isigaba sokungcweliswa. Manje, kwenzani na? Kwangiqondisa. Niyabo?

⁷⁵ Manje ngiqhubekela kuMoya oNgcwele. Niyabo? Futhi uma ngingena *lapha* ngikuMoya oNgcwele ngombhaphathizo. Kunjalo na? Wenzani uMoya oNgcwele na? Unginika amandla. Amandla okuba ngumshumayeli, amandla okuba ngumculi, amandla okukhuluma ngezilimi, amandla okuhumusha izilimi. Ugcwele amandla, ngokuba uMoya oNgcwele ungamandla kaNkulunkulu. Futhi kwakungamandla kaNkulunkulu angijikisayo. Kwakungamandla kaNkulunkulu angingcwelisayo. Manje ngamandla kaNkulunkulu angicwalisile.

⁷⁶ Manje, ngethuba elithize, ngimi *lapha* futhi ngizama ukusho into ethize naMandla kaNkulunkulu afika phezu kwami ngendlela enkulu ngangokuthi ngize nje ngingabe ngisakwazi ukukhuluma. Niyabo? Futhi ngiqale ukungingiza. Sengathi bengizothi, “Bazalwane,” njengokuthi ngimi kanje.

⁷⁷ Nakhu, ngizokufanekisa ngokukwenza ngalendlela. Ngizokhuluma kini bazalwane ukuze nizoqiniseka ukuthi niyakuthola. “Sa—sa—sawubona, mfowethu?” Niyabo, ngisalokhu nginecala. “A, ngi—ngijabula impela ukuthi ngi—ukuthi ngisalokhu ngingomunye wenu. Ngi—ngi—ngijabula kakhulu, niyabo.” Kulungile. Manje, emva kwesikhashana, ini? Ngiyazi ningibuka ngqo futhi niyazi ukuthi ngisenza izinto, ngisenza izinto enokungcola kwezwe kuyo.

⁷⁸ Emva kwesikhashana ngithola ukuhlanzwa. Manje kukhona okwenzekile, ngingcwelisiwe. Senginganibuka ngqo ebusweni, ngingomunye wenu. Niyabo? “Kulungile, mfowethu. Akadunyiswe uNkulunkulu! Ngiyajabula ukuba kuleliqembu likaMoya oNgcwele. Ngiyajabula ukuba phakathi kwenu bazalwane abangcwele.” Ngani? Ungeke usabeka umunwe wakho kimi, sengihlanziwe. Kodwa manje uNkulunkulu uzongifaka enkonzweni. Manje, yebo, mnumzane!

⁷⁹ “Mfowethu uBranham, walungisiswa na?”

⁸⁰ “Yebo! Ngiyakhumbula ngenkathi kwakulukhuni nje ukuba ngikubuke. Mfowethu, sengingakubuka ebusweni manje.”

⁸¹ Niyabo, *silapha*. Manje, kuyini lokhu okunye na? Manje ngizo. . . *Lokhu* kuhlanziwe kwase kubekwa eceleni *kwenzelwa* ukusetshenziswa, *nalokhu* kuzongeniswa *ekusetshenzisweni*. Manje sonke siyazi ukuthi igama elithi *ngcweliswa* liyigama leseGreki, igama lesiGreki elingumbaxambili elichaza ukuthi “kuhlanziwe, kwase kubekwa eceleni kwenzelwa ukusetshenziswa.” Izitsha sihlanziwe futhi ngealtare, futhi

sangcwaliswa ngealtare sasesibekwa eceleni *senzela* ukusetshenziswa. Kodwa ukuba sekusetshenzisweni sifanele ukuba sigcwaliswe futhi sifakwe ekusetshenzisweni.

⁸² Manje, ngiya ngapha futhi manje ngingena *ekusetshenziselweni* inkonzo. Manje, kwakunguNkulunkulu owangijikisayo, ethi, “Ngizwe. Ngizwe! Ngizwe!” Futhi Wathi. . .

⁸³ Niyakuthola engikuqondile na? Niyabo? Futhi lapha, [UMfowethu Branham ufanekisa ngokulingisa omunye ekhuluma ngezinye izilimi—Umhl.] . . .? . . . Niyabo, lapha, ugcwele nje kakhulu u. . . Yilokho-ke. Nakho lapho okhona, lokho ngukukhuluma ngezilimi.

⁸⁴ Futhi ngikholwa yilokhu manje: angikholwa ukuthi ukukhuluma ngezilimi kuyinoma ibuphi ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele. Akusibo! Ngoba ngibanonile abathakathikazi, abathakathi, abaphathizi-nyoka, odeveli, yonke enye into ikhuluma ngezilimi, futhi akusiso isenzo esingenakuphosisa sikaNkulunkulu (uma ukhuluma ngezilimi) ukuthi unoMoya oNgcwele. Kodwa, khumbula, uMoya oNgcwele uyakhuluma ngezilimi nodeveli angakulingisa.

⁸⁵ U—ubufakazi obubonakalayo ukuthi unoMoya oNgcwele yimpilo oyiphilayo, uyabo, “Niyakubazi ngezithelo zabo.” Futhi isithelo sikamoya asisikho (akukho ndawo emBhalweni okutholakala khona) ukukhuluma ngezilimi. Isithelo sikaMoya siluthando, ukujabula, ukukholwa, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Niyabo, manje, yilesa isithelo. Yilokho-ke okuthola esihlahleni ukusho ukuthi hlobo luni lwesihlahla esikuso. Niyabo?

⁸⁶ Yilokho amadoda akubuka kini bashumayeli, nakini badikoni, nani baphatheli, nani bavangeli. Bewungakukhuluma ngezilimi phandle lapha esitaladini usuku bonke, bebengeke neze bakukholwa. Kodwa phila lokho okhuluma ngakho, khombisa ubumnandi, nazo zonke izimpande zokubaba ziphume kuwe, khona-ke umuntu uzoqonda ukuthi kukhona okuthize.

⁸⁷ “Ukukhuluma ngezilimi.” Manje, ngiyakukholwa lokhu, ukuthi okunye ngesinye isikhathi, ukuthi umuntu ogcwaliswe ngoMoya olele phansi kwe-altare likaNkulunkulu uyokhuluma ngezilimi. Kodwa ngibanonile abaningi bekhuluma ngezilimi abangakaze bazi lutho ngoNkulunkulu. Niyabo? Abazi lutho nhlobo ngaYe, kodwa basalokhu bekhuluma ngezilimi. Noma yisiphi salezoziphiwo zingalingiswa. Niyabo?

⁸⁸ Kodwa isithelo sikaMoya sifakaza ukuthi Moya muni ongaphakathi, uthela ubufakazi bokuPhila kukaJesu Kristu. Ngoba uma kukhona amanzi esihlahla samapentshisi esihlahleni sama apula, siyothela amapentshisi impela njengezwe. Kunjalo. Niyabo, ngoba ngukuphila okuphakathi kuso.

⁸⁹ Manje, leyo yinto efanayo elapha. Kodwa manje, ukuze nginethulele lokhu nonke, ukuze sonke sikwazi ukwazi into efanayo. Ngikholwa ukuthi umuntu ogcwaliswe ngoMoya o...Manje ungena kuKristu ngombhaphathizo, futhi nje... lokho akusikho... Ukukhuluma ngezilimi akusibo ubufakazi obubonakalayo bombhaphathizo. Niyabo?

⁹⁰ Umbhaphathizo, ubungabhaphathizelwa emandleni kadeveli, futhi ukhulume ngezilimi ngombhaphathizo kamoya okhohlisayo kadeveli. Kukangaki sikubone kwenziwa na? Kukangaki ngikubone kwenziwa na?

⁹¹ Ngike ngababona bephuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu futhi bekhuluma ngezilimi.

⁹² Ngibone abadansi bezinyoka ogwadule ngenkathi bezongolozela lezizinyoka ezinkulu bese behamba bekhuluma. Umlumbi uphuma kanjalo, futhi bakhulume ngezilimi futhi baluhumushe.

⁹³ Ngike ngaba semakhempini abathakathikazi lapho ababebeka ipensela phansi kanjalo, bese bebeka incwadi phansi kanje, nepensela lehla lenyuka epayipini lesitofu, bese lidlala lithi, “*Ukushefa nokugunda izinwele, twenty-fayifi sente,*” bese libhala ngezilimi ezingaziwa, nomlumbi aluhumushe futhi asho khona impela okwenzeka. Ngi—ngiyakwazi lokho qobo lwami. Niyabo? Ngakho ngi... Niyabo, ungeke...

⁹⁴ UPawulu wathi, “Lapho okukhona izilimi, ziyokhawuka. Lapho okukhona iziprofetho, siyokwehluleka. Lapho zonke leziziphiwo, masinya ziyakuphela.” (Sinombuzo kamuvanyana.) “Kepha nxa sekufikile lokho okupheleleyo, lokho okuyingxenye kuyaphela.” Niyabo? Ngakho sifuna into epheleleyo, bazalwane. Niyabo? Sibone izinto eziningi kakhulu eziyimbumbulu futhi zinikeza ukuhumusha okuyiphutha kulo.

⁹⁵ Futhi ungalokothi ubhekane nomuntu futhi—futhi ukholwe ukuthi banoMoya oNgcwele ngoba bakhuluma ngezilimi. Niyabo? Kodwa ukholwa ukuthi banoMoya oNgcwele ngenxa yezithelo abazithelayo, ngokuba uJesu wathi, “Niyakubazi ngezithelo zabo.” Niyabo? Kunjalo, “Ngesithelo sabo.”

⁹⁶ Manje, kodwa manje, mangingasuki nje kulokho manje, ngoba angifuni ukungahloniphi isiphiso esikhulu uNkulunkulu asinikezile. Niyabo? Futhi ngiyakholwa ukuthi owesilisa noma owesifazane ogcwaliswe ngoMoya, noma umntwana, ophila phansi kwealtare likaNkulunkulu, angeke ahlala lapho isikhathi eside bayoze bakhulume ngezilimi. Niyabo? Ngikholwa ukuthi uyokwenza owesilisa, noma yena owesifazane.

⁹⁷ Manje, ungawemukela uMoya oNgcwele futhi mhlawumbe awukhulumanga ngezilimi ngenkathi uWuthola. Niyabo? Kodwa uma njalunjalo ulala lapho phambi kukaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi, nombhaphathizo emva kombhaphathizo

ugadla kuwe, kukhona okuzokwenzeka. Niyabo? Uyothola ukugcwaliswa kakhulu ngoluny' usuku uze ungabe usakhuluma lutho olunye; uyabo, u—u—uzama ukusho into ethize, awusakwazi nje ukuyisho, futhi nje awukwazi ukuyisho. Futhi izikhathi eziningi uma abantu beqondile ukuthi lowo bekunguMoya oNgcwele bebeyoqhubeka futhi nje bavule nge inhliziyo yabo futhi bavumele uNkulunkulu akhulume kubo.

⁹⁸ IBhayibheli lathi, “Ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu.” UIsaya 28, niyabo, 28:18. Manje, “Ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma.”

⁹⁹ Yini uku “ngingiza?” Umuntu ongenakukhuluma kucace, ethi, “Hhe, a, a, hhe, a, hhe, a, hhe.” Uvele nje. . . uyangingiza, uzama nje, “Hhe, a, hhe.” Niyabo, nje ugcwele kakhulu uMoya! Uzama ukusho. . . Njengoba bengizothi, “Mfowethu Ja-Jack-. . . Ja-. . . Mfo'ethu Jack-. . . Mfowethu Ja-Ja-Jack-Jack-Jackson.” Niyabo, khona kanjalo, uzama ukusho, awukwazi ukukusho. Niyabo, kunjalo, ugcwaliswe kakhulu ngoMoya! Ku. . .

¹⁰⁰ Ngifuna ukunibuza nina bazalwane, senake nawuzwa uMoya oNgcwele unishukumisa kabi kabi kuze kubel'khuni cisho nokusho lutho, mhlawumbe uhlale uthule nje ngesinye isikhathi, uhlale lapho nje futhi ukhale na? Sewake wakwenza lokho na? Awu, lowo nguMoya oNgcwele. Uma ubunga. . . Isizathu abantu bengakhulumi ngezilimi izikhathi eziningi, abazi ukuthi kuzinikelwa kanjani eMoyeni futhi babheke into ethize ekude le kanti Uphezu kwabo ngqo. Niyabo? Yingalesosizathu benga. . .

¹⁰¹ Futhi-ke abanye abantu nje bazithola sebesetshenzelwe edlingozini futhi basho isixheke samazwi elingenancazo kulo, futhi babe besalokhu bengenawo uMoya oNgcwele, futhi bazame ukusho ukuthi banawo ngoba bakhuluma ngezilimi. “Niyakubazi ngezithelo zabo,” niyabo.

¹⁰² Manje, ukhona umbuzo na? [UMfowethu Junior Jackson uthi, “Mfowethu Branham?”—Umhl.] Yebo, mfowethu. [“Ngiyajabula ukuthi lowombuzo ubuziwe, ngoba akungabazeki ukuthi omunye ubemangala ukuthi ini mhlawumbe ngikholwe futhi ngafundisa isikhathi eside. Kodwa ngiyakukholwa njengoba nje wakufundisa.”] Ngiyabonga, Mfowethu Jackson. [“Kungakhathaleki ukuthi ngingakhuluma kangaki ngezilimi, kumbe noma yini, uma impilo yami ingakufakazeli okushiwo yiBhayibheli khona-ke angingcono kunenja enesimilo esibi ihamba emgwaqeni.”] Kunjalo. [“Futhi angizange neze ngikhulume ngolwimi olungaziwa kwaze kwaba yizinyanga eziyisithupha emva kokuba sengemukele umbhaphathizo wami.”] Leyo kuthi akube yindlela engenza ngayo, nami, Mfowethu Jackson.

¹⁰³ Ngemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele emuva eshedeni lami, niyabo. Futhi cishe emva konyaka, noma into efana naleyo, ngangi—ngangi . . . ngakhuluma ngezilimi.

¹⁰⁴ Futhi cishe onyakeni noma emibili emva kwalokho, ngangishumayela futhi ebandleni, futhi nga—ngangimile emsamo kanje, futhi ngi . . . ngenkathi ngisemusha futhi ngangingagongobele futhi ngimdala njengoba nginjalo manje, ngangihambahamba kangconywa futhi ngangishesha kakhulu ukuzwela ekushumayeleni. Ngangimi lapho ngishumayela futhi nje ngaxumela edeskini. Kwakusebandleni lamaBaptisti, ibandla leBaptisti eMilltown, futhi ngehlela ngqo esikheleni sezihlalo, ngishumayela kakhulu nje njengoba ngingashumayela kanjalo. Futhi nje lapho ngima ukushumayela, Okuthize nje kwangithatha ngonke futhi kwasho amazwi amaningana, amane noma amahlanu, noma amazwi ayisithupha, ngezilimi ezingaziwa. Futhi ngaphambi kokuba ngazi ukuthi ngangenzani, ngazizwa ngimemeza “IDwala ezweni lokuKhandleka, uMthunzi ngesikhathi sesiphepho.” Niyabo?

¹⁰⁵ Futhi-ke ngelinye ilanga ngangehla ngomzila wakwaloliwe, ngangehla ngomzila wakwaloliwe, ngapha kwaseScottsburg, ngiza ngehla ngomzila wakwaloliwe, ngehla ngenyuka ngiqaphile. Imimoya ivunguza kanzima, o, he, neqhwa ndawozonke emzileni, futhi ngawelela ngaphesheya ukuze ngikwazi ukwehla inkulungwane engamashumi amathathu nantathu yami; amashumi ayisithupha nesithupha enyuka ngenye indlela, uhlobo lokuhamba ngokulinganisana emzileni. Futhi ngangiza ngehla ngomzila, futhi khona manjalo . . . ngangihamba ngalapho, ngangicula. Ngangicula njalo. Nganginezindawo ezehlukene lapho engangiyakhona ukuyokhuleka. Futhi ngangihamba ngalapho, ngicula, futhi khona manjalo ngithola ukuthi ngangikhuluma ngezilimi, niyabo, ngingazi ukuthi ngangenzani.

¹⁰⁶ Ukukhuluma ngezilimi kufika ngokushisa okukhulu ngangokuthi umuntu kulikhuni ukuthi azi ukuthi benzani, noma, abazi ukuthi bathini. Futhi ukuhumusha kuyindlela efanayo. Abazi ukuthi bazothini. Abasenawo umqondo ukuthi bazokusho, ngoba kungokungaphezu kwemvelo. Niyabo, inqobo nje uma uthola okwemvelo kukho khona-ke awu . . . u—u—unokwemvelo, niyabo. Kodwa uma okuthize kukudumela nje futhi kukubambe, futhi uyakwenza. Niyabo?

¹⁰⁷ [UMfowethu Neville uthi, “Mfowethu Branham, ngingakusho okuthize khona lapha na?”—Umhl.] Impela, ungakusho, Mfowethu Neville. [“Manje, wena ukusho ngaleyondlela, awuhlosile ukusho, nokho, ukuthi—ukuthi izilimi zizofanele zibe ngokwenqubo enkonzweni uma umuntu engakwazanga ukukulawula na? Ngoba u . . . Umuntu onesiphiwo ufanele abe sekusilawuleni.”] Angazilawula yena.

Yebo. Nje njenge... [“Ufanele ube nokuzwa okwenele ukuthi usezokhuluma ngezilimi”] ya, kunjalo [“kungenjalo uphumile enqubweni ukuqala nje.”] Kunjalo, uyakuzwa. Niyabo? Manje, njengoba iBhayibheli lathi, “Uma—uma ekhona okhuluma ngezilimi futhi kungabikho ohumushayo, khona-ke makathule.” Manje, kusobala.

¹⁰⁸ Ake sithi, isibonelo nje, ngimi lapha, noma ubani, uma ulungiselela ukumemeza, into efanayo. Sewake wawezwa amandla kaNkulunkulu efika kuwe uma uqala ukumemeza na? Bangaki asebake bakwenza lokho na? Awu, sonke sinakho. Niyabo? Uvele uhlale lapho nje, uyakuzwa kuza. Manje, kunezikhathi lapho ongakucima khona lokho, uyabo. Ungakubamba, niyabo, akulungile.

¹⁰⁹ Ukuba-ke ubumile, ukhuluma no—noMongameli waseUnited States, noma ubumile phandle lapha ukhuluma nemeya yedolobha, futhi ubukhuma ngento enye ethize, khona phandle emgwaqeni lapha, ukhuluma nesixuku sabantu, futhi khona manjalo uzizwe nje sengathi ubungagxuma phansi-naphezulu, futhi umemeza kakhulu futhi umpongoloza “Udumo! Haleluya!” futhi ukhahlela uphikisana nayo yonke into futhi ugijima wehla wenyuka ngesitaladi kanjalo. Bebezothi ubuhlanya. Niyabo? Bebezothi, “Leyondoda iyahlanya.” Niyabo?

¹¹⁰ Awu, niyabo, nazi kangcono kunokwenza-ke. Uyabamba, nakuba kumba nje phansi kuwe futhi kul’khuni nje ukuthi ukubambe. Wena uthi, “Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Ehhe. Ehhe. Ya. Yebo, mnumzane. Ehhe.” Mfana, iyakumba nje ube yizicucu kodwa uyakwazi ukuthula khona manjalo. Niyabo?

¹¹¹ Njengasendlini yenkantolo lapha kungekudala, babenamanye amaPentecostal enhla ngo—ngokwenza enye into, ememeza kakhulu kakhulu noma okuthize, okwakungukuthi babe—babengokomthetho uqobo, niyabo, kuqinisile. Kodwa njalo umahluleli wayehamba ayokhuluma noma ayosho into ethize kubo, babekhuluma ngezilimi. Niyabo? Umahluleli wathi, “Susani labobantu abahlanyayo lapha.” Niyabo?

¹¹² Manje, uma kwakukhona ukuhumusha kulezozilimi futhi kwatshela umahluleli “ISHO KANJE INKOSI,” into *ethize-thize* eyayingaba yiqiniso, “ISHO KANJE INKOSI! Mahluleli, umeleni lapha ungehlulelela ini ube izolo uhlale nesifebe na? Igama laso belinguSally Jones, sakhe ezansi endaweni e*Thize-thize-thize* e44, kanjalo. Ungehlulelelani na? Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI! Manje kuphike lokho futhi uzowa ufe.” Manje, o, mfowethu! Kukhona okwehlukile lapho.

¹¹³ Kodwa nxa uma nje futhi ukhulume, wayesethi, “Uyiqaba kubo.” Niyabo? Manje, uyazi ukuthi ufanele uthule nini futhi ungakwenzi nini. Niyabo? Manje, lokho yi... Niyabo. Ngi...

Ningithola ngqo manje, niyazi ukuthi ngisho ukuthini. Niyabo? Yilokho-ke. Ngempela . . .

114 Sinawo lowombuzo phansi lapha ngqo. Isizathu bengiwubambe kanje, sinento efanayo, “Ngabe bafanele bathule na?” Niyabo? Yingalesosizathu ngingawuphendulanga ngiwukhiphe kungabi ngaphezu kwalokho obukusho. Kodwa yilesisikhathi, ngiwuphendula manje, niyabo, khona manje. Futhi sizowuthola futhi kulombuzo phansi lapha, futhi nje ngizothathisela kuwo emuva. Ngabe wonke umuntu uyawuqonda lowombuzo kahle na?

[UMfowethu Fred uyabuza, **“Mfowethu Branham?”**—Umhl.]
Yebo, Mfowethu Fred. [**“Ngabe—ngabe umuntu ukhuluma ngo—ngoMoya, upha ukuphumisela (ake sithi uyiNgisi futhi angasikhuluma isiNgisi) futhi uMoya Ungapha ukuphumisela na?”**]

115 Impela. Yebo, mnumzane. Niyabo, ngoba uMoya oNgewele ukhuluma ngalo lonke ilwimi. Niyabo? NgoSuku lwePentekoste lonke ilwimi phansi kweZulu lwalubuthene ndawonye, niyabo. Ukukhuluma ngesiNgisi. . . Manje, ngihlala ngikwazi njalo lokhu, Mfowethu Freddie, qobo lwami, ukuthi ngi. . . uma ngike ngishumayele intshumayelo kukhona noma luphi ugcobo kuyo, nguMoya upha ukuphumisela, niyabo. Yi. . . Niyabo? Ngakho lolo bekungaba wulimi olungaziwa kumuntu obengasiqondi isiNgisi. Kodwa nokho. . .

116 Futhi njengolimi olungaziwa nje alusilo ulimi “olungaziwa,” wu. . . ukhona umuntu mumbe lapho. . . NjengasoSukwini lwePentekoste, bathi, zonke lezizoni, bathi, “Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe ngolwimi lwakithi na? Kungani *sizwe* laba baseGalile bekhuluma ngolwimi lwakithi na?” Kwakungekho nhlobo “ukungaziwa” ngalokho. Ayikho into enjalo njengezilimi “ezingaziwa” ePhentekoste. Manje, niyabo, lokho akukho ngokomBhalo nhlobo. Niyabo? Lwalungekho olungaziwa. . . kwakungesilo ulimi olungaziwa, kwakululwimi. “Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe ngolwimi lwakithi esazalwa nalo na?” Akukho lutho olungaziwa ngalo nhlobo. Niyabo? Lokho. . . noma yimuphi umbuzo kulokho manje, khona manje ngaphambi kokuba siwushiye na? “Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe ngolwimi lwakithi na?” Niyabo?

117 [Umfowethu uthi, “Yilokho—yilokho lapho kunephushana khona ngenxa yobuthakathaka bomuntu, futhi uma abantu beyo—beyohluleka ukwemukela noma yini, kuphela uthi, ‘Angeke ngikukholwe nanganoma yiyiphi indlela, kuphela ngokweZenzo 2:4!’”—Umhl.] Awu, uma babanakho ngokweZenzo 2:4 bebengeke nhlobo bakhulume ngolimi olungaziwa. [**“Qhabo, olwimini.”**] Hhe-e. Babeyofanele bakhulume ngo—ngolwimi abantu abakuzwile, niyabo, ngoba “wonke umuntu wezwa ngolwimi lwakubo.”

118 Manje, uma ngemukela uMoya oNgcwele khona manje, ngoku...ngithi...ngiyakholwa ukuthi kukhona umfowethu oyedwa lapha ofuna uMoya oNgcwele, okungu—ngu—nguMfowethu Wood. Kunjalo, Mfowethu Wood na? Angiqondile ukukubiza, kodwa konke...singabazalwane nje lapha futhi sifuna ukusho lokhu. Futhi ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Manje, uma uMfowethu Banks emukele uMoya oNgcwele lapho, indlela eyiyonayona, uma aWemukela ngokweBhayibheli, ubengasukuma khona lapho, akukhulume, ebengakukhuluma ngesiNgisi, futhi athi, “UJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu uvukile,” ubekukhuluma ngesiprofetho esishisayo esikushoyo. “Ngiyazi ukuthi Ukhona, ngoba Ufikile nje enhliziyweni yami. UyiNdodana kaNkulunkulu! Izone zami zihambile, kukhona into eyenzeke kimi.” Niyabo? Nakho lapho okhona. Lokho ukukhuluma nge. . .

“Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe ngolwimi lwakithi na?”

119 Ake sithi, ukuba-ke thina bantu baseIndiana sasikhuluma ulwimi olwehlukile kubantu baseKentucky, futhi uMfowethu Banks ungumKentucky na? Futhi-ke bakhuluma ngolwimi olwehlukile-ke, futhi lapha siyazi ukuthi ubengeke akhulume ulwimi lwaseIndiana. Futhi-ke wasukuma lapho ekhuluma ngo—ngolwimi lwaseIndiana, futhi azi ukuthi akalwazi. Niyabo? Futhi simuzwa ngolwimi lwaseIndiana, ucabanga ukuthi ukhuluma ulwimi lwaseKentucky. Uyafakaza nje, “Akabongwe uNkulunkulu! UJesu uvukile kwabafuleyo. Haleluya!” kodwa simuzwa ngolwimi lwaseIndiana.

120 Kungaleyondelela okwakungayo ngoSuku lwePentekoste. Niyabo? “Yini pho ukuba sonke sizwe,” niyabo, “bhekani, laba bonke abakhulumayo abasibo abaseGalile,” niyabo, abaseKentucky na? “Futhi yini pho thina base Indiana, e Ohio, nase Illinois, nase Maine, nase Massachusetts, nabase California, simuzwe ngolwimi lwakithi esazalwa nalo na?” Niyawuthola umqondo na? Niyabo, ngukuphefumulelwa. Niyabo, ngukuphefumulelwa kubo ukuzwa, ngukuphefumulelwa kubo.

121 Niyabo, umlayezo...into yakho ngukuthi, ubufakazi bovuko lukaJesu Kristu. Niyabo, kunjalo. Manje, uma uNkulunkulu engaphili leyoMpilo kuwe, akunandaba ukuthi ufakaza kakhulu kangakanani ngaKho, usalokhu ungaKutholanga. Niyabo? Kunjalo. Ukuthi ukahle kanjani. . .

122 Ukhona omunye umbuzo manje na? [UMfowethu Roy Roberson uthi, “Awu, Mfowethu Branham, ngicabanga ukuthi lokho sakubona kwenzeka emgqeni womkhuleko, leyontombazane yaseSpain.”—Umhl.] Yebo. Kuhle kakhulu, Mfowethu Roy. Kwaku—kulapho ngqo engiyakhona manje,

e Beaumont—Beaumont. Kwakuse Beaumont na? Yebo, mnumzane.

123 Manje, umugqa womkhuleko wamiswa. Kwakukhona intombazane encane yaseSpain enyukela emsamo. Awu, ngokusobala, ngikholwa ukuthi ngangiphuma, kwakungenjalo na? UHoward wayengikhipha, futhi—futhi lokhu... nge—nge—ngezwa othile ekhala, kwakuyintombazane encane yase Spain lapho, o, cishe ishumi nanhlanu, iminyaka eyishumi nesithupha ubudala, kunjalo... umntwana nje. Futhi—futhi ngabuka, futhi yayiyoba yikhadi lomkhuleko elilandelayo ukuba ngangiqhubekele phambili. Ngangesigejane phezulu lapho, yayiyoba yikhadi lomkhuleko elilandelayo. Ngathi, “Iletheni ize.” Ngakho bayiletha yeza phezulu. Ngangiwelela komunye umhlangano, futhi ngathi, “Iletheni ize phezulu.”

124 Ngakho, ngathola ukuthi, ngathi kuyo into enjengale, “Manje, uzokholwa na? Uma uJesu ezongisiza ukukutshela ukuthi yini okungalungile ngawe, uzokholwa ukuthi—ukuthi Uzokuphilisa na?” Futhi yayilokhu nje ikhothamise ikhanda layo. Ngacabanga ukuthi yayiyisithulu nesimungulu. Niyabo?

125 Ngakho ngenkathi ngibuka futhi, ngathi, “Qhabo, ayikwazi nje ukukhuluma isiNgisi.” Ngakho bathola umhumushi ukuba eze lapho, futhi ngathi, “Uzokholwa na?” Futhi yaqhweba emuva ku... Khona-ke yakwazi ukuqonda ngomhumushi, kusobala. Niyabo?

126 Awu, khona-ke ngathi... Futhi ngabuka futhi ngabona umbono. Ngathi, “Ngikubona uhlezi ngaseziko eliyifeshini endala neketela elikhulu lishwibeka liphuma, ligcwele isikhwebu zombila ophuzi. Wena o-...” Uyakukhumbula lokho, Mfowethu Roy na? Ngathi, “Udla ngokweqisa lowombila. Futhi ngenkathi ukwenza, uzwe ukugula okunamandla futhi umama wakho ukubeke embhedeni futhi uqalwe yisithuthwane.” Futhi ngathi, “Ubenazo kusukela lapho.”

127 Yase-ke iphendukela kumhumushi futhi yathi kuye ngolwimi lwakubo uqobo, “Ngicabange ukuthi ubengakwazi ukukhuluma isiNgisi... noma akhulume iSpain!”

128 Futhi yaphendukela kimi yase ithi, “Awusikhulumanga iSpain, usikhulumile na?”

129 Ngathi, “Qhabo.” Ngakho sabuka isiqophamazwi, samisa iziqophamazwi, kwakuyisiNgisi uqobo.

130 Kodwa-ke umhumushi wathi, “Ngitshele ukuthi uthenike.” Niyabo, wayefanele athole ukuhumusha. Wathi, “Ngitshele ukuthi utheni.” Futhi yasho wona impela amazwi afanayo imphendula, futhi uyakusho futhi.

131 Manje, yangizwa ngolwimi lwayo eyazalwa nalo, futhi ngangikhuluma isiNgisi. Yakuzwa ngeSpain. “Yini pho

ukuba sonke ngabanye sizwe ngolwimi lwakithi esazalwa nalo na?” Futhi umntwana waphiliswa. Niyabo, yilokho-ke, kuyimisebenzi emangalisayo kaNkulunkulu.

[Umfowethu uyabuza, “**Khona-ke isitsha esiphethe uMoya oNgcwele asiyiku...siyoba isitsha nje, futhi Nalowo osigcwalisayo angasigcwalisa ngalokho Aku...?**”—Umhl.]

132 Noma yini Ayifisayo, kunjalo. Kunjalo impela. Futhi-ke bhekisisani ukuthi kugcwaliswe ngani, khona-ke uyazi noma unawo uMoya oNgcwele noma awunawo, ngaleyonkathi-ke. Niyabo? Nje bhekisisani ukuthi sigcwaliswe ngani. Uma i—uma isitsha sigcwaliswe ngokungcola, khona-ke akusiso isitsha sikaNkulunkulu. Kodwa sigcwaliswe ngokumsulwa, khona-ke yisitsha sikaNkulunkulu. Niyabo engiqonde ukukusho na? [Umfowethu uthi, “Futhi isitsha, kunezikhathi lapho isitsha siyosetshenziswa futhi singaziwa, singaziwa ngesikhathi ukuthi, ukuthi sasetshenziswa nini na?”—Umhl.] O, impela. [Umfowethu unikeza ubufakazi.] Ehhe. Ehhe. Kunjalo impela, impela. O, sonke, siyakubona lokho. Ngikubonile lokho izikhathi eziningi. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Sonke...Sijwayelene nalezozinto.

Ngikholwa ukuthi leyo bekuyinombolo yesine: **Ngabe bonke—ngabe bonke abantu abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele bakhuluma ngezilimi masinya noma kamuva na? Ngithola lapho uPawulu athi, “Ngikhuluma ngizilimi eziningi kuna—kunabo bonke.”**

Manje, engikucabangayo manje, ukuqedela umbuzo womfowethu:

UPawulu, ekhuluma ngezilimi eziningi kunabanye.

133 UPawulu wayeyindoda ehlakaniphile, wayazi izilwimi eziningi, qobo lwakhe. Niyabo, wayengakhuluma nge... u...Khumbulani ngenkathi engena ekuqulweni kwecala, wayengakhuluma ngaloluhlobo lolimi noma lolohlobo lolimi, noma ngabe kwakuyini. Futhi lokho yizilimi ezingaziwa kubantu, kodwa lokho kwakungesikho okuphefumulelwe. Lokho kwakuyizilwimi zokukhuluma, niyabo. Kodwa... futhi...

134 Kodwa ngiyakholwa ukuthi umuntu ogcwaliswe ngoMoya ohlala phansi kwe-altare likaNkulunkulu, akukho kungabaza, masinya noma kamuva, uzoba nolwazi lwesipiliyoni sokukhuluma ngezilimi, ngoba lokho ngokunye kokuphansi kunakho konke nezinto ezincane ezikhona ngencazelo kaPawulu. Uma ubungazibeka ngokwenqubo, kuyinto yokugcina emgqeni weziphiwo, niyabo, ngukukhuluma ngezilimi.

135 Kodwa manje, kuqala, uyabhaphathizwa...Lapha, ngamunye wenu nonke niyiziphiwo. Ngingaphandle. Manje, “NgaMnyango munye, Moya munye,” umnyango owodwa

ungena kulelikamelo. Kunjalo na? Manje, angeke ngangena ngaleyondlela, ngeke ngangena ngalendlela futhi emuva ngaleyondlela. Niyabo? Ngingena kanjani phakathi *lapha* na? NgoMfowethu Roberson na? Qhabo, mnumzane. Ngo, awu, asithi, Mfowethu Leo na? Ukuthi ubengaba yisiphiwo sokukhuluma ngezilimi, niyabo, ngingena ngoLeo na? Qhabo, mnumzane. Hhe-e. Awu, ngingena kanjani na? “NgaMnyango munye, ngaMoya munye.” UMoya awusizo nje izilimi zonke. Qhabo. Niyabo? Niyabo, “NgaMoya munye ngibhaphathizelwe kuloMzimba.”

136 Manje, *lona* nguMoya, *nina* nonke niyiziphiwo. Wena uthi, “Awu, akabusiwe uNkulunkulu!” Ngizowela futhi, ngithi, kukhona—kukhona uMfowethu Wood, uyizimangaliso. Niyabo? “O, ngibe nesimangaliso esenziwa. Ngiyazi nginoMoya oNgcwele ngoba ngenza isimangaliso.” Hhayi ngasi “mangaliso” sinye thina sonke sabhaphathizelwa eMzimbeni.

137 Hamba uye kuMfowethu Junie-ke, unokwazi, “Awu, awu, nginokwazi kweBhayibheli! Mfana, ngiyakutshela, ngiyazi nginoMoya oNgcwele ngenxa yalokho.” Qhabo, lokho kuseyilokhu kungesiyo indlela yokungena.

138 Kulungile. Hhayi ngoMfowethu Leo, hhayi ngoMfowethu Wood, hhayi—hhayi ngoMfowethu Junie. Niyabo? Qhabo. Kodwa ngamunye ini na? [Ibandla lithi, “uMoya!”—Umhl.] Kulungile. Ngibhaphathizelwe kuloMzimba, manje ngikuwo, manje uBaba uzongisebenzisa kuphi na? Niyabo? Kwenzeka kwabanguLeo wayehlezi eduze komnyango; akukho kungabaza lokhu bekuyoba ngokunye kwezinto zokuqala eyenzekayo. Kodwa bekungahle kungabi yikho. Ngingahle ngicebe kakhulu eMoyeni, kuze kuthi bengiyohamba ngiqonde ngqo ngapha kuMfowethu Wood, ngedlule konke okunye okusele kwakho. Ungeke wangitshela manje ukuthi anginawo uMoya oNgcwele, ngoba ngikuloMzimba ngombhaphathizo. Kodwa uNkulunkulu akazange angingenise lapha ukuba ngithi, “Awu, akabusiwe uNkulunkulu, ngiqagele ngizohlala phansi manje, kuthathe kalula, ngiya eZulwini.” Hhe! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

139 Kodwa bengingahamba ngiqonde emuva ngqo kusukela kulokhu lapha, ngiqonde emuva ngqo lapho. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Bengingasuka ekugcineni ngiye kokunye, noma ngingahle ngiye maphakathi, kumbe noma kuphi. Kodwa okuthize kuzokwenzeka, okuthize kufanele kwenzeka. Futhi kuyini na? Ngombhaphathizo kaMoya kungikhombisa ukuthi ngiseMzimbeni, “NgaMoya munye.” Uyakuthola lokho, mfowethu, lapha na? Kulungile! Yilokho na? Kulungile.

112. Ngayiphi inqubo izilimi neziprofetho okufanele zisetshenziswe ngayo ngesikhathi senkonzo... (Akufanele nhlobo kusetshenziswe ngesikhathi senkonzo! Niyabo?)...

ukudumisa uNkulunkulu... (lutho nhlobo!)... nokwakha ibandla na? Ngiyazi abantu bathi umoya womprofethi... ngiyazi i... ngi—ngiyazi i... (p... ngiqagele lokho... Qhabo, ngiyaxolisa, kade kuyi “Bhayibheli,” B-h-a-y-i-b-h-e-l-i. Ngiquale p-e-p-l-e noma okuthize okunjengakho. Qhabo)... I—iBhayibheli lithi, “Umoya wabaprofethi uthobela umprofethi.” (impela)

140 Ukukhuluma ngokukamoya ngezilimi nokuprofetha kungukwakha ibandla, kodwa kunenkonzo yakho engeyakho uqobo. Niyabo? Akusikho okokuhlupha inqobo nje uma umprofethi webandla e... umhlangano usenqubweni. Niyabo? Akufanele kuphazamise umhlangano.

141 Manje, niyabo, “umoya wabaprofethi.” Si—sinomunye umbuzo manje, ake sikuyeke kanjalo lokho umzuzu nje. Niyabo, indlela eqondile ngempela yalezi... isebenzisa leziziphiwo... Lokhu kuphendula iziphiwo eziningi, niyabo. Uma sifika kuzo sizothi sikuphendule kulona wokuqala, lomuntu kulona lapha. Niyabo? Lowo ngowesihlanu:

Ngabe izilimi neziprofetho zifanele zisetshenziswe ngesikhathi sezinkonzo ukudumisa uNkulunkulu na?

142 Niyabo, manje, umfundisi... uma umfundisi egcotshwe nguNkulunkulu, nebandla libekwe ngenqubo, manje, indlela eqondile... Abaningi benu bayazi ukuthi nga—ngakhuluma kanjani kini ngokuba “nakho kubekwe ngenqubo.” Leziziphiwo zifanele... Manje, nakhu esizokwenza etabernakele, iNkosi ithanda. Manje, ngiyabhekisisa, ngibona okuthize, kushiya uMfowethu Neville nalaba abanye abazalwane lapha enqubweni. Manje ni... Futhi uma abaningi balaba bafowethu yizinsizwa.

143 Manje, ngi—ngingumakad’ebona ki—kini nonke kuleNdelela. Sengibeneminyaka engamashumi amathathu-nanye kuloKhu. Kwakuse minyakeni cishe engamashumi amathathu eyedlule ngabeka lelotshe lapho. Ngangifanele ngibhekane wayoyonke into eyayifanele kubhekwane nayo, futhi kungcono wazi ukuthi ukhuluma ngani, futhi, uma ufika kuyo. Kungcono ungazi lokho kuphela, kungcono kube nguNkulunkulu lapho okwesekelayo uma uthola—uma wedlula nakho.

144 Manje, indlela eyimpumelelo kakhulu yo—yokwenza lokhu manje, ubungaba nomhlangano oyisipesheli. Ngikholwa ukuthi yilokho abakwenze kwabaseKorinte bokuQala 14 lapho, “Into ethize yembulwe kohlezi ngakhona, omunye makathule-ke.” Ngikholwa ukuthi kwakungu “mhlango oyisipesheli weziphiwo,” obekuyoba ngokulungile. Uma babefuna ukuba nomhlangano oyisipesheli lapho bonke abantu abaneziphiwo behlangana kanye ngeviki, bona abaneziphiwo, futhi bangene ebandleni, lokho kuyoba kuhle. Mababe

nalowomhlangano, akukho...kungabikho kushumayela, ungoweziphiwo zikaMoya.

145 Awusiwo owabangaphandle nabangakhulwa. Bayongena, bahlale phansi, uthi...Omunye asukume futhi ahambe, “a-a,” bakhuluma ngezilimi; omunye uthi, “wa-a.” “Yini ezweni!” Bayongena futhi bathi, “Kuphi ukucula na? Kuphi konke okunye kwakho na?” Niyabo?

146 Kodwa, manje, laba okhuluma ngezilimi, iningi labo (futhi behumusha, nokunye nokunye) bayizingane eVangelini. Niyabo? Ninga—ningabakhubekisi, maba—mabakhule size lesosiphiwo...Okunye kwaso, ningabona ukuthi uSathane uzama kanjani ukuphica angene kokunye. Isizathu, omakad’ebona, si—si—siyakubona lokho. Niyabo, singakubamba lokho, futhi nizokubhekisisa.

147 Lapha kungekudala umfundisi othize, ohlezi khona lapha manje, ufika kimi futhi wasengitshela futhi waba nami ekhaya lakhe, umfowethu oyigugu kakhulu.

148 Angikusho ngoba ehlezi lapha, kodwa nonke ningabazalwane *abayigugu*. Uma ngingakucabanganga lokho, bengiyokutshela, “Asithi wena nami sithole lento iqondiswe phakathi kwethu, kuqala.” Niyabo? Kunjalo. Niyabo? Ngiyanithanda nonke, futhi ngilapha kuphela ngomoya wokubekezelela eBhayibhelini, niyabo, uku—kusiza. Niyabo?

149 Lomfowethu waba nami endlini yakhe uku...owesifazane othize, futhi nalowo wesifazane wayenephutha. Futhi lokhu... Angikaze ngimbone owesifazane kodwa ngakuzwa eteyipini, yena enikeza ukuhunyushwa kwezilimi, futhi esho into ethize. Wawungakucosha ngaso lesosikhathi.

150 Ngolunye usuku, komunye umfundisi, futhi mina, komuntu ofanayo, sahlala esigodweni, sizingela izingwejeje, futhi saxoxa ngakho. Futhi abefundisi bobabili, abakhona manje, uyazi ukuthi lokho kwaguqula kanjani. Niyabo, nje, bhekisisani.

151 Uma nina befundisi niqondisa omunye ngesiphiwo, uma nibaqondisa, nibaqondisa ngokoMbhalo, futhi bakhubeke, khumbulani, bekungesiwo uMoya kaNkulunkulu, ngoba uMoya kaNkulunkulu ngeke ukhubekiswe yiZwi laKhe. Uza eZwini laKhe. Niyabo, uhlale njalo evuma. Ongewele wangempela kaNkulunkulu ufuna ukulinganisana nomaka. Yebo, mnumzane.

152 Ngifuna ukuqondiswa. Ngifuna uMoya oNgewele ungiqondise ezintweni engizenzayo eyiphutha. Angifuni lutho lokubambisa. Ngi—ngifuna into yangempela noma lutho, ngiyekele nje, unga—ngangivumeli ngibe nanoma yini nhlobo. Niyabo? Isizathu ngingaqoka ukwenza lokho kunokuletha ihlazo kuKristu.

153 Futhi ngeke ngafundisa noma yini futhi ngeke ngasho noma yini ngaphandle uma uMbhalo. . .

154 Futhi uma umfowethu othize, umfowethu othize ongumKristu eyongibona ngifundisa into ethize eyiphutha, ngingakuthakasela uma uyongibizela eceleni emva kwenkonzo, futhi athi, “Mfowethu Branham, ngithanda ukuza ekamelweni lakho futhi ngixoxe nawe, usesiphosisweni entweni ethize.” Niyabo? Ngiyo—ngiyokuthakasela impela lokho, mfowethu, ngoba ngifuna ukuba ngoqinisileyo. Ngiyakufuna.

155 Manje, sonke sifuna ukuba kahle, yingakho sifuna uku—sifuna ukukhuluma lezizinto. Futhi zifanele zivele ngomBhalo, niyabo, ukwenza umBhalo ubophane ndawonye.

156 Manje, ukukhuluma ngezilimi kufanele kube. . . Manje, kamuvanyana e. . . Manje, makuhambe kahle manje, okwesikhashana. Niyabo, nginganeluleka ukuba nikuyeke kanjalo nje futhi kwenzeke. Kinina befundisi manje, nina belusi, kuyekeni kanjalo nje zize lezizingane zithi ukuba zindadlana. Manje, mhlawumbe, masinya noma kamuva, uma kuyisitha esizama ukudukisa lowomuntu, kuzokhombisa. Asiqinisekile kangako.

157 Manje, emva kwalokhu, ngaphambi kokuba niqale lokhu, tholani umoya othize wokuhlakanipha phakathi lapho, ukwehlukaniswa okuthize kwemimoya, niyabo, ukuthola. Into yokuqala, niyazi, niqala ukuqaphela ukuthi othize uqala ukubona ukuthi kukhona okuthize okuncane okuyiphutha, lokho ngukwehlukanisa. Bese-ke, nokutotosa lokho isikhashanyana. Niyabo? Bese kuthi-ke uma ubona ukwehlukanisa kuba yiphutha, khona-ke kuqondise lokho. Futhi uma leyonto. . . uma kungokukaNkulunkulu, uyokumela ukuqondiswa ngeZwi. Niyabo?

158 Asithi, isibonelo nje, ngizothi sikhulume ngezilimi, omunye umuntu, si. . . lesi yisi—sigejane sendoda anesiphiwo. NoLeo wasukuma wayesekhuluma ngezilimi; bese-ke, nomfowethu lapha, uWillard, unikeza ukuhumusha. Kulungile. Manje, ngifuna ukusho ukuthi uMfowethu Neville noMfowethu Junie noMfowethu Willard Collins bekungabehlukanisi, niyabo. Manje, ngoba uLeo ukhulume. . . Manje, silapha nje phakathi njengasemhlanganweni omncane wabangcwele, umhlangano wesiphiwo, noLeo wakhuluma futhi uWillard unikeza ukuhumusha lapha, futhi wathi, “ISHO KANJE INKOSI! ‘NgoLwesithathu ebusuku kuzofika owesifazane lapha futhi uzo—uzoba nodlame. Tshela uMfowethu Branham angamsoli, ngoba uyahlanya. Kodwa mtshela ukuba amyise ngale ekhoneni, ngoba kwakusekhoneni lapho enza khona into embi ngesinye isikhathi futhi nento ethize yenzeka.’” Niyabo? Lokho kuzwakala kahle kakhulu, akuzwakali na? Niyabo? Kulungile.

¹⁵⁹ Manje, kodwa into yokuqala, niyazi, emBhalweni omDala, akunandaba ukuthi umprofethi wayetheni noma omunye umuntu wayetheni, kwakuhlolwa ngeUrimi Thumimi, kukuqala. Niyabo, kwakuya eZwini. Futhi uma lezozinkanyiso zingabanikanga, babekuyeka kanjalo. Niyabo?

¹⁶⁰ Futhi into yokuqala, manje, asikubuyisele eZwini. Manje, lendoda ikhulume ngezilimi, kwezwakala kahle. Lena yakuhumusha, kwezwakala kahle. Kodwa iZwi lathi, “Makwehlulelwe ngabahluleli ababili noma abathathu, kuqala.” Kuyise kwiUrimi Thumimi.

¹⁶¹ Manje, into yokuqala, uWillard Collins uthi, “BekungokweNkosi.” UJunie uthi, “NgokweNkosi—Nkosi.” Lokho ngokubili kokuthathu. Kulungile, kubekwe esiqeshini sephepha, kukhulunywe kwezwakala khona lapha ebandleni. Khona-ke uma abantu okubonayo kufundwa ngaphambi kokuba kuze kwenzeke, bese-ke bekubona kwenzeka, bathi, “Mfowethu, lowo nguNkulunkulu! Niyabo, lowo nguNkulunkulu!”

¹⁶² Kodwa uma-ke kungenzeki, khona-ke kwenzekani na? Niyabo? (Manje sizofika kwenye into ebengingayishaya khona lapha, “Ngabe sonke isiprofetho ngokugcwele... konke ukuhumusha nesiprofetho semilayezo?”) Manje, umzuzu nje. Manje, uma-ke kungenzeki na? Khona-ke uLeo ukhulume ngomoya wamanga; unikeze ukuhumusha kwamanga; futhi wena unikeze ukwehlulela kwamanga. Khona-ke ikhiphe leyonto kuwe. Awukufuni lokho. Lokho kuyiphutha. Kuyeke kanjalo. Lowo ngudeveli. Niyabo? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “Angisuye umshumayeli, kodwa ngingu—ngingumhumushi. Niyabo, ngingumhumushi, Nkosi, a—angisuye umshumayeli. Ngi...” UMfowethu Leo uthi, “Nkosi, angisuye umshumayeli, kodwa ngi—nginesiphiwo sezilimi nodeveli uyangiwisa kulokho. Nkulunkulu, isuse leyonto kimi.” Wena uthi, “Nkosi, Unginike emoya wokwehlukana, futhi ngiKubonile ukwenza izikhathi eziningi kakhulu, kwenzeka kanjani na? Baba, ngihlanze kuphume! Kwenzekeni na?” Uyabo, nakho la okhona, khona-ke ukuthole ngokuyikho ngempela.

¹⁶³ Niyabo, lokho ngumhlangano wabangcwele ojwayelekile. Ngicabanga ukuthi yilokho okwakuyikho eBhayibhelini, ngoba uPawulu wathi, “Uma omunye eprofetha futhi kube nento ethize eprofethwayo, okuthize ku... futhi okuthize kwembulwe kohlezi phansi; makathule kuze kukhulume lona kuqala, khona-ke usengakhuluma. Futhi nina nonke ningaprofetha ngamunye ngamunye.” Manje, lokho ngeke kwaba semhlanganweni ojwayelekile, niyakwazi lokho, ngamunye ubengeke anikeze.

¹⁶⁴ Manje, ukuqiniseka ukuthi kungokukaNkulunkulu, niyabo, ngoba uma nje kungubuwula akusikho okukaNkulunkulu. Uma kungafezeki, akusikho okukaNkulunkulu. Niyabo? Kufanele

kufezeke. Futhi—futhi ngakho-ke emabandleni ethu, uyabo, mfowethu, sinebandla eliqinile-ke, niyabo, lapho kungekho-muntu ongathi noma yini eyake yashiwo noma yenziwa . . .

165 Bukani ukuthi kungibeka phambi kwani, uma ngiphezulu lapho phambi komphakathi. Bukani lokho! Kuthiwani ngesiphosiso esisodwa kulokho na? Niyabo? Ngoba ngithemba Yena. Niyabo? Ngithemba Yena. Omunye uthi, “Wesaba iphutha, Mfowethu Branham na?” Qhabo, qhabo, hhe-e, angesabiphutha. NgiyaMkholwa. UyisiVikelo sami. Ngigcotshelwe ukwenza lokhu ukuze ngizohlala khona lapho.

166 Uma uNkulunkuku ekugcobeke ukuba wenze okuthize, khona-ke UyisiVikelo sakho. Uyabo, Uzokuvikela. Uma akuthuma, Uyolesekela izwi lakho. Uyinxusa-ke. Uyinxusa elinesiphiwo sezilimi; uyinxusa elinesiphiwo sokuhumusha; uyinxusa elinesiphiwo sokwehlukana; nobathathu. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Manje-ke ninani na? Ninebandla eliqinile. Ningesabe. Ukuma, ya, kungengaphezu kwayizolo . . .

167 Lapha, ngangisemhlanganweni ezansi lapha. Umfana omdadlana oyiNgisi waseNgilandi uza ngapha, wayezama ukuzibulala. UMfowethu Banks uyenyuka lapho futhi wathi, “Kade esezansi lapho izinsuku ezine noma ezinhlanu.” Nganginezinto eziyinqwaba ukuba ngizenze, kodwa wathi, “Umfana uzozibulala.” Ishotela iWaterview ezansi lapho lalingitshela ngesimo salowomfanyana.

168 Ngasengiya ekamelweni ukuyomkhulekela. Ngiyaphuma ngase ngithi, “Manje, Mfowethu Banks, angikaze ngiyibone indoda noma angazi lutho ngayo, kodwa ngizokutshela ukuthi yini engalungile ngayo ngaphambi kokuba ngifike lapho.” Ngabe kunjalo, Mfowethu Banks na? Futhi ngenkathi sifika lapho, uMoya oNgcwele uyehla ngqo futhi wayitshela ukuthi kwenziwe yini nakho konke ngayo, nalapho eyayikade ikhona nangayo yonke impilo yayo. Yavele yawa, cishe.

169 “Uyalesaba iphutha, Mfowethu Branham, wena utshela indoda into enjengaleyo na?” Kanjani ngasemsamo, utshela indoda ukuthi iphila ngokungethembeki kumkayo, inengane ngomunye wesifazane na? Izokuphosa etilongweni lokuqondisa isimilo. Kungecono ube ngokahle! Uyabo? Uyabo? Ungesabi, uma kunguNkulunkulu. Kodwa uma ungesabi . . . Uma—uma ungazi ukuthi nguNkulunkulu, khona-ke thula du uze wazi ukuthi nguNkulunkulu. Kunjalo na? Qiniseka ukuthi uqinisele bese-ke uqhubekela phambili.

170 Manje, lokhu ukufundisa okul’khuni, mfowethu, kodwa ningabafowethu. Ninga—ninga—ningabefundisi abasha ozayo, futhi sengiyindoda endala, ngizohamba ngolunye lwalezizinsuku. Niyabo? Futhi ngakho qinisekani ukuthi ku—kuqinisele.

171 Ngiphuma ekamelweni le...Mhlawumbe ngizokubamba lokhu kamuvanyana phezulu lapha. Umfana...Awu, ngizosho ingxenye yakho manje. Izolo, uMfowethu Banks nami, simatasatasa ngempela, kade (o, he) ngawo onke amandla ami, futhi ngizo—ngizonitshela ukuthi bengizokwenzani kulomhlangano. ULeo noGene nesigejane sethu besizoya laphaya, nabazalwane, futhi sithi besiyozingela izingulube, ukuzingela izingulube. Banezinsuku ezinhlanu zokuzingela izingulube amajavelina, eArizona, emva kokuba umhlangano usuphelile, umhlangano wethu wavalwa. Saya ePhoenix usuku olulodwa, futhi sifanele silinde izinsuku ezinhlanu ngaphambi kokuba sibe nomunye, izinsuku ezine ngaphambi kokuba babe nomunye umhlangano wanoma yikuphi. Sifanele sibe lapho ngqo eArizona. Awu, kwenzeka nje ukuba kube ngalesosikhathi sokuvulwa kwenkathi yezingulube amajavelina.

172 Ngakho ngangifuna ukuhamba ngidubule isibhamu sami esincane phakathi, ukubona ukuthi sasiphakathi kahle yini. UBanks wayehamba nami. Saqala ukuphuma ngesango, saqala ukuphuma ngesango. Nakhu kuza indoda ihamba ingena ngqo, ngaphezu kwaleyosayini (niyabo, ithi, “Ngcicela ningambuzi uMfowethu Branham”).

173 Niyabo, isizathu benza lokho...ayisiyo eyabantu abagulayo. Eyami, futhi endlini, buza uBanks, wayakhe endlini encikene neyami. Abantu bayafika, imini nobusuku nakho konke okunye, benabantwana abagulayo, yonke into. Asimenzeli kanjalo umuntu phansi. Kodwa... .

174 Base bengibiza, uLeo nabo, phandle lapho kwikharaveni, noJim nabo, “Kukhona othize lapha onengane egulayo. Nendoda lapha inomdlavuza.” Sibeka eceleni yonke into bese sisuka siye kuyo.

175 Izolo ebusuku ngibizelwe egumbini lasesibhedlela lapho ebengibizwe khona ngothile, nendoda ingangivumeli ngisho ngingene emva kokuba sengifike lapho. Niyabo, omunye umuntu nje eshisekele. Kodwa lokho kulungile, ngiyahamba noma kanjani. Niyabo? Isizathu kungumsebenzi wami ukuba ngihambe, niyabo, nokuzama ukusiza omunye umuntu.

176 Awu, lokho akusikho okwaleyosayini. Kodwa lendoda, lapho nje sisangena emotweni, noMfowethu Banks azi ukuthi bengidinga ngi...Ngalinda kuleyondlu ngandlela thize. Bekukhona omunye umuntu ongena kuMfowethu Banks ombambileyo. Masinya nje ngingakafiki lapho, ngabanjwa. Kuthe-ke singadumela isibhamu sethu sase siqala ukungena emotweni, nakhu kuza indoda ihamba ingena ngqo. Yenyukela lapho.

177 Futhi ngangilungiselela ukumtshela nje ukuba aphume bese eshayela kuleyonamba phandle lapho (eButler 2-1519)

ngale kuleyosayini. [Inamba katheleloni isishintshiwe.—Umhl.]
Ngathi, “Sijahile.”

Wathi, “Ngicabanga ukuthi ujahile, mnumzane.”

Ngathi, “Igama lami . . .”

¹⁷⁸ Kuqala ngahamba ngenyuka, wathi, “Sawubona?” Ngase ngibona ukuthi ubengazi ukuthi bengingubani.

Ngathi, “Igama lami nginguBranham.”

Wathi, “UnguMfowethu Branham na?”

Ngathi, “Nginguye.”

¹⁷⁹ Wayesethi, “Ngi—ngi . . . Bengifuna ukubonana nawe, Mfowethu Branham.” Wathi, “Ngiyabona ulungiselela ukuhamba.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane, ngingjalo.”

Wathi, “Ngiyazi ujahile.”

Ngathi, “Ngiyahile khona manje, mnumzane.”

¹⁸⁰ Wayesethi, “Awu, bengifuna nje ukukhuluma nawe imizuzu embalwa.”

¹⁸¹ Futhi nje ngangizomtshela; noMoya oNgcwele wathi, “Mfaka ekamelweni, ungamsiza.” Manje, lapho, lokho kushintsha yonke into. Isibhamu ingebe sibekwa eceleni nje, nayo yonke into kanjalo, umsebenzi kaNkulunkulu yiwo kuqala. Niyabo? Wayesethi . . .

¹⁸² Ngathi, “Woza, uhambe nami.” Ngathi, “Ngizobuya emva kwesikhashana, Mfowethu Banks.”

Wathi, “Kumayelana nomphfumulo wami, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Kulungile, ngena.”

Ngedlula endlini, uMeda wathi, “Awukahambi namanje na?”

¹⁸³ Ngathi, “Qhabo, qhabo, qhabo, ngumuntu othize phandle lapha.” Ngathi, “Gcina abantwana ngemuva kwelinye ikamelo.” Ngase ngimyisa elawini elincane, sahlala phansi. Masinya nje ngingakahlali phansi . . .

¹⁸⁴ Leyondoda ibisebandleni izolo ebusuku. Noma ngabe ifikile, Banks na? Ngabe u . . . Ya, awu, ibizofika izolo. Ibivele nje . . .

¹⁸⁵ Into yokuqala, uMoya oNgcwele waqala ukuyitshela ukuthi yayingubani, eyayikwenzile, okwenzeka phansi empilweni yayo, yonke into ngakho, niyabo, ngiqhubeka nje, ngiyitshela yonke into. UBanks ungufakazi. Ayizange iwuvule umlomo wayo futhi isho kodwa cishe amagama amabili kimi; futhi nanko Ufika uyitshela, wathi, “Kade ungumhambuma, ngempela wakhe eMadison. Usanda kuvela eEvansville, eIndiana. Kade usezansi lapho eBhayibheli-sikole, inkoloze, wathola

ukuxoveka. Usanda kuvela eLouisville emizuzwini embalwa edlule. Bekukhona indoda, nendoda ikutshelile (ohlale futhi wadla nayo), ikutshelile ukuba uze ngapha futhi ungibone futhi ‘uzokuqondisa uphume enkathazweni.’” Ngathi, “Lowo nguISHO KANJE INKOSI!”

¹⁸⁶ Indoda ihlezi nje, icwayiza amehlo ayo, ingibuka, yathi, “Yebo, mnumzane!”

Ngathi, “Kukushaqisile, akuzange na?”

Ithe, “Kungishaqisile.”

Ngathi, “Uyamkholwa uMoya oNgewele na?”

Yathi, “Ngiyakufuna, mnumzane.”

¹⁸⁷ Ngase ngithi, “Uyafuna ngikutshela ukuthi ucabanga ngani na?”

¹⁸⁸ Yathi, “Yebo, mnumzane.” Ngase ngiyitshela. Yathi, “Futhi, mfowethu, lelo yiqiniso.”

Ngase ngithi, “Shintsha imicabango yakho.”

Yathi, “Kulungile, sengiyishintshile.”

Ngathi, “Yilokhu ocabanga ngakho.”

Yathi, “Kulungile! Kulungile!”

¹⁸⁹ Ngathi, “Manje, awuwudingi umbono, udinga nje ukuqondiswa.” Ngase ngiyitshela into ethize lapho obungeke ufune ngiyisho. Ukuba bekukuwe, ubungeke. Kuyinto ethize embi eyayiyimbi kabikabi, ngakho obungeke ungifune ngiyisho ukuba ibikuwe. Futhi angikusho lokho iNkosi engibonisa khona kubantu. Ngakho ngavele nje ngathi, “Kulungile, uzokwenza na?”

Yathi, “Ngizokwenza.”

Ngathi, “Yiba semgwaqeni wakho.”

¹⁹⁰ Sasiphakathi lapho cishe okungekho ngaphezu kwemizuzu eyishumi, kwakungesikho yini, Mfowethu Banks na? Cishe, phakathi kwemizuzu eyisikhombisa neyishumi. Yabuya yaphuma, yabuya yehla ngomgwaqo, futhi yehla ngomgwaqo, yona nami noBanks nomfana wami omncane, uJoe, ngikholwa ukuthi kwakunguye, sigibele sihambisana ndawonye, sehla ngomgwaqo othelelwayo. Yajikela kimi, yathi, “Mnumzane, ngifuna ukukubuza umbuzo.”

Ngathi, “Kulungile.”

¹⁹¹ Yathi, “Ngididekile kancanyana.” Yathi, “Uyaze kanjani yonke leyonto kimi na?” Niyabo? UBanks wayehlezi lapho.

¹⁹² Ngase ngithi, “Mnumzane, sewake wezwa ngemibono yami nenkonzo yami na?”

¹⁹³ Yathi, “Angikaze ngilazi igama lakho kwaze kwaba yihora edlule. Omunye ungitshelile, ushilo nje ngaleya eLouisville,

ungitshela ukuba ngize ngapha, ngase ngiwela ibriji.” Ngabe kunjalo, Banks na? Wathi, “Bengingalazi ngisho negama lakho, ngikwazi ukuthi ubungubani.”

¹⁹⁴ Ngathi, “Enkonzweni yami, yisiphiwo sikaNkulunkulu Asithumela.”

¹⁹⁵ Yathi, “Manje-ke uma lokho ku—lokho kungaleondlela,” yathi, “manje ngi. . .” Yathi, “Nje ngiyikho konke. . . Sengikahle manje,” yathi, “yonke into isihambile.” Niyabo? Yathi, “Okuyikho yilokhu, lowo bekunguNkulunkulu ekhuluma ngawe kimi.”

Ngathi, “Qiniso.”

¹⁹⁶ Yathi, “Manje, ngiyaqonda eBhayibhelini ukuthi. . . Ngesinye isikhathi ngafunda eBhayibhelini futhi, kwathi, uJesu wakhuluma kubafundi baKhe” Ebiqonde ukuthi “abantu,” niyabo. Yathi, “Wakhuluma kubafundi baKhe futhi Wabatshele izinto ababecabanga ngazo.” Niyabo, “ebona imicabango yabo” yilokho ebiya kukho. Yathi, “Futhi Wathi kwakunguYise waKhe owayekhuluma ngaYe.”

Ngathi, “Kunjalo.”

¹⁹⁷ Yathi, “Manje, manje, uBaba-ke uvele nje wakusebenzisa ukukhuluma ngawe kimi, ukungitshela lezizinto, nokungithola ngikhohle ukuthi ongitshele khona bekuyiqiniso.”

Ngathi, “Bekuyiqiniso na?”

Yathi, “Yebo.” Yathi, “Khona-ke kufanele kube nguNkulunkulu.”

¹⁹⁸ Ngase ngithi, “Mfowethu, sewazi kakhulu ngakho manje” (mina noBanks sasiphawula) “khona-ke abanye okade besemhlangweni iminyaka eyishumi futhi basalokhu bengazi.” Nje leyo—leyondoda! Manje, lokho kuyilokho-ke. Niyabo?

Futhi uMoya (ngokwenqubo) ngezilimi ngabe isiprofetho sifanele sisetshenziswe ngesikhathi senkonzo na?

¹⁹⁹ Qhabo. Sifanele sisetshenziswe ngalendlela, bese-ke *shiwo* enkonzweni. Kodwa okwalesisikhathi, okwalesisikhathi samanje, mabakhulume. Manje, uma kuphuma ekulawulekeni, khona-ke akusikho, ufanele ukubhekisise lokho. Manje, ngezinye izikhathi bekungaba uNkulunkulu. Nalabo bafu abancane, njengengane encane nje izama ukuhamba, manje, uma iwa phansi kane noma kahlanu. . . Manje, ngikubonile lokhu selokhu ngibe lapha ebandleni, futhi—futhi, awu, ngizo—ngizokushiya nje kunjalo. Niyabo? Futhi, kodwa, niyabo, kodwa kuyini okwakho, obungathi-ke, “Mfowethu Branham, awukulungisanga ngani lokhu na?” Qhabo, qhabo.

²⁰⁰ Ngenkathi uBilly Paul emuva lapho eqala ukuhamba, wayehla enyuka, futhi ehle kakhulu kunokuba weyenyuka. Kodwa wayengazi ukuthi kuhanjwa kanjani. Kodwa

ngiyakholwa wayenaso isiphiwo sokuhamba. Niyabo? Ngangimyeke ahambe isikhashana. Futhi-ke uma ekhubeka ngezinyawo zakhe ezinkulu, ngiyamtshela ngakho manje. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyabo? Ehamba ebuka enye into futhi eyendezela nokuthize, ngithi, “Qukula izinyawo zakho, mfana. Ukuphi na?” Niyabo? Manje, lowo—lowo ngumehluko, niyabo.

²⁰¹ Manje, maba—mabakhubeke futhi mabavimbeke okwesikhashanyana. Manje, uma uzofanele ubaqondise, uma bekucasukela khona-ke uyazi qobo lwakho ukuthi bekungesuye uNkulunkulu. Ngoba uMoya kaNkulunkulu uyathoba. Njengoba ninakho lapha okuncanyana, “Umoya wesiprofetho uthobela umprofethi.” Niyabo? Kunjalo.

[UMfowethu Stricker uthi, **“Mfowethu Branham, ngithanda okunye ukuqondiswa.”**—Umhl.] Kulungile, mfowethu. [**“Izikhathi eziningi ngihlalile ezinkonzweni futhi ngikuzwile ukukhuluma ngezilimi nokuhumusha, futhi izikhathi ezingi ngizizwe kabi kakhulu ngakho. Futhi ngiye ekhaya futhi ngiyabona sengathi ngiyophenduka njalo. Ngabe kwakungenxa yokuthi ngezwa ukuthi kwakungesikho okukaNkulunkulu, noma kwakungenxa yokuthi kwakuphumile enqubweni na?”**]

²⁰² Bekungaba njalo, mfowethu, bekungaba ngokunye kokukodwa. Niyabo? Bengizothi. . . Manje, lona ngu—lona nguWilliam Branham, niyabo; ngize ngingene emBhalweni, ngani, kuseyimi, niyabo. Manje, lokhu ngizothi, Mfowethu Stricker, ukuthi bekungaba ngokunye kokukodwa. Bekungaba ukuthi kwakuphumile enqubweni; bekungaba ukuthi kwakukhona okungalungile kuwe; bekungaba ukuthi kwakukhona into ethize engalungile umuntu; into ethize engalungile ngomlayezo; kumbe noma yini eyokwenza *uzizwe* kabi.

²⁰³ Manje, manje, ake ngikusize nje kancanyana, Mfowethu Stricker, lapha. Uyabo? Njalo. . . Ungayehluleli neze noma yini ngemizwa yayo, uyabo. Yahlulele ngezibanjalo zayo, uyabo; noma kuthela sithelo sini, uyabo. Ngoba ngezinye izikhathi. . .

²⁰⁴ Kusobala, siyaqonda ukuthi kukhona izinto ozizwayo, lokho kuzwa sasipoki. Ngiyakuthola qobo lwami, futhi, mfana, ngiqala ukuqhela kalula impela—impela, niyazi. Kodwa angisho lutho. Ngikuyeka kanjalo nje ngoba angazi ukuthi bekungaba yini, uyabo, ngize *ngazi* ukuthi kuyini.

²⁰⁵ Manje, njengenqwaba yabantu ithi, “Whewu! Mfowethu, ngiyazi nginoMoya oNgcwele! Haleluya! Akadunyiswe uNkulunkulu!” Futhi bebesalokhu bengenawo uMoya oNgcwele. Babengakhuluma ngezilimi, nakho konke okunye, nokumemeza nokusina eMoyeni, futhi bebe besalokhu

bengenawo uMoya oNgcwele. Ngoba imvula inela abalungile nabangalungile. Akuyi ngemizwa, kunge *sithelo* sabo.

206 Ake nisho kukhona i...Niyawukhumbula umbono wami walokho na? Kanjani ukuthi...amaHeberu 6, niyabo, “Imvula efika kaningi emhlabathini ingukuwunisela, abawulinyelelwayo, kepha ameva namakhakhasi liseduze nokwaleka okuphela kwawo ngukushiswa.”

207 Ngiyaxolisa, ngizongenisa umoya omncane, ngiyazi nonke niyozela futhi niyakhathala. Ngakho manje, lindani, ngizofanele ngijahe ngedlule kulena ngisheshise kakhudlwana kungenjalo angeke ngiyithole. Lokhu kune...Sesicishe sibe sezisekelweni za—zakho konke, kulokhu ngqo okugcwala isandla lapha. Kodwa izo...Niyabo, i...

208 Nansi i—insimu egcwele ukolo. Futhi kuleyonsimu kutshalwe ukhula oluwuphoyizeni, ugudluthukela, noma okunye, ukhula. Awu, isomiso sikhona. Manje, ngabe ukhula oluwuphoyizeni nogudluthukela alomi yini nje njengokolo na? Nokuthi nhloboni yemvula e...imvula eyisipesheli ina kukolo bese-ke imvula eyisipesheli inela ugudluthukela na? Kunjalo na? Qhabo, imvula efanayo inela kuwo. Kunjalo na? UMoya ofanayo wehlela kumzenzisi owehlela kumKristu, into efanayo. Kodwa ngesi “thelo” sabo! Ngabe lokho kucwilile, mfowethu na?

209 Ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele yisithelo saWo, isithelo sikaMoya. Awu, ku...Awu, manje, wena uthi, “Ngiyisiqu, ngingugudluthukela. Ngiyisiqu ngokufanayo njengoba lesosiqu singukolo.” Kodwa nhloboni yempilo ekuwe na? Impilo ekuso ithela onamathela, beqophisana njalo futhi besika, futhi “benza umsindo omkhulu,” ukuhlza nokugula, nayo yonke into. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ukuqholosha, niyabo, lokho akusiso isithelo sikaMoya. Isithelo sikaMoya ububele, ukubekezela, ngubumnene, niyabo, konke lokho. Niyabo?

210 Angathi, “Awu, ngingamemeza kakhulu njengoba ungenza nje nawe. Akabusiwe uNkulunkulu, uMoya oNgcwele wehlela kimi!” Lokho kungaba yicashaza leqiniso impela, kodwa impilo ayiphilayo ayikwesekeli lokho akhuluma ngakho. Niyabo? Wayewukhula, wayewukhula kwasekuqaleni nje.

211 Manje, sesehlela embuzweni omkhulu manje, niyabo, eku *khethweni*, niyabo. Ngakho lokho yi...Ufanele ube yilokho. Uyakuqonda lokho.

212 *Ba* bewugudluthukela kwasekuqaleni nje; *yena* wayewukolo kwasekuqaleni nje. Ngakho isomiso sasikhona; imvula yanela abalungile nabangalungile. Kulungile, nikutholile na?

[Umfowethu uyabuza, “**Kanjani ngezithelo zomshumayeli, ngabe lokho kunga...lokho ukushumayela iZwi na?**”—Umhl.]

213 Lowo, umshumayeli, usalokhu, uma asukuma lapho futhi washumayela iZwi njengeNgelosi enkulu, niyabo, waqonda izimfihlakalo zeBhayibheli, futhi waba ngumelusi omuhle kakhulu, wahamba futhi wavakashela abantu nezinto ezinjengalokho, ubesengalokhu elahliwe. Niyabo? Yisithelo sakhe esikushoyo ngasonke isikhathi, mfowethu. Uyabo? Yena, akunandaba ukuthi ulunge kangakanani noma ngabe uyini, ufanele abe noMoya oNgcwele empilweni yakhe. Niyabo?

214 Manje, akashongo yini uJesu, “Abanengi bayakuza kiMi ngalolosuku futhi bathi, ‘Nkosi, angiprofethanga yini (ukushumayela) ngeGama laKho, futhi ngasebenza izimangaliso ngeGama laKho na?’” Wayekhulume ngezilimi, wayenze izimangaliso, unikeza ukuhumusha, izinto eziyizimfihlakalo zikaNkulunkulu, nazo zonke lezozinto lapho; Wathi, “Sukani kiMi, nina benzi bokubi, aNgizange nginazi.” Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

[Umfowethu Taylor uyabuza, “**Kanjani ngendoda eletha u—umlayezo oyiphutha na? Ngiqonde, i—icabanga ukuthi iqinisile kodwa ishumayela okuyiphutha.**”—Umhl.]

215 Awu, ngikholwa ukuthi leyondoda iqotho, njengomfowethu ohlezi lapha ubefuna ukubuyela emuva kweyakhe. . . ukufuna umkhondo walezizinto emuva kanjalo. Uma leyondoda ikhethwe nguNkulunkulu, futhi ike yaletswa phambi kweQiniso, iyo—iyoliqonda. Niyabo, “Izimvu zaMi ziyalazi iphimbo laMi.” Niyabona . . . Uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, Mfowethu Taylor na? Ngabe yilokho obukhuluma ngakho na? Uyabo?

216 Manje, isibonelo nje, asithi uMfowethu Crase—Crase—Crase, asithi wayengumshumayeli weBaptisti futhi engakaze azi lutho ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kanjalo akaze azi ngalezizinto, iziphiso zikaMoya, futhi wayengolungile, umshumayeli othembekile weBaptisti. Niyabo? Kodwa into yokuqala niyazi, Lokhu kufika phambi kwakhe. Futhi ngikholwa ukuthi wonke umntwana kaNkulunkulu uyo. . . wonke unyaka uyokukhukhula Aze amthole. Umbuso angeke ufike kuze kube iNtando kaNkulunkulu seyenziwe. Kunjalo. Futhi akukho namunye oyobhubha, niyabo. Manje, niyabo, yileyonhlela-ke.

217 Futhi uMbuso weZulu unjengomuntu ephosa inetha olwandle futhi wayikhipha. Ngenkathi esekwenzile, wayenazo zonke izinhlobo. Wagcina izinhlazi, nezimfudu zisolwandle nezimfudu amaterapini zabuyela emanzini. Wayiphosa futhi, wathola ezinye eziningi, mhlawumbe wathola inhlazi eyodwa. Kodwa Wayelokhu eqhubeka ekhukhula kwaze kwakhukhulwa konke. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini manje na?

218 Kodwa leyonhlazi yayiyinhlazi ekuqaleni. Yafakwa nje ekusetshenzisweni nguMniniyo, kwakuyilokho kuphela, zafakwa kwelinye ichibi lapho okwakungcono khona, kucwebe

kakhulu. Kodwa Wayelokhu ekhukhula kulelichibi lamaxoxo waze Wakhipha zonke izinhlazi amabasi kulo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uyakuthola engiqonde ukukusho, Mfowethu Taylor. Ubufanele wazi ngezakho enhla lapho.

Kulungile, manje:

113. Ngabe lowo o...Ngabe yena ngazonke izikhathi unokulawula phezu kukaMoya ngokuthi ufanele enze nini nakuthi kanjani na?

²¹⁹ Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane, uMoya oNgewele uyalawula. Yebo, mnumzane. Unokukulawula nawe unokulawula kwaWo, futhi Awusoze wakwenza wenze noma yini ephambene nomBhalo. Uyokwenza...“UMoya aWuziphathi ngokungafanele ngokungabonakali.” Kunjalo. Kulungile.

²²⁰ “Kusukela kulowo okuthandayo...” Ya, lokho ku—lokho kukulendawo. Kulungile, manje sizogxumela komunye lapha futhi sibone ukuthi sikuphi.

²²¹ Manje, ngicabanga ukuthi lokho kube nezisekelo. Manje—manje, uma ngibiza lena manje, uma kukhona umbuzo... Ngabe ubusekhona omunye umbuzo futhi kulokhu na? Sonke siyakuqonda na? Siyaqonda ukuthi siKukholwa kanjani manje na?

²²² [Umfowethu uthi, “Nginombuzo owodwa.”—Umhl.] Qhubeka nje. Kulona namanje na? Kulungile. [“Yebo, kulowo lapho. Ngithe ukunqikaza, kodwa...”] Unganqikazi, lokhu yi—lokhu yi... [“Ubukhuluma ngendoda eshumayelayo, futhi uma ingashumayeli ngoMlayezo uKristu awulethayo, futhi kungakhathaleki ukuthi kwenzekani enkonzweni yayo. Uma ifika ixhumane neQiniso futhi iyaLenqaba, manje-ke ini na?”] Ilahlekile. Ngiyaxolisa umzuzu nje we... [“Mayelana nokumiselwa ngaphambili noma ukugcotshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe.”] Kunjalo. Kunjalo. Niyabo? [“Khona-ke, njengoba kwabanjalo, yayingafanele ibe ngaleyondlela na?”] Kwakungafanele kube ngaleyondlela ekuqaleni, niyabo. “Baphuma kithi ngoba babengesibo abakithi.”

²²³ Isibonelo nje, njengalokhu, kuyinto efanayo kumaHeberu 6. Niyabo? Abantu bawuhumusha ngokungesikho lowomBhalo kakhulu impela, bacabanga ukuthi aku “nakwenzeka.” Wathi, “Akunakwenzeka kulabo asebake bakhanyiswa futhi benziwe abahlanganyeli kuMoya oNgewele, uma beyohlubuka.” Niyabo, abaWutholi nje. Uthi, “Akunakwenzeka kulabo asebake bakhanyiswa nabahlanganyeli kuMoya oNgewele, lokhu behlubuka ukuba babuye bavuswe baphenduke, lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu kabusha futhi baYithela ngehlozo obala; ‘bedelele’ iGazi lesivumelwano Abathelwa ngalo, bahlambalaza imisebenzi yomusa.”

²²⁴ Awu, kimi, yisambulo. Impela. Kunjenge Zenzo 2:38 nje, neZenzo... noMathewu 28:19. Ufanele uKubambe nje, niyabo.

225 Manje bukani, nakhu, into efanayo. Awu, manje, ukhuluma kumaHeberu. Niyabo? Manje funda wehle njalo uqede isahluko, kuze kuyofika lapho iqhubeka khona futhi ithi, “Ngokuba kuyinto esabekayo ukuwela e—ukuwela ezandleni zikaNkulunkulu ophilayo.” Manje, nansi indoda njengalelokhohla nje elithiyeka emgceleni. Nansi, nansi i . . . Nansi, into efanayo yayilapha, isibonelo esiphelele engisibona engqondweni yami.

226 UNkulunkulu wabiza uIsrayeli aphume eGibhithe. Bonke lababantu baphuma, bonke ngamunye wabo bakhululwa, bawela uLwandle oluBomvu bangena ehlane. Kunjalo na? ULwandle oluBomvu . . . Ngenkathi sebelungiselele, balalela umlayezo kaMose, baqala ukumasha, (ukulungisiswa) bajika, baqala lapha.

227 Bafika oLwandle oluBomvu, (iGazi), futhi badlula uLwandle oluBomvu, futhi emva kwabo zonke izinduna zokubasebenzisa yayilele, zifile. Babeqhele ngezinsuku ezintathu nje ezweni lesithembiso ngayo leyonkathi. Niyabo? Yilokho kuphela ababeyikho, ngaphansi kwamamayela angamashumi amane, niyabo. Ngakho balapho, izinsuku nje ezimbili zazingabawezela lapho kahle.

228 Yilokho engihlose ukukushumayela ePhoenix ezinsukwini ezimbalwa kusukela manje, emhlanganweni woSomaBhizinisi, *Ukuhlala kuleNtaba*. Kodwa Wabagcina lapho ngqo iminyaka engamashumi amane ngoba ba . . . Ehe! Niyabo?

229 Ngakho bafika kulokhu futhi babuka emuva, (bangcwelelwa), “O, heleluya! Akabongwe uNkulunkulu! Udumo kuNkulunkulu. Haleluya! Nakho kulele into endala eyake yangihlupha, ifile. Osikilidi abadala engake ngababhema uhambile. Uphuzo oludala oludakisayo engake ngaluphuza lonke lusolwandle olubomvu lweGazi likaJesu Kristu. O udumo kuNkulunkulu! Haleluya!”

230 Wonke ngamunye akhuphukela lapha, abheke iKhanani manje, bawela iJordan. Awu, wathatha umkhulumeli esizweni ngasinye. Kunjalo na? Futhi wabathumela ngaphesheya. Awu, abanye babo bathi, “A, a, a, ngeke sakwenza. Qhabo, ku—ku . . . Ngani, sibonakala njengezintethe phezu eceleni kwabo!” Niyabo?

231 “Manje, nhloboni yebandla ebengizoshumayela kulo uma bengifundise ngalowo Moya oNgcwele nazozonke lezozinto ezinjalo na? Ngani, bengizoba nezihlalo ezingenamuntu. Abantu bami abangamaMethodisti bebezophuma, abantu bami abangama Baptisti, i Presbyterian yami.” Mabaphume. Babeyizimbuzi kwasekuqaleni! Ufuna izimvu, niyabo. Niyabo? Awelusi izimbuzi. Lusa izimvu! Kunamsebenzi muni ukwelusa izimbuzi uma . . . ? . . . futhi kukhona izimvu okufanele zeluswe na? Niyabo? Futhi nakhu—nakhu lapha okhona phakathi

ngapha, niyabo. Ngangihlala ngisho ukuthi ngingashumayeza izinsika ezine futhi ngishumayele iQiniso, iBandla. Yebo, mnumzane, kwenyukelwa ngapha.

²³² Kodwa niyabo manje, yenzeni na? Bayabuya, noJoshuwa noKalebi, amaphesenti amabili, noma ngabe yilolohlobo lwepesente... okubili koku... okubili kweshumi nambili labo, okubili kweshumi nambili. Awu, kwakukhona ishumi nambili labo, lokho kuyoba okubili kokuyishumi nambili, okubili kweshumi nambili kwabo baLikholwa. Bahamba baqhubekele ngqo ezweni lesithembiso, wathi, “Mfana, lena indawo enhle ukuba kuyo.” UJoshuwa omdala noKalebi, mfana, babethemba iZwi; uNkulunkulu ubanika lona, wathi “lelo ngelenu.” Bayawela, bangqothula isixheke esikhulu samagilebhisi, futhi nampa beza besidonsa *kanje*. “Wozani, bafo! Lena yindawo emangalisayo! Lumani,” niyabo, amagilebhisi athi awabe yizindingiliza ezinkulu *kangako*.

²³³ Futhi, o, ndoda, bababona, bathi, “A, angeke sekwenze.” Ngenkathi bebuyela emuva, bathi, “Qhabo, mfowethu, loMose usikhiphele lapha ehlane,” loMoya oNgcwele, niyabo, ayewumele, “usikhiphele lapha ehlane. Futhi silapha, inkonzo yethu yonakalisiwe, futhi besingeke sayenza into enjengaleyo.”

²³⁴ “Buyela emuva,” niyabo, “labo asebake bakhanyiswa, balungisiswa ngokukholwa, bangcweliswa.” Niyabo, futhi bafika banqamula kuleli altare lesibili futhi babuka ngaphesheya ezweni lesithembiso. “Thina esake sakhanyiswa futhi sa... sanambitha iziphiwo zaseZulwini.” Niyabo, Kwa “nambithwa.” Babuya nakho. “Siyabona ukuthi Kulungile. SiyaKubona ngempela.” “Banambitha iziphiwo zaseZulwini, benziwa abahlanganyeli baleNto, niyabo, loMoya oNgcwele, saKuhlanganyela.”

²³⁵ “Lokho kuhle, mfana, buka leyo—leyondoda. Ngani, ngiyazi yayiyimpumpithe, manje isiyabona. Buka lowo omdala... Mfana, kwenzekeni kulowomfo na? Ubani owake wacabanga lowo mntwana phandle lapho engenamfundo... ngaleya umi noMlilo ezweni.” Niyabo? Niyabo? Niyabo?

²³⁶ Bese-ke bese bewa, niyabo, futhi ba... ukuzivusa, babuyele emuva futhi ekuphendukeni, baqhubeke babuyele ekushumayeleni ukuphenduka esikhundleni salokhu Akusho kuqala, kubekwe i... asi... Niyazi, ngokubeka futhi isisekelo semisebenzi efile ekuphendukeni, nokunye nokunye. Sizo, uNkulunkulu evuma, niyabo. Niyabo, sizokwenza lokho. Sizobuyela emuva futhi sibeke lesisekelo emuva-ke, kodwa babuyela emuva ekuphendukeni kwabo, ukuba baphenduke kukho phezulu lapho njalo njalo. “Ngiyadabuka ngake ngaba phezulu lapho,” futhi wedelela iGazi lesivumelwano angcweliswa ngalo sengathi Lali “yinto engengcwele,” futhi

wahlambalaza imisebenzi yomusa. Usehambile, mfowethu! Yilokho kuphela. Usephelile. Niyabo?

²³⁷ Awu, manje, niyabo, akunakwenzeka kumntwana okhethiwe ukwenza lokho. Akazu kukwenza lokho. “Izimvu zami ziyalazi iPhimbo laMi.” Uma ebizwe eKhanani noma ngabe kukuphi, bayahamba. Niyabo? “Izimvu zami ziyalazi iPhimbo laMi.”

[Umfowethu uyabuza, “**Futhi badinga ukukholelwa eZenzweni 2:38, futhi, abafuni na?**”—Umhl.]

²³⁸ Lokho kuyothatha lokho, konke okuncinyane komBhalo, kuKungenise konke. Kunjalo impela, mfowethu.

114. Ngabe zimbili, nga—ngabe zimbili yini izinhlobo ezehlukene zezilimi zeBhayibheli na? Ngabe ukhona umehluko ezilimini ezikhulunywa emkhulekweni ongasese, nasebandleni lapho ukuhumusha kudingeke khona na? NgoSuku lwePentekoste izilimi zaqondwa ngumuntu wezizwe ezehlukene; kodwa kwabaseKorinte bokuQala 14:2, izilimi ezingaziwa zakhulunywa kuNkulunkulu, hhayi kumuntu. KwabaseKorinte bokuQala 13:1 kukhombisa kumuntu onjalo... (K-o-r, ngiqagele lokho ngabaseKorinte 13, yini i...)... kumuntu onjalo nabanye bezingelosi.

²³⁹ O, yebo. Niyabo? Awu, ku... Manje, mfowethu, noma ungunani, u—uziphendule wena lapha. Niyabo? Niyabo:

Ngabe zikhona izilimi ezimbili ezehlukene na? (Kukhona eziningi izilimi ezehlukene. Niyabo?) Ngabe zikhona izilimi ezimbili ezehlukene eBhayibheli, izilimi ezimbili ezehlukene na?

²⁴⁰ NgoSuku lwePentekoste sonke isizwe phansi kweZulu sasilapho ngezilimi. Niyabo? Kulungile.

Futhi ngabe ukhona yini umehluko phakathi kwezilimi ezikhulunywa emkhulekweni wangasese nasemabandleni lapho ukuhumusha kudingeke khona na? Yebo.

²⁴¹ UPawulu wakhuluma phezulu lapha nakwabaseKorinte lapho obubuza khona lapha, futhi wathi, “Kukhona izilimi zezingelosi futhi kukhona izilimi zomuntu.” Manje, izilimi zezingelosi kungenkathi umuntu ekhuleka kuye—kuye noNkulunkulu, kuphela. Kodwa uma ekhuluma u—ulwimi, kufanele kuhunyushwe ebandleni, ukuba kwakheke ibandla. “Lowo okhuluma ngolimi olungaziwa uzakha yena; kodwa lowo okhulumayo... lowo oprofethayo wakha ibandla.” Ngakho wathi, “Ngiqoka ukukhuluma amazwi amahlanu ngokuqonda kunezinkulungwane eziyishumi ngolimi olungaziwa, ngaphandle, ngaphandle uma kukhona ukuhumusha.” Khona-ke ku—kukhuluniwe khona-ke ngesiprofetho okungukwakha. Niyabona engikupondile na?

242 Manje, i...Manje, kukhona izilimi ezimbili ezehlukene, abantu nezingelosi. Niyabo? Futhi uPawulu wathi, “Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi,” niyabo, kokubili abantu nezingelosi, zozimbili zalezozilimi, oyedwa ongeke. . .

243 Manje, yilapho abantu bePentecostal, abantu bobufakazi obubonakalayo bezilimi abathi, abangitshela, wathi, “Manje, Mfowethu Branham, uxoveke ngakho konke.”

244 Wathi, ngathi, “Awu, uma ukuthola ngokweZenzo 2:4, khona-ke wonke umuntu wakuzwa ukhuluma ngezilwimi abazalwa nazo.”

“O!” wathi. Futhi “Qhabo! Qhabo!” washo.

Ngathi, “Impela. Yebo, mnumzane.”

245 Wathi, “Manje, Mfowethu Branham, uxoveke ngakho konke.” Wathi, “Ukhuluma nge. . .” Wathi, “Kukhona izilimi ze ‘zingelosi.’ Leyo yingelosi kaMoya oNgcwele eyehlayo bese ikhuluma kuwe.”

246 Manje, kuzwakala kukuhle, niyabo, kuzwakala sengathi bekungaba yinqwaba yeqiniso, kodwa akusilo iQiniso konke. Ngenkathi uSathane etshela uEva, “aniyikufa nokufa,” lokho kwakuyi. . .wamtshela inqwaba yeqiniso, kodwa lelo kwakungesilo iQiniso. Niyabo?

247 Manje, wathi, “‘Abantu nezingelosi,’ nengelosi ayekhuluma ngayo yayi. . .”

248 Manje, ake sibone ukuthi ngeke yini kujayive nomBhalo. Niyabo? Manje, ngeke ku “bambisane,” ngiqonde ukusho njalo. Ngiyaxolisa, bengingaqondile ukuthi uku “jayiva” nemiBhalo. Ngqiqonde uku “bambisana” nemiBhalo, noma “ukulandela, ukuvumelana” nemiBhalo yilona gama elingcono kunawo onke.

249 “Manje, umuntu ekhuluma ngezilimi zezingelosi,” uthi, “lokho yizilimi zikaMoya oNgcwele lokho” wathi, “manje, uma wena, thina, bemukela uMoya oNgcwele.”

Ngathi, “Ngabe. . .Ngenkathi, ubungaMemukela kuphi na?”

250 Awu, wangitshela yona impela indawo, umzuzu nehora. Angingabazi kodwa lokho akwenzayo. Niyabo? Angina. . . Angisuye umahluleli wakhe. Niyabo? Wathi, “Yilapho engakukhuluma khona.” Wayeyazi impela indawo. Wathi, “Kukhona okwenzeka kimi.”

251 Ngathi, “Ngiyakukholwa. Niyabo? Kodwa noma kunjalo lokho kwakungesikho ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele kuwe, ndodana.”

“O, yebo!” Wathi, “Lokho, kwakuyilokho!”

Futhi, “Qhabo.”

Wathi, “Manje, buka, ngifuna ukukutshela okuthize, mfowethu.”

252 Ngathi, “Ngabe abantu ezethamelini zakho, lelobandla lapho eIndianapolis lapho othe Wawemukela khona, ngabe lobobantu bakuzwa ukhuluma ngesiNgisi ubatshela ngovuko namandla kaNkulunkulu nayoyonke into na?”

Wathi, “Ngani, qhabo! Ngakhuluma nge—ngezilimi ezingaziwa.”

253 Ngathi, “Awuzange ukuthole ngokweZenzo 2:4, ngoba yonke... kwakungekho nelilodwa izwi elingaziwa. ‘Sizwa wonke umuntu ngolwimi lwakithi uqobo.’”

254 “O,” wathi, “Mfowethu Branham, ngiyabona lapho odideka khona.” Wathi, “Uyabo,” wathi, “kukhona izilimi okuyizilimi zezingelosi, uma wemukela uMoya oNgcwele,” wathi, “khona-ke ukhuluma ngezilimi futhi akukho muntu ozohumusha lokho, lowo ngu—lowo nguMoya oNgcwele ukhuluma. Niyabo? Kodwa-ke unesipho sezilimi, futhi lokho kufanele kube ngukuhunyushwa.”

255 Ngathi, “Khona-ke unekalishi ngaphambi kwehhashi. NgoSuku lwePentekoste babenekalishi ngaphambi kwehhashi. Ngaphambi kokuba bathole uMoya oNgcwele, izilimi ezingaziwa, bakhuluma ngezilimi olwaqondwayo.” Niyabo? Ngakho ngempela ku... .

256 Kukhona izilimi ezimbili ezehlukene. Izilimi zezingelosi, lokho yindoda emkhulekweni wangasese ngaphandle ngaleya ndawondawo ikhuluma kuNkulunkulu, ikhuluma kuNkulunkulu ngezilimi zezingelosi. Benginganibizela indaba khona manje, kodwa anginaso isikhathi. Niyakhumbula ngenkathi owesifazane efika ehholo lapho, phakathi lapho kuvela khona uDoctor Alexander Dowie, eZion. Niyangikhumbula ezansi lapho na? NoBilly ufika emva kwami ezansi lapho ukuba angiyise emhlanganweni, futhi ngathi, “Billy, qhubeka ubuyela emuva.” Futhi ngi... .

Wathi, “Ukhalelani na? Okhona okade elapha na?”

257 Ngathi, “Qhabo, mnumzane. Qhubeka ubuyela emuva, utshela uMfowethu uBaxter ukuba ashumayele kulobubusuku.”

258 Futhi ngaguqa phansi futhi ngathi, “Nkosi, yini indaba ngami na?”

259 Futhi khona manjalo ngezwa Othize emnyango, ekhuluma ngezinye izilwimi. Ngacabanga... KwakuyiJalimane. Ngacanga, “Awu, lowo mfo wenyukela ukumtholela i... .” Ngayeka, niyazi, ukukhuleka, ngamlalela emi laphaya kanje. Futhi ngacabanga, “Awu, uyoke akuqonde kanjani lowomfo lokho na?” Isizathu ngangiyazi indoda eyayiphethe ihhotela labahamba ngezimoto, cishe iqhele ngamamayela ayisihlanu edolobheni, niyazi. Ngangifanele ngiphume lapho (ngakho abantu abaningi kakhulu bezungezile), idolobha elincane. Ngathi, “Awu, lokho kuyaxaka. Mh.” Futhi ngathi, “Lapho... Awu, mfana, sewake

wayizwa i...ini...Lowo mfo akatholi ngisho ukuphefumula kwakho, kunzima.” Niyabo, bengicabanga lokho, kalikhuni lapho ekhuluma! Awu, ngathi, “Awu, lokho, ngani, bekuyimi!” Ngakho ngangilokhu nje ngithule du, niyabo, akazange asho noma yini...thule du nje. Emva kwesikhashana Waqeda ukukhuluma, futhi, ngenkathi Kukwenza, kwezwakala sengathi ngingagijima ngedlule umbutho futhi ngeqe phezu kobonda.

260 Futhi ngaphuma futhi uBilly wayephuma esangweni futhi ngammemeza, “Awulinde umzuzu!”

261 Uyabuya, wayekade ephuza isiphuzo sikasoda. Futhi wathi, “Babayi, yini indaba na?”

262 Ngathi, “Awulinde umzuzu nje, umzuzu nje, ngihamba nawe.”

263 Ngaqala ukugeza ubuso bami ngokukhulu ukushesha. Wathi, “Yini indaba na?” Wazi kangcono kunokukhuluma kimi, ngiya emhlanganweni. Wathi, “Yini indaba na?”

264 Ngathi, “Lutho, lutho, lutho, lutho nhlobo. Qhubekela emhlanganweni nje.”

265 Saqhubekela emhlanganweni, uMfowethu Baxter wayehlezi lapho edlala elithi, “*Akukho lutho phakathi komphefumulo wami noMsindisi.*” Uyangena, wathi, “Whewu! Bengicabanga ukuthi ubungezi!”

Ngathi, “Sh.” Ngaqhubeka ngenyuka futhi ngaqala nje ukushumayela.

266 Ngenkathi sengiqedile, cishe ngesikhathi engaqeda ngaso ukushumayela, awu, mfana, othize uthanda ukuthatha ingemuva lesakhiwo, emuva laphaya kuleloholo elikhulu. Egijimisa intambo yombhobho wokukhuluma emuva laphaya, futhi kwakukhona owesifazane emuva laphaya ehamba ehla enyuka nje ngalezozikhala zezihlalo, ememeza kakhulu ngakho konke ukumemeza.

267 Kutholakala ukuthi, wayenesifo sofuba iTB, futhi wayesuke eTwin Cities, eSaint Paul, iambulensi yayingeke imlethe ngoba babesaba ukuthi wayezoqhuma amaphaphu akhe. Udokotela wathi, “Noma yini, amaphaphu akhe lalinjengamaqa ezinyosi,” wathi, “uma eke abhidlika uzofa. Kuyoba yilokho kuphela.” Futhi abanye abangwele bathatha imoto endala iChevrolet ka’38, futhi bathatha isihlalo sangemuva futhi basilungisa, bamfaka lapho futhi wayesemgwaqeni ngale. Futhi bashaya ebhampini elincane noma okunye okuthize ezansi lapho, futhi waqala ukuphalaza igazi, futhi nje waqala ukuphimisa igazi ngqo, futhi wa...laliphuma ngekhalo lakhe futhi yonke into kanjalo. Wayelokhu eya ngokubabuthakathaka buthakathaka, futhi ekugcineni... Wayengafuni ukufela emotweni, wabatshela ukuthi abame bambeke endaweni enotshani.

268 Bamqukula bamkhipha. Futhi bonke babemile bemengamile, bekhuleka, futhi khona manjalo wathi into ethize yamshaya futhi wasukuma. Futhi wasukuma wahamba, ememeza ehla ngalowomgwaqo, ngawo onke amandla akhe. Wayelapha ebandleni, ehla enyuka nje ngalezozikhala zezihlalo.

269 Ngathi, “Dadewethu, kwakungasiphi isikhathi lokho na?” Ngaso nje ngqo isikhathi esifanayo uMoya oNgcwele owawukhuluma ngami ngaso. Kwakuyini na? Iziphiwo.

270 Ini leyo—leyonyamazane iopozamu endala ilele phezulu lapho esangweni ukuba ikhulekelwe na? Isilwane esingazi lutho, kungekho ngisho umphefumulo, singazi nokulungile kokungalungile; niyabo, asinamphefumulo, (sinomoya), akukho mphefumulo kuso.

271 Kwakuyini na? UMoya oNgcwele wenza ukunxusela. UNkulunkulu wathumela isiphiwo emhlabeni, noMoya oNgcwele nje awubange usalinda kade ngakho Wavele nje wangengamela futhi uqala ukuZikhulumela uphendula kanjalo, uphendula qobo lwaWo, wenza ukunxusela qobo lwaWo. Futhi lapho sihlola isikhathi, ngawo lowomzuzu ofanayo a... abamkhiphela endaweni kanjalo, babefuna ukubona... Isizathu babazi ukuthi wayefa, babezofanele basho ukuthi ufe ngasikhathi sini. Kwakungawo impela lowomzuzu uMoya oNgcwele owehlela phezu kwami phezulu lapho futhi uqala ukunxusela, ukuphumisela, amazwi, awaqondakali, niyabo, kanjalo, uphumisela. Lowo nguMoya oNgcwele ekhuluma.

272 Ngangingafanele ukwazi lokho. Niyabo, ngangingafanele. Lokho kwakungokwakhe... mhlawumbe ingelosi yakhe. Sizofika kulokho emizuzwini embalwa, niyabo, lokho kufika lapho futhi kwanikeza lowomlayezo, niyabo.

273 Manje—manje, ku—kunjalo. Kunezilimi eziyizinhlobo ezimbili ezehlukene, olunye lwazo lungukuba... .

274 Ngabe ukhona umbuzo na? Kulungile, ukuzama ukwazi ukuthi uNkulunkulu uthini, niyabo. Manje, bengi—bengingathi, Mfowethu Stricker, kulokho, mayelana nalokho, ungazami ukucabanga ngalokho, uyabo. Nje dedela uMoya wenze ukukhuluma qobo lwaWo. Ungazami ukukuqonda, uyabo, ngoba nje zinikele wena uqhubekela eMoyeni. Uyabo? Isizathu uzama uku—uku—ukuthi, “Heyi, uthini na?” Niyabo? “Heyi, ukhuluma nami na? Hhe?” Uyabo, u... . niyabo, uyazama.

115. Manje. Kulungile yini ukuba umuntu akhulume ngezilimi uma ekhulekela abanye ngase altare [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] ngaphandle kokuhunyushwa na? [Akuqoshwanga eteyipini.]

275 Ake ngibone engikubeke phansi lapha, ngifanele ngibuke. Uma kungekho-mhumushi, mabathule. KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 1... isahluko 14 nevesi 28.

Ubani oneBhayibheli? [Umfowethu ufunda umBhalo olandelayo—Umhl.]:

...uma kungekho ohumushayo, makathule ebandleni;...

²⁷⁶ Kulungile. Manje, uma kungekho ohumushayo, noma nini ebandleni, nomaphi ebandleni, thula uma kungekho ohumushayo.

²⁷⁷ Ealtare, into kuphela omunye...Izikhathi eziningi nizwa ngabantu beya ealtare. Ngezwa umfowethu oligugu maduzane nje ealtare, nje ehla futhi exhawula omunye emhlane, bese-ke bekhuluma ngezilimi qobo lwabo, belukhuluma sengathi babezama ukubakhombisa ukuthi abenzeni. Niyabo, lolu wuhlobo lokuletha uMoya oNgewele ngokuzenzisa (uzama uku) kubantu. Ungakwenzi lokho. Uyabo? Into yokwenziwa ngukumyeka kanjalo nje lowomuntu. Ubayeke baphakamise izandla zabo uMoya oNgewele aze angene, uyabo. Niyabo? Ngakho ku—ku—kuyiphutha. Qhabo, bafanele bathule ebandleni, niyabo.

²⁷⁸ [Umfowethu uyabuza, “Mfowethu Branham?”—Umhl.] Yebo, mfowethu. [“Ake ngithi umuntu ubesenkonzweni futhi—futhi eduze kwenkonzo, ngokwejwayelekile njalo nxa umlayezo uzofika, umuntu onesiphiwo, bayokwazi ukusho, noma bangakwazi yini ukusho umehluko phakathi kwe—kwengelosi...ulimi lwengelosi noma umlayezo ofika ngakho na?”]

²⁷⁹ Manje, ake sibone. Manje...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...inqobo uma bengena bese bebhala leyonto igqame, bayibeke phezu kwedeski lami. Niyabo? Futhi ngingayifunda izwakale ngqo kanje. Kodwa ngenkathi ngiyongena kulelokamelo lapho, mfowethu, kwakuyilokho kuphela kukho. Niyabo?

²⁸⁰ Futhi ngaphambi kokuba bangene lapha, bayoma emuva lapha futhi wonke umuntu athule du. Nodadewethu uyoba lapho, uDadewethu Irene, lapho e—ealtare, edlala lapho, edlala elithi *Phansi esiPhambanweni*. Singeke...Abangenisi nje beya emuva naphambili. Bebona noma ubani ekhuluma, babethi, “Sh, sh, sh.” Niyabo? Futhi uma abantwana bethole... Babehlala phansi kamnandi ngempela futhi bathi, “Indlu yeNkosi, s’thandwa. Awufanele. Ufanele uziphathe kahle manje endlini yeNkosi.”

²⁸¹ Nendoda nenkosikazi, nabobonke, babavumela bagaxe amabhantshi abo nezinto ezinjalo. Omunye umuntu lapha emnyango ukubabona masinya nje uma sekuvulwe umnyango. I...nayo yonke into isilungele ukuhamba, niyazi, babeke ibandla kahle. Wonke umuntu babatholele isihlalo futhi babone ukuthi bahlale phansi.

282 Futhi ngangisekamelweni, ngikhuleka, ngase ngibe lapho cishe kusukela ngelesibili noma elesithathu nqo ngayeleyontambama. Akukho-muntu owangikhathaza. Ngehlela lapho nomlayezo wami.

283 Kwase kuthi-ke emzuzwaneni nje ukuqala, umholi wamaculo waqala iculo, “Asiphenye ehubweni unamba *s'bani-bani*,” njengelithi, *Phansi esiPhambanweni lapho uMsindisi wami afela khona*, eqhubeka kanjalo, niyazi, futhi akuhambise kanjalo lokho. Bese kuthi nxa ucula cishe izipesheli ezimbili. . .Asisibeki neze isikhathi esiningi ekuculeni; yiZwi. Uma benokukulwa kwehubo, yingakho benalokhu ukukulwa kwamahubo okuvamile. Si—si. . .IZwi liyinto enkulu abantu abazela yona lapho, yindlu yokuqondiswa.

284 Bese kuthi-ke mhlawumbe esibambisene naye, njengoMfowethu George, uMfowethu George DeArk, asukume asho umkhuleko. Bese-ke siba nesipesheli, njengocula ngayedwa noma into efana naleyo. Kwase-ke kuyisikhathi, omunye umuntu angazise ukuthi bese kuyisikhathi sokuphuma. Uma kwase kuyiso, kulungile, ngiphume ngokufreshi phansi kogcobo. Niyabo?

285 Awu, mhlawumbe ngaleloviki babenomhlangano ndawondawo lapha ebandleni, bebenomhlangano wabo uqobo. Mhlawumbe ngaphambi kokuba inkonzo ize ivulwe ngalobobusuku, babenomhlangano. Futhi lapha kwaku. . . Nginakho lapha, futhi ngithi, “Kubhaliwe lapha kuleliphepha ukuthi kuzofika isiphetho esithize kulolonke lelizwe ngeviki elizayo,” noma okuthize, into, niyazi, into ethize efana naleyo ezokwenzeka. “Kwakubhaliwe, kwakhulunywa ngezilimi, futhi kwahunyushwa ngabangwele ababili bebandla lapha, uMfowethu u*S'bani-bani* noMfowethu u*S'bani-bani*. Ofakazi ababili bakho banikeza irekhode lapha, bazoba namagama abo asayinwe lapha, ukuthi kwarekhodwa ‘kuzoba ngokukaNkulunkulu,’ *kungukuthi-nokuthi nokuthi-nokuthi*.” Leyo yingxenye yami yokuqala.

286 Bese ngithi-ke, “Kulungile, sizolungiselela lokhu, wonke umuntu akabe semkhulekweni. Niyabo? Manje ngabe sikhona isicelo esiyisipesheli, wonke umuntu na?” Niyazi. “Asikhuleke.” Ngama ngakhuleka. Ngiquonde ngqo eZwini, eZwini ngqo.

287 Kwase kuthi masinya emva kokuba inkonzo isiphelile, ukubizela ealtare kwenziwa. Niyabo? Ukubizela ealtare kwaba yilokho esasikwenza kanzima, ukubizela ealtare, siyisa abantu ealtare. Kwase kuthi-ke emva kokuba lokho kubizela ealtare sekuphelile, mhlampe-ke ngiyokhulekela abagulayo, niyabo, noma into ethize enjengaleyo.

288 Inkonzo yathatheka yonke ngoba umoya wabaprofethi uthobela umprofethi.

289 Yilokho ebengicabanga ngakho... Niyabukhumbula ubusuku ngenkathi ngibona umbono ngenkathi ingelosi ihamba iza kimi na? Ngangihlezi lapho ekamelweni, ngicabanga. Cishe, o, kude le ebusuku, ngithi, “Umoya wabaprofethi u...’ Lokho bekungaba kanjani na?” Ngabuka lokho kuKhanya kubaneka, futhi Nansi ihamba iza yehlela ngqo lapho ukuya lapho engangikhona. Niyabo? Lokho kungenkathi Ingithuma khona lapho, niyabo, kulemihlangano.

290 Manje, qhabo, ngu—ngumuntu onikeza umlayezo. Lowo, uthini umbuzo wakho, ngiyakholwa, “Umuntu onikeza umlayezo, ngabe ubezo...ngabe—ngabe umuntu unikeza umlayezo, ngabe ubezokwazi ukuthi bekuyingelosi yeNkosi noma qhabo na?”

291 [Umfowethu uthi, “Manje, umbuzo ubuthi, wena uthi kukhona izilimi zezingelosi...” Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Angicabangi ukuthi ubengahle azi. Manje, yindlela esinakho ngayo manje. Kodwa, niyabo, uma sithola indlela esifanele sibe yiyo, lapho abanomhlangano ovamile walokho, aku... .

292 Niyabo, ngamunye wayo yinkonzo. Ukuthi, *wena* ukhuluma ngezilimi, *yena* uyahumusha, futhi *yena* ukhuluma ngezilimi, *yena* uyaprofetha; wena ungumuntu nje oluquqaba lapha, ibandla, kodwa nokho unenkonziso futhi unento ethize. Uzama ukusiza uMbuso kaNkulunkulu, wenzele into ethize, niyabo, futhi ngakho nina bazalwane hlanganani ndawonye. Yingalesosizathu abelusi, njengalona, sihlangu ndawonye, sinto ethize ejwayelekile. Nina bazalwane hlanganani ndawonye, futhi nitadishe imiBhalo, futhi nikhulume ngezilimi futhi nihumushe, futhi ninikeze imilayezo, niyabo.

293 Kodwa, manje, uma lendoda, manje-ke, uma eqonda... Kade isemhlanganweni, inesiphiwo sezilimi. Awu, ifika emhlanganweni, ikhuluma ngezilimi kodwa akukho-kuhunyushwa okunikezwayo, umhumushi akakutholi.

[Umfowethu uyabuza, “**Ungasho-ke yini ukuthi lababantu bakha uMzimba, kodwa izikhundla njengabelusi, abafundisi, nalokho, uMzimba ophelele na?**”—Umhl.]

294 Yebo, kungokwalokho-ke, ukuphelela. Niyabo? Lezi zinikezelwa ukuphelela, niyabo. Ngikholwa ukuthi, u—u—uMoya unikezelwa ukuphelela, ukupheleliswa kwebandla.

295 Manje, bona, lababantu abakhulumayo, bagcwaliswe ngoMoya, akukho kungabaza. Manje, nansi indoda, mhlawumbe ikhuluma phakathi lapha emhlanganweni, futhi inikeza... Manje, iphambi kwabahumushi ngqo, niyabo, futhi nokho akukho-muntu othola ukuhumusha, kukhona nje okungalungile. Umhumushi akukho angakwenza ngalokho, niyabo. U—ufanele ahumushe ngokuphefumulelwa ngokufanayo njengalowo okhuluma lokho. Futhi angahle impela ukuba

unesiphiwo sangempela sokukhuluma ngezilimi, kodwa akanaso isiphiwo sezilimi, ulwimi. Niyabo, u. . .

²⁹⁶ Futhi-ke into yokuba ayenze ngukuthi, uma esebenzisa lolulimi, khona-ke ubona. . . Manje, a—akazami. . . Uma ezama ukuzihlohla ngaphandle futhi, uyiymbe elihlohliwe. Aka. . . U—unephutha kwasekuqaleni, niyabo, akasoze aya ndawo. Niyabo, uyacabanga, “Awu, akabusiwe uNkulunkulu, lowomfo akafuni nje ukuhumusha izilimi zami. Yilokho kuphela okukhona kukho.” Manje, niyabo, unephutha kwasekuqaleni nje. Khona lapho une—unenjongo eyiphutha, inhloso eyiphutha. Niyabo?

²⁹⁷ Kodwa uma emnandi futhi ezithobile ngakho, athi, “Awu, mhlawumbe iNkosi ibingafuni ukungisebenzisa enkonzweni yaYo. Kodwa nokho ngi. . . Ibusisa umphefumulo wami nje. Ifuna ukungakha, ukwazi ukuthi ngiseduzane kwaYo uma ngikhuluma ngezilimi. Ngakho ngizophumela engadini yama apula, ‘O Nkulunkulu!’ Namandla aqala ukwehlela kimi bese ngiqala ukukhuluma ngezilimi. Ngingena ngihlunyelelisiwe, uyabo.” “O, Uyabo, Ukhuluma kimi, Nkosi, Ungigcina nje ngisemqeni ngokukhuluma ngezilimi.” Niyabo? “Futhi, Nkosi, namhlanje bengifanele ngikhulume kuleyondoda. Ngithethelele ngakho, Nkosi. Nge—nge—ngedule into ebengingafanele ngiyedlule. Baba, ngicela ungithethelele.” Futhi, khona manjalo, kuvele kukhulumeke ngezilimi. “A, whewu, ngizizwa ngingcono ngakho manje!”

²⁹⁸ Niyabo, lokho kulungile. Niyabo, isiphiwo sakho—sakho asifanele sisetshenziswe ebandleni, kodwa singesokwakha wena. “Okhuluma ngolimi olungaziwa (olungaziwa) uzakha yena.” Niyabo? Manje, uma engekho ohumushayo, khona-ke. . . Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyabo, yilokho-ke. Ngakho angezazi yena uqobo. Nje u. . . Kodwa uzokwazi uma engakukho.

Manje, manje ufanele nje ukuyeke kuhambe ndawonye, uyabo, yileyonto kuphela ongayenza uze ukuthole kwehlukani siwe. Yingalesosizathu ngicabanga ukuthi ku. . .

116. Chaza abaseKorinte bokuQala 14:5.

²⁹⁹ Ubani osekuthole khona masinya na? Omunye wenu usekutholile na? [Akuqoshwanga eteyipini. Umfowethu ufunda kwabaseKorinte bokuQala 14:5—Umhl.]:

. . . *nikhulume ngezilimi nonke, kepha kakhulu ukuba niprofethe: mkhulu kodwa oprofethayo kunokhuluma ngezilimi, uma engahumushi, ukuze ibandla lakheke.*

³⁰⁰ Kulungile. “Ngingaqoka. . . bengithanda ukuba nikhulume ngezilimi nonke.” UPawulu wayezama ukuthi. . . Njengebandla, nina—nina niyibandla lami. Amanye amabandla kaPawulu lalingelikhulu ngangamalunga anjengalawo enginawo khona lapha. Kunjalo, mhlampe ishumi noma ishumi nambili. Niyabo?

Niyabo? Manje, manje wathi, “Bengithanda ukuba nikhulume ngezilimi nonke.” Lokho kuyanibhashisa na?

³⁰¹ Niyabo, ngenkathi i—i—ibandla eli...eZenzweni 19, ngicabanga ukuthi lalichshe libe namalunga ayidazini kulo. Niyabo? Lilincane kakhulu nje, izimishini, niyabo. Ngakho bekuhlala njalo kusengocosaneni ngesibalo, niyabo. Futhi ngicabanga ukuthi kwathi futhi kwakukhona cishe abangaka, indoda ayidazini nabesifazane, niyabo, kulo.

³⁰² Manje, uma u—uyabona lapha, wathi, “Bengithanda ukuba nikhulume ngezilimi nonke. Ngi—ngifisa sengathi nonke beningakhuluma, nonke nikhulume ngezilimi, nje nigwale kakhulu uMoya oNgwele nivele nje nikhulume ngezilimi. Kodwa” wathi “Kakhulu ukuba niprofethe; ngaphandle uma kungukuhumusha, kubekhona ukuhumusha.”

³⁰³ Kufundeka kanjani lokho lapho na? Ubani...Ninakho lapho, kunjalo...?...Asikufunde futhi. Manje lalalani.

³⁰⁴ [Umfowethu uqala ukufunda kwabaseKorinte bokuQala 14:5, “Bengithanda ukuba nikhulume ngezilimi nonke, ...”—Umhl.] Manje kubambeni lokho umzuzu, “Bengithanda ukuba nikhulume ngezilimi nonke.” [“...kepha kakhulu ukuba niprofethe:...”] “Bengithanda ukuba niprofethe nonke.” [“...ngokuba mkhulu oprofethayo kunokhuluma ngezilimi, ...”] Manje kubambeni umzuzu.

³⁰⁵ Manje, yini, “Mkhulu lowo oprofethayo na” iziprofetho? Yilokho obufuna ngime kukho na? [Umfowethu uthi, “Bengithi nje, ‘Lokho kwakungukwehluka...?...”]—Umhl.] Ya. Niyabo? Ya. Niyabo? Manje, nakhu lapho...

³⁰⁶ Manje, uthi isibonelo nje, manje, sinendoda amabili angafundile phakathi kwethu kulobubusuku. Awazi lutho ngalokhu, bese ngiyangena futhi nonke beni...siqale lapha kulomhlangano, bese—bese uqala nje ukuxoxa ngezilimi, nonke nje nixoxa ngezilimi, nixoxa ngezilimi, futhi nixoxa ngezilimi, futhi nixoxa ngezilimi. Futhi, awu, kuyini na? Niyabo, indoda engafundile ithi, “A! Bonke bayahlanya!” Niyabo? Kodwa uma omunye eprofetha, niyabo, khona-ke usho into angayiqonda.

³⁰⁷ Manje, qhubeka futhi ufunde wonke osele manje. [Umfowethu uyaqhubeka, “...uma engahumushi, ...”—Umhl.] Nakho lapho okhona. Manje, “uma,” niyabo. Ngi—nginga... Labo aba—labo oprofethayo mkhulu kunokhuluma ngezilimi *uma* lokhu kunikeza ukuhumusha. Manje, qhubeka, uyabo. [“...ukuze ibandla lakheke.”] Nakho lapho okhona, niyabo, ibandla liyakheka.

³⁰⁸ Manje, ngamany’amazwi, ngani, ibandla, lomfo. Lapha yi—lapha yi *lona* abanengi lapha akafundile, uhlezi nje phakathi kwethu kulobubusuku; sinalomhlangano. Sonke siphakathi lapha sifuna okwethu...sifuna ukwazi ngeNkosi, nonke nje navele naqala ukukhuluma ngezilimi. Akukho-muntu osho

lutho, nje naqala ukukhuluma ngezilimi. “Ngifuna nina... Nginga... Lokho kungaba kuhle,” UPawulu wathi. “Nonke nakhuluma ngezilimi, kungaba kuhle.” Kodwa uma-ke abanye benu beprofetha, basukume bese bethi, “ISHO KANJE INKOSI, ‘Kukhona indoda ehlezi lapha futhi iyisihambi phakathi kwethu. Igama layo ngu *John Doe*. Uvela endaweni *ethize-thizeni*. Ushiye umkakhe nabantwana abane lapho. Ulapha kulobubusuku ngoba ufuna usizo. Ubenodokotela namhlanje eMemphis, eTennessee. Futhi wathi... Udokotela umtshele ukuthi ubenomdlavuzwa wamaphaphu. Uyafa?”

309 Wathi, “Uma bonke bekhuluma ngezilimi nongafundile afike phakathi kwenu, uzothi... manje-ke uzothi, ‘Nonke anisangene futhi nihlanya na?’ Kodwa uma omunye eprofetha futhi embula izimfihlo zenhliziyu, khona-ke bayowa phansi, bathi, ‘Impela uNkulunkulu unani!’” Niyabo lapho na?

310 Awu, manje, lapha. Manje nikhuluma ngezilimi, kodwa omunye unikeza ukuhumusha, athi, “ISHO KANJE INKOSI,” phansi kokuhumusha, “‘Kukhona indoda ehlezi phakathi kwethu, ishiye umkayo, ibise Nashville namhlanje,’” noma eMemphis, kumbe noma kwakuyini, “‘futhi inomdlavuzwa wamaphaphu. Ingena lapha, negama layo ngu *John Doe*,’” *Us’bani-bani* kanjalo. Niyabo?

311 “Uma kungokuhumusha,” noma, khona-ke, unikeza ukwakha. Niyabo? Khona-ke bazothi... Khona-ke lowomfo uyophuma, athi, “Ake nginitshela okuthize, ningangitsheli ukuthi uNkulunkulu akanabo labobantu phezulu lapho. Impela! Labobantu abangazi nhlobo.” Niyabo?

312 Ngakho sifuna isiphiwo sesiprofetho *kanye* neziphiwo zokukhuluma ngezilimi. Kodwa, ekukhulumeni ngezilimi, niyabo, kufanele kube nokuhumusha. Bese kuthi-ke, uma kuhunyushwa, kuyisiprofetho. Niyabo? Yisiprofetho. Manje, nginalowombuzo lapha emzuzwini, ngakho ngizo—ngizofika kukho ngokukhulu ukushesha okungenzeka. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

117. Mathewu 18:10.

[Umfowethu ufunda uMathewu 18:10—Umhl.]:

... *ningadeleli namunye kulaba abancinyane; ngokuba ngithi kini, Izingelosi—izingelosi zabo ezulwini zibona njalo ubuso bukaBaba osezulwini.*

313 Kulungile. Manje, umfowethu, noma ngabe ungubani, isizathu akukho-magama, amathikithi amancane nje, niyabo, ubani osho lokhu. Ngiqinisele ngi... .

314 Manje, ubungathatha izindlela ezimbili zakho, niyabo. Kodwa ngiyacabanga ukuhumusha, uma ungibuzile nje, “Chaza lokhu,” indlela engikuhumusha ngayo lokhu yile.

315 Manje, phenyani kwabaseKorinte besiBili, omunye umuntu, 5:1, kusho lokhu, “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa . . .” Niyazi ukuthi liyini, niyabo. “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sesinalo vele elilodwa,” niyazi, “elilindile.” Kulungile.

316 Manje, manje Ubenga . . . Uma niqaphelile, kuMathewu 18:10, Wayekhuluma ngokuthatha “abantwana” abancane. Babengabantwana abancane, abantwanyana abancane, abaneminyaka emithathu noma emine ubudala, wabaqukula. “Baletha kuYe abantwana, umntwana.” *Abantwana* livela egameni lo “mntwana.” Umntwana ungumfo omncane—omncane nje, hhayi ingane esancela kodwa nje phakathi kwalokho nebhungu. Niyabo? Akukakwazi ukuziphatha.

317 Manje, Wathi, “Bhekani ninga *deleli*.” Uma ngempela beningathatha lokho kuhunyushwa kwalelogama, linguku “phatha kabi.” Niyabo, “Ukuphatha kabi omunye walaba.” Ukuphatha kabi umntwana, awufanele neze ukwenze lokho. Bangabantwana, abazi. Niyabo?

318 Futhi manje qaphelani, wathi, “Ngoba ba . . . izingelosi zabo njalo zibheka ubuso bukaBaba waMi oseZulwini,” niyabo. Ngamany’amazwi, “Izingelosi zabo, izithunywa zabo—zabo imizimba yabo, imizimba yabo, imizimba yobungelosi abayoya kuyo uma befa, njalo iphambi kobuso bukaBaba waMi oseZulwini.” Niyabo?

319 Manje, “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sesinalo vele elilindile.” Kunjalo na? Lowo ngumzimba.

320 Bukani lapha. Ukuba nje benginesikhathi ukuba ngedlule kulena! Kusobala, ngi—ngiyazi angizukuba nayo. Kodwa, lapha, ake ngininike khona nje ukuze kube seteyipini, futhi nizokuthola noma kanjani.

321 Bukani, ngobunye ubusuku uPetru wayesejele. Babenomhlangano womkhuleko ezansi endlini kaJohn Mark, niyabo. Futhi ngakho iNgelosi yeNkosi iyangena, leyoNsika yoMlilo, kwehla ukuKhanya, noPetru wayecabanga ukuthi wayephupha ngenkathi ebone lokhu ukuKhanya kuza kuye. IBhayibheli lathi, “KwakungukuKhanya.” Niyabo? Futhi ngikholwa ukuthi Kuyilokho Okufanayo okunathi, niyabo, Iyehla. Futhi singena enkathazweni efanayo, mhlawumbe into efanayo ingenzeka. Niyabo? Futhi kungena lapho, ngakho Yathi, “Woza, hamba naMi.”

322 Ngakho uPetru wacabanga, “Ngiyaphupha manje, ngakho ngizobona nje ukuthi leliphupho lisho ukuthini.” Ngakho wahamba waqhubekela ngqo ngakubalindi, futhi wacabanga, “Ehhe. Manje siqhubekela ngakhona, umnyango wavele wavuleka nje ngesingawo.” Waphuma emnyango olandelayo, wazivulekela. Wahamba wadabula wedlula emasangwei edolobha, futhi lazivulekela. Futhi wayesalokhu ecabanga ukuthi wayephupha. Ngakho ngenkathi ehla ephumela lapho,

wayesethi, “Awu, ngikhululiwe, ngakho ngizovele ngehlele endlini kaJohn Mark futhi ngibe nenhlanganyelo.”

323 Babesemuva lapho, “O Nkosi, thumela iNgelosi yaKho futhi ikhulule uPetru.”

324 Futhi ngalesosikhathi into ethize yahamba [UMfowethu Branham uyangqongqotha—Umhl.]. Intombazana encane yaya emnyango yase ithi, “Ubani olapho na?” Yaphakamisa isihonqo esincane, yathi, “Ngani, nguPetru!” Ngakho yabuyela emuva, yathi, “Heyi, seni—ningayeka ukukhuleka manje, uPetru ulapho.”

Wathi, “O, he! Qhubekani,” wathi, “ni—ni—ni . . .” Niyabo?

325 [UMfowethu Branham uyangqongqotha futhi—Umhl.] Wathi, “Vulani bo! Ngiyangena.” Niyabo? Futhi, ngakho wathi . . .

Ngakho wabuyela emuva, wathi, “Qhabo, ngu—nguPetru emnyango.”

326 “O,” bathi, “sebelinqumile vele ikhanda lakhe, leyo yingelosi yakhe esemnyango. Niyabo, idokodo lakhe laseZulwini, usevele elemukelile, ukuthi leli lasemhlabeni lase lidilizwe, ngoba lalimlindele eZulwini ukuba eze kulo.”

327 Engikubone ngoluny’usuku kulowombono, niyazi, ngawelela ngaphesheya. “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo elilodwa.”

328 Nalababafo abancane ongakenzi-sono okwamanje, niyabo . . . Niyabo?

329 Uma ingane isa—ingane isabunjwa esizalweni sikamama, masinya ithi ingabekwa lapho . . . Niyabo? Niyabo? Kodwa kuqala ngumoya. Futhi lapho lowomoya uqala ukuthatha inyama, imbewana encane yokuphila iqala ukuthatha inyama, futhi ithi ingaqathaka nje kweyayo . . . Manje, esizalweni, ngencane, edikizelayo, imisipha edlikizayo. Siyakwazi lokho. Lezo yizicubu. Njengawe nje uthatha uboya behhashi bese ubufaka emanzini, buyovala ngaphezulu futhi buyonyakaza, futhi buthinte futhi buyogxuma. Injalo-ke ingane.

330 Kodwa ithi ingazalwa nje kulelizwe bese iphefumula ukuphefumula kwayo kokuqala, iba ngumphefumulo ophilayo. Niyabo? Ngoba uthi ungalalwa nje umzimba wasemhlabeni kulelizwe, kukhona umzimba wasezulwini, noma umzimba womoya, ukuwubamba. Futhi uthi nje lomzimba wemvelo ungalalwa, kukhona idokodo laseZulwini eliwulindlele. “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, kukhona idokodo laseZulwini elililindlele.” Ithi nje inga—ingaqathaka ingane emhlabeni enyameni, kukhona umzimba womoya olindele ukuyemukela. Futhi uthi nje umzimba womoya unga . . . umzimba wemvelo uyadilizwa kukhona umzimba womoya

olinde ngaleya. Niyabo? U “mzimba-moya” siwubiza kanjalo, niyabo, umzimba-moya.

[Umfowethu uyabuza, “**Awu, manje, lomzimba uyilokho o...ngabe lowo ngowesikhashana, kulindwe ukuvuka kwalomzimba na?**”—Umhl.] Ya. Niyabo? Ya. O, yebo. [**“Leso yisimo esizophila kuso kuze kube u—ukuvuka na?”**] Kunjalo. Niyabo? Niyabo?

331 Akukembulwa emadodaneni omuntu okwamanje. Ngikholwa...ngi—ngiyazi ngakubona. Niyabo? Kodwa angazi ukuthi hloboluni lomzimba okuyilo, kodwa ngangikwazi nje ukubezwa ngokubathinta ngokufanayo njengoba ngizwe ngokuthinta izandla zakho kumbe noma yini enye. Kusobala, lokhu kuseteyipini futhi ningahle nikudlale iminyaka emva kokuba sengahamba. Niyabo? Kodwa...Futhi lokho, noma ngabe kwakuyini, niyabo, ngangi—ngangibabambile labobantu futhi ngababamba, futhi kwakuyikho ngempela nje njengoba—njengoba niyini ngempela, kepha nokho kwakunga... Babengadli bengaphuzi. Lalingekho izolo nekusasa. Niyabo, kwakuyiPhakade.

332 Futhi manje uma lelodokodo...bashiya lapho kulowomzimba, babuyela emhlabeni, futhi nalolohlobo lomzimba basebethathe okungafi. U—uthuli lomhlaba lwaqoqelwa kulowomzimba-moya wangandlela-thize futhi babangabantu futhi, badla njengoba babedla eNsimini yaseEdeni. Niyabo? “Kodwa uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile.”

333 Ngakho lababantwana abancane ababengenasono, niyabo, akukho sono okwamanje, *izingelosi* zabo, “imizimba” yabo (lowo uPetru abuyela kuwo...) niyabo, wawulindile. “Bebuka ubuso bukaBaba, eZulwini,” uhlala njalo ungaphambi kwaKhe; “bayakwazi.” Yilokho.

334 [Umfowethu uthi, “Kodwa kwakuthi ukubanzima kancanyana lapho lapho uJesu athi, engxenyeni yokuqala yovuko lwaKhe, Wathi, ‘NingaNgithinti,’ Wayengakanyukeli phezulu. Futhi-ke ngenkathi Engene ekamelweni lapho uTomase wayekhona, Wathi, ‘Woza ngapha futhi ufake isandla sakho ohlangothini lwaMi; beka umunwe wakho.’”—Umhl.] Kunjalo, Wayengakanyukeli phezulu okwangalesosikhathi. [“Futhi u—umehluko wokubili, lapho oyedwa Wa—Wabatshela ukuba bangaMthinti, futhi laphaya Watshela uTomase ukuba eze aMthinte.”] Wayengakaze enyukele phezulu okwangalesosikhathi, niyabo. U...[“Ngokuba Angikanyukeli kuBaba waMi.”]

335 Kunjalo, niyabo, Wayengafanele athintwe aze A...emva kovuko lwaKhe. Wayephumile emhlabeni, niyabo. Uphuma emhlabeni futhi wayehamba phakathi komuntu, kodwa

nokho Wayengakanyuki. Wathi...Watshela uMariya, Wathi, “UngaNgithinti.”

Wathi, “Rabuni,”

³³⁶ Wathi, “Thinta...UngaNgithinti, ngokuba angikanyukeli kuBaba. Kodwa Ngenyukela kuNkulunkulu waMi nakuNkulunkulu wenu, kuBaba waMi noBaba wenu.”

³³⁷ Futhi-ke ngalobobusuku, emva kokuba Esenyukele phambi kukaNkulunkulu, futhi esevukile kwabafile, futhi wenyukela phambi kukaNkulunkulu. Ebuya, Wamema uTomase ukuba eze athinte uhlangothi lwaKhe. Niyabo, Wayenyukele phezulu wangena phambi kukaNkulunkulu. Kunjalo. Kulungile.

118. Manje. KwabaseKorinte bokuQala 14, “Jongani—jongani uthando, nizondelele iziphiwo zomoya, ikakhulu ukuba niprofethe.” UWebster, ethi, “profetha: ukusho ngaphambili izehlakalo ezizayo, ikakhulu ngokuphefumulelwa kukaNkulunkulu.” Umlayezo unga...Manje ba...yilokho—yilokho uWebster akusho nalokho u—umfowethu akubuzile. Umlayezo ungabizwa yini ngoku “profetha” ongasho ngaphambili izehlo ezizayo na?

Qhabo, mnumzane. *Profetha* ngu “kusho ngaphambili.” Niyabo? Kulungile.

119. Manje. KwabaseKorinte bokuQala 14:27, ngiyakholwa ukuthi yonke imilayezo ifanele ihunyushwe nokuthi imilayezo ingabi ngaphezu kwemithathu ngezilimi efanele inikezwe kunoma iyiphi inkonzo eyodwa.

³³⁸ Lowo ngumBhalo. Nginawo ubhalwe phansi lapha. Kusobala, asi...Siwejwayele lowo futhi siyawazi lowo, niyabo. Lokho i...Yebo, mnumzane, ku...kufanele kuphela badedelane ngabathathu. Lokho kukwabaseKorinte bokuQala 14, futhi. Niyabo? Kunjalo, “badedelane ngabathathu.” Manje kubhekisiseni lokho emihlanganweni yenu, bazalwane. Manje, ni—niyokuthola kuqubuka manje, niyothola ukuthi inqwaba yabantu ithola ukushisekela. Futhi ungasho ukuthi abanawo uMoya oNgcwele, manje. Kodwa, niyabo, uPawulu wehlela ukuyohlela ibandla laseKorinte ngokwenqubo. Siyakwazi sonke lokho, asikwazi na? Wafanele akubeke enqubweni. Futhi wathi, “Zonke izinto zenziwe ngokuhloniphekile nangenqubo.”

³³⁹ Manje, uma niqaphelile, uPawulu, ekwehleni, wayehlala njalo enenkathazo nebandla laseKorinte. Awukaze umthole ngaleyondlela e...Akazange asho lutho ngakho ngebandla laseEfesu, wayebafundisa ngokuphepha kwaPhakade. Akukho lutho ngokuphepha kwaPhakade e—ebandleni laseKorinte. Babeyizingane njalo, bezama, “Oyedwa unolimi, oyedwa unehubo.” Akunjalo na? Niyabo? Futhi uma uyekele ibandla lakho liqale kanjalo kulokho... .

³⁴⁰ NjengoMartin Luther, wagcwala kakhulu uMoya waze wakhuluma ngezilimi. Wathi, encwadini yakhe okubhalwa kuyo okwenzekayo nsuku zonke, wathi, “Ngakhuluma ngezilimi,” wathi, “kodwa uma ngifundisa abantu bami lokho” wathi, “bayofuna isiphiwo esikhundleni soMuphi.” Lokho kwakuqinisele, niyabo, bayofuna isiphiwo esikhundleni soMuphi.

³⁴¹ Futhi yilokho abantu abakutholayo, futhi-ke bathola sebexakekile ngakho konke sebekhukhumele uma bebavumela bakhulume ngezilimi noma okuthize okunjalo. Futhi uma kungesikho okukaNkulunkulu, khona-ke kungeke...kuyoba ngokweze. Kodwa si. . .

³⁴² Manje, amabandla esimanjemanje aphendukezela yonke into, kodwa asikwenzi. Siyakholwa ukuthi yisiphiwo sikaNkulunkulu futhi singafakwa lapho nguMoya kaNkulunkulu. Kuthiwani ngalokho, Mfowethu Roy na? Kunjalo. Yebo, mnumzane. Kufake ebandleni! Ngokwasebandleni. Isiphiwo sokukhuluma ngezilimi esalapho, niyabo, eBandleni likaNkulunkulu.

³⁴³ Manje, akesibone manje ngqo ukuthi umbuzo wakhe ubuthini lapha. Uthe, ukuthi:

Ngiyakholwa ukuthi yonke imilayezo...(kunjalo)... ifanele ihunyushwe, futhi nokuthi ngokudedelana kwabathathu.

³⁴⁴ Kunjalo, niyabo, ngoba uma uvumela i...Manje asithi, isibonelo nje, njengokuthi ubunomhlango futhi sihlezi phakathi lapha futhi—futhi...Manje, bekungasiza ngani ukumvumela *yena* akhulume ngezilimi, *yena* akhulume ngezilimi, *yena* akhulume ngezilimi, *yena* na? Ngani, sonke besiyodideka kakhulu besingeke sazi ngisho nokuthi besenzani. Niyabo? Ngokudedelana kwabathathu, maku...njengo, uHollin, ukhuluma ngezilimi, uma ekhuluma ngezilimi. . .

³⁴⁵ Futhi kufanele futhi kubekhona umhumushi. Manje, kungabakhona umhumushi oyedwa ngaphandle uma uhumusha ulimi lwakho qobo. Manje, wena...“Makuthi okhuluma ngezilimi ezingaziwa futhi akhuleke ukuthi ahumushe.” Angazihumusha izilimi zakhe uqobo okungukuthi nje njenge—njengoba kungokomthetho njengoba kunjalo komunye umhumushi. Kodwa kufanele kubekhona umhumushi oyedwa ngaphambi kokuba izilimi zi...Uma unesigejane sabantu esikhuluma ngezilimi futhi kungekho mhumushi, khona-ke zikhulekele ukuthi ungahumusha oku—okushoyo.

³⁴⁶ Manje, nje ungakwenzeli ukuzikhukhumeza wena, ngoba uzakha wena-ke nje, niyabo. Ungakwenzi lokho. Kodwa khuluma ngezilimi ukuze wakhe uNkulunkulu, ukuze wakhe ibandla. Niyabo, konke kungokwesizathu esisodwa esikhulu, mfowethu. Leziziphiwo ezokwakha uNkulunkulu, ukwakha

ibandla, ukuletha abantu bangene kuNkulunkulu, ukubazisa ukuthi uNkulunkulu unathi. Akasuye uNkulunkulu ofile, UnguNkulunkulu ophilayo esebenza phakathi kwethu. Niyabo?

³⁴⁷ Futhi nje sifanele sikubhekisise lokho eduzane ngempela ngoba, mfana, udeveli uyakuzonda lokho njengayo yonke into, niyabo, ukubona iziphiwo zangempela zeqiniso. Isizathu iziphiwo zibuthakathaka, futhi angahamba ngempela ayosebenza kulezoziphiwo. Ndoda, o, ndoda, angalingisa ngempela zonke. Ngakho yingalesosizathu. . .

³⁴⁸ Manje, buka, umehluko phakathi kwesiphiwo sesiprofetho nomprofethi, kukhona nje umehluko ongamamayela ayisigidi. Ngaphambi kwesiprofetho. . .Indoda enesiphiwo sesiprofetho singashiwo ngisho phambi kwebandla, ababili noma abathathu kufanele bahlukanise lokho futhi bathi “lelo yiqiniso.” Kunjalo. Kodwa hhayi umprofethi. Niyabo? Umprofethi yisikhundla. Isiphiwo sesiprofetho yisiphiwo. Umprofethi uyazalwa, uno ISHO KANJE INKOSI, mfowethu, kuqhubeke njalonjalo. Akukho lutho kulokho, niyabo. Lowo umprofethi. Kodwa isiphiwo sesiprofetho, leso yisiphiwo, niyabo. Okukodwa yisikhundla sikaNkulunkulu, nokunye yisiphiwo sikaNkulunkulu. Niyabo? Futhi lowo umehluko.

³⁴⁹ Manje, imilayezo, uthi, manje, isibonelo nje, nansi indlela okuyoba yiyo. Manje, siyothi, njengoMfowethu Junie, kulobubusuku, uyahumusha. Siyazi ukuthi ungumhumushi. UMfowethu Neville ungumhumshi, niyabo, uhumusha izilimi. Siyakwazi lokho. Manje, kuthiwani lapha uma sihlezi kulobubusuku, o, uMoya kaNkulunkulu uqhumele nje ukukhuluma. He, bakithi! Futhi si. . .sinalokhu. . .sine. . . Linda, ibandla lizoqala emizuzwini embalwa. Niyabo, si—sihlangani nje ngaphambi kwebandla. Ngilifaka enqubweni njengoba sinayo lapha.

³⁵⁰ Awu, khona-ke, into yokuqala niyazi, kusukuma uMfowethu Ruddell futhi akhulume ngezilimi. Awulinde umzuzu nje. Niyabo? UJunie uyagxuma, “ISHO KANJE INKOSI, ‘Into *ethize-thizeni*.’” Kulungile, omunye umuntu ngapha, ababhali bekhubhali phansi phakathi ngapha, niyabo, noma yini okushiwoyo; ehhe, ake sikuthathe nje manje ngokushesha, ngoba ku. . .ukuthole kufresh, khona akusho. Kulungile, ba. . . Uma—uma kunqatshwa, khona-ke nje kungcono u—ukudedele kuhambe, niyabo, kudabule. Kodwa uma kungenqatshwa, kuvunywa ngabantu ababili, khona-ke kubhalwe lapha, basayina igama labo kukho. Niyabo? Lokho—lokho—lokho kungokwebandla lakho. Lokho yi. . .Nginitshela nonke ngokwenzuzo yenu, niyabo, angazi noma bakwenza lokho ekuqaleni noma qha.

³⁵¹ Futhi into yokuqala niyazi, kugxuma uHollin, akhuluma ngezilimi. Manje, umhumushi angasho umlayezo ofanayo,

niyabo, kungahle kube into efanayo, into ethize ezokwenzeka, isiprofetho; niyabo, okuthize okulungiselela ukwenzeka, noma okuthize ofanele ukwenze. Kugxuma uMfowethu Roberson, ngemuva, akhulume ngezilimi. Kulungile. Kungabe kuyilokhu kungumlayezo ofanayo, kunikeza ukuhumusha okufanayo, niyabo, noma kungaba imilayezo emithathu.

³⁵² Manje, uNkulunkulu akazukukhipha imilayezo engamashumi amahlanu ebusukwini obubodwa. Siyakwazi lokho, ngoba u—ungeke uyithole. Niyabo? Kodwa noma yini ecindezela ibandla, njengo...noma okuthize okwenzayo, kungokokwakha ibandla. Niyabo? Khona-ke a—a—angeke ngikuvumele okunye kunalokho, niyabo, ngoba Kwathi, “Makube ngokudedelana kwabathathu.” Niyabo?

³⁵³ Ngokudedelana kwabathathu nje, khona-ke—khona-ke ngizothi “Qhubeka futhi ukubhale phansi, futhi ukubeke phezulu lapho epulpiti.” Niyabo? Khona-ke kusasa ebusuku siyahlangana futhi. Niyabo? Futhi uma kukhona okulungiselela ukwenzeka phakathi kwamanje nakusasa ebusuku, uNkulunkulu uzokukhuluma kowodwa waleyomilayezo. Niyakubona engikuqondile na? Makube ngokudedelana kwabathathu. Futhi ngiyacabanga manje, uWebster uthi, isiprofetho singa . . .

Ngabe umbuz-...umlayezo ungabizwa ngesiprofetho esingasho ngaphambili isikhathi esizayo na?

³⁵⁴ Qhabo. Uma uyisiprofetho, uyaprofetha, usho ngaphambili okuzofezeka. Yiqiniso lelo, futhi.

³⁵⁵ Kulungile, futhi ngiyacabanga...Manje, lona ngowokugcina size sifike kulena lapha.

120. Mfowethu Branham, ngabe—ngabe noma yimiphi eyale... Mfowethu Branham, noma yimiphi yalemibuzo... Kubhalwe ngomshini wokubhala futhi sekucishe kusuleke. Ngabe noma yimiphi yalemibuz-...Mfowethu Branham, noma yimiphi yalemibuzo ongazizwa uholeleka ukuyiphendula noma ubophezeleke kuyo...noma uphuwule ngayo (ya), uphawule ngayo, ibeke eceleni, ngeke nhlobo ngiphatheke kabi. Yini imisebenzi egcwele yomdikoni ngokwemiBhalo na?

³⁵⁶ Awu, ngi—ngiyakholwa banakho lokho phandle lapho. Uma kuyi...ngiyazi ngomunye wabadikoni bebandla lethu. Ngakho ngiyakholwa banenqubo yakho lapho. Besifanele sithole amanye alawomakhophi phezulu futhi sinikeze yilowo nalowo wabadikoni bethu uma singenayo. Angazi noma besingayithola ikhophi yalokho, Gene, oyedwa . . .noma, wena noma uMfowethu Leo, noma abanye babo, cishe . . .thola cishe ayisithupha noma isishiyagalombili awo futhi uwanikeze abadikoni bethu. Lokho kunikeza imisebenzi, ngokomBhalo, ukuthi umdikoni uzokwenzani.

121. Uma singaba nesiprofetho noma umlayezo ngezilimi uphumile enqubweni, singakulungisa nje kanjani na?

³⁵⁷ Manje, lolo udaba oluhle lokuphuthuma, niyabo. Niyabo? Manje, busiswa, umdikoni osho lokhu, ngoba yinto enhle lena. Ufuna ukuyiphatha ngamagilavu erabha. Manje, uma unikeza i. . . Uma othize engena ebandleni lethu lapha futhi anikeze umlayezo noma isiprofetho esiphumile enqubweni, cishe akukho-nto ongayenza ngakho uma ziphansi. Niyabo? Nje u. . . Bayazi baphumile enqubweni futhi kuyo—kuyo. . . kungona inkonzo. Niyabo? Kodwa, uma kukwenza, indlela nje engcono ukuzedlula zonke ukukwenza, kubadikoni, ukuthula nje. Niyabo? Ngoba umprofethi emsamo yilowo ngempela o. . . U—uyisivikelo sakhe, ningamaphoyisa akhe, niyabo, ningabalindi abasizungezile. Niyabo?

³⁵⁸ Manje, uma kungothize kwelethu i bandl-. . . Uma kungaphandle kwebandla lethu, umuntu akaqeqeshiwe, niyabo, abaqeqeshiwe. Yilokho esizama ukungena kukho lapha, niyabo, ukuthi si—siyakwazi esifanele sikwenze. Siyazi ukuthi baqeqeshwa kanjani abantu bethu. Kodwa uma ku—uma kungaphandle kwebandla lethu, awu, asazi ukuthi bandla lowo muntu uqeqeshwe kanjani.

³⁵⁹ Isibonelo nje, njengo. . . UBilly uyakukhumbula lokhu, e Costa Mesa, e California. Ngasonke isikhathi uma ngilungiselela ukwenza ukubizela ealtare kwakubakhona owesifazane ogxumayo, futhi agijime ehla enyuka ngezikhala zezihlalo, ekhuluma ngezilimi, futhi wayedabula nje lokho kubizela altare kube yizicucu. Futhi nje ngangifanele ngiphumele phandle. Wawungawubona uMoya usuvele—usuvele udatshukisiwe, niyabo. Akukho lutho oluyodabukisa uMoya kaNkulunkulu uma kusenqubweni. Niyabo? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngaphambi nje kokuba alungiselele ukuqala, ukuthi wayezilungiselela kanjani, ngoba ngambhekisisa. Noma yimuphi umfundisi uyokwenza lokho uma ebona noma yini iphumile enqubweni. Khona-ke lona wesifazane wayesemuva laphaya futhi watshela uBilly, futhi uBilly wangitshela ngenkathi ngingena ngalobobusuku, wathi, “Babayi, uyamazi lowo wesifazane owephule lokho—lokho kubizela ealtare, ebusukwini obubili na?”

“Ya.”

³⁶⁰ Wathi, “Ubehlezi phandle lapho,” wathi, “wathi, ‘Udumo kuNkulunkulu, Billy, ngingomunye umlayezo kulobobusuku!’”

³⁶¹ Awu, manje, niyabo, ngambhekisisa phansi laphaya ezethamelini. Kwakukhona izinkulungwane zabantu lapho; lokho kungenkathi i *Reader's Digest* yabhala lokho ngokuphiliswa kukaDonny Morton, niyazi, *Isimangaliso sikaDonny Morton*. Ngakho ngabhekisisa lowo wesifazane, futhi cishe ngesikhathi engaqala ukubizela kwami ealtare,

yena. . . Manje, wayengaqeqeshekile nje; akungabazeki, owesifazane omuhle. Kodwa waqalaza, waqala ukulungisa izinwele zakhe. Wayenezinwele eziphunguliwe, niyabo. Ngakho, niyabo, ungowase Assemblies noma elinye lalawomabandla a—akuvumelayo lokho. Wayelungisa izinwele zakhe. Wagoba futhi wenyusa amakheyiza akhe, walungela kanjalo. Futhi nje cishe ngesikhathi ngiqala ukwenza ialtare. . . Ngathi, “Manje, bangaki phakathi lapha. . . bangaki okhona manje ongathanda ukuza ngaphambili futhi—futhi banikele izinhliziyi zabo eNkosi uJesu na?”

362 Wagxuma. Ngathi, “Hlala phansi.” Waqala waqhubeka. Ngathi, “Hlala phansi!” Niyabo? Futhi, mfana, wonke umuntu. . . Ngavele nje ngama. Wenza sengathi akangizwanga, futhi ngaklabalasa futhi. Wangizwa ngalesosikhathi, ngoba kwathi angiyishukumise indlu ngalowombobho omkhulu wokukhuluma umi ngqo lapho. Futhi wahlala phansi.

363 Ngathi, “Manje, njengoba kade ngisho, bangaki ofuna ukuza ealtare futhi banikele izinhliziyi zabo kuNkulunkulu na?” Futhi ngaqhubekela phambili ngqo nomhlangano, niyabo.

364 Futhi ngalobobusuku ngenkathi ngidumisa itrakhi, ngangizungeziwe. Futhi lapha lesosigejane sablesifazane simile lapho njengesigejane sezinkukhu, niyazi, “Uhlambalaze uMoya oNgcwele.”

365 Ngathi, “Ngikwenzile na?” Ngathi, “Ngingawuhlambalaza kanjani uMoya oNgcwele ngokulandela i ins-. . . ukumemezela imiBhalo na?” Niyabo?

366 Futhi lona wesifazane wathi, “Benginomlayezo ovela ngqo kuNkulunkulu.”

367 Ngathi, “Kodwa ubuwunikeza ngesikhathi esingafanele, dadewethu.” Ngathi, “Angi. . .”

“Uthe lokho beku—bekungesikho okukaNkulunkulu na?”

368 Ngathi, “Angeke ngakutshela, nenekazi.” Ngathi, “Ngi—ngi—ngikholwa ukuthi bekuyikho, uyabo.” Ngathi, “Ngizokusholo inzuzo yakho, ukuthi, ‘Ngithi ngiyakholwa ukuthi bekuyikho.’ Futhi ngiyakholwa ungowesifazane olungileyo, kodwa ubuphumile enqubweni.”

369 Futhi kwakukhona umelusi wakhe emile lapho. Ngangazi ukuthi wayengumelusi wakhe, niyabo. Futhi ngathi. . . nga—ngathi, “Kukhona into eyodwa kuphela engingayisho, ukuthi kuphakathi kokuthi ubusenyameni noma unomelusi okuqeqeshile ongazi lutho ngemiBhalo.” Ngathi, “Ubefanele eze futhi akhulume nathi isikhashanyana ngemiBhalo. Kuyiphutha lokho, uphumile enqubweni. Ulahle imiphefumulo eminingi, ngobusuku bakuthangi, neminingi izolo ebusuku futhi, futhi ngabe wenze into efanayo kulobubusuku.”

370 Futhi lendoda yathi, “Mfowethu Branham,” yathi, “Awuphinde.”

Ngathi, “Uqonde ukuthini na?”

371 Yathi, “Ubenelungelo lokunikeza lowomlayezo, wena ubusudedile.”

372 Ngathi, “Bengisemsamo, futhi umoya wabaprofethi uthobela umprofethi. Bengisesemsamo.”

Futhi yathi, “Awu. . .”

373 Ngathi, “Bengiselokhu nginoMlayezo. Bengenza ukubizela kwami ealtare, lokho ngukuhalela phakathi. Ngiphose ngakhipha inetha yami, sengiyayidonsa manje. Ungaphosi ucingo oluhlabayo phandle lapho noma okuthize ukuthukuthelisa, uyabo.” Ngathi, “Bengisadonsa inetha yami.” Futhi—futhi ngathi, “Ugxambukele ngoku—ngokungeneswa kwemiphefumulo. I. . . Bekuzosiza ngani ukushumayela kumbe noma yini enye uma ungabizi futhi uthole izoni ukuba zikhuphuke na? Uyabo?”

374 Futhi yathi, “Awu, umlayezo wakhe ubekamuva kunowakho. Owakhe ubusuka ngqo emsamo. . . Owakhe ubuvela ngqo kuNkulunkulu.”

375 Ngathi, “Uma umuntu ethi ungowomoya noma umprofethi makaqonde ukuthi lokho engikushoyo kuyiMiyalo yeNkosi. Uma engazi, makahlale nje engazi. Asinawo umkhuba onjalo thina, neBandla likaNkulunkulu alinawo,” ngicaphuna uPawulu, niyazi. Ngathi, “Qhabo, mnumzane, akukho lutho olufresh! U. . . UJesu wathi, ‘Wonke amazwi umuntu awabe amanga nawaMi abeyiQiniso.’ UPawulu wathi, ‘Noma iNgelosi evela eZulwini ifika nanoma yini enye ngaphandle kwaLokhu okulapha, makube ngokuqalekisiweyo.’” Ngathi, “Mnumzane, usuke ngokugxilile emgqeni.” Ngathi, “Nhloboni yebandla onalo na? Ngiyabheja yisigejane esikhulu sokudideka. Uyabo? Uma ubuzovumela labo bantu benze lokho uke ukwenze kanjani ukubizela kwakho ealtare na? Kunenkonz, bonke banenkonz, kodwa wena unezikhathi zenkonz yakho, uyabo, enikeziwe.”

376 Ngakho lokho kuqinisile. Qhabo, futhi manje uma lokho kwenzeka ebandleni *lethu* kanjalo, kanje, ngabanye babazalwane bethu noma odadewethu lapha ebandleni okhuluma ngezilimi, manje, abadikoni emva kwenkonz, ibhodi ngicabanga ukuthi ifanele ibahlanganise ndawonye, bese ithi, “Akenginikhombe emuva eteyipini, imizuzu embalwa nje, niyabo.” Niyabo, nje ni. . . Noma—noma, umelusi, uthi, “Ngi—ngiqinisekile umelusi ufuna ukukhuluma nani. Ningahlangana nje nathi ngapha endlini yokutadishela isikhashanyana, niyabo, mfowethu.” Ngenkathi, khona-ke ningene lapho bese nikhuluma naye kahle kakhulu. Niyabo? Futhi nithi. . .

³⁷⁷ Kodwa, manje, uma bephuma bonke enqubweni futhi bephazamisa umelusi wakho, niyabo, uma—uma bephazamisa umelusi wakho, khona-ke ninamalunga nifanele nenyukele kuye bese nithi, “Umzuzwana nje.” Futhi uma umelusi eniqhweba ukuba nibamise, khona-ke usewubambile umoya phezulu lapho, lokho yi . . . ukuthi bephula umoya womhlangano, niyabo.

³⁷⁸ Ngakho uma umelusi ema futhi ngenhlonipho akhothamisa ikhanda lakhe, ungasho lutho nje. Uyabo? Ungasho lutho; dedela umelusi. Kodwa ubhekisisa umelusi wakho. Uma ekuqhweba kanjalo, ukuthi ufanele ukuyeke, khona-ke uye ngale ngothando lobuKristu, uthi, “Mfowethu, dadewethu,” noma kungaba yini, “Ngikholwa ukuthi uphumile enqubweni, ngoba uphazamisa umprofethi, uyabo. Unomlayezo ovela kuNkulunkulu. Uma eqeda ngomlayezo wakhe, khona-ke sizobona ngakho kamuvanyana.” Niyabo, uma kumphazamisa.

³⁷⁹ Kodwa uma kungumuntu ongaphandle, nomelusi ngenhlonipho avele ame nje futhi alinde umzuzu, khona-ke u . . . mhlawumbe uzoqala aqhubeke ngqo, niyabo. Ngakho . . . Futhi uma niqaphela, amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye esikhathi kanjalo, ukuhumusha, njalo kungukucaphuna umBhalo noma into efana naleyo, okungukuthi mhlawumbe kuyinyama macala omabili omugqa. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini ngalokho. Niyabo? Kulungile.

122. Ngabe kuvunyelwe ongaphezu koyedwa ukukhuluma umlayezo ngezilimi ngaphandle kokuhumusha na?

³⁸⁰ Qhabo. Bafanele beze ngamunye ngamunye. Niyabo? Omunye uyanikeza . . . Omunye uyakhuluma, bese kuthi-ke enikeza ukuhumusha. Niyabo? Bese kuthi-ke uma omunye ekhuluma, ukuhumusha; ngoba uma ungakwenzi, umhumushi angeke azi ukuthi wenzani ngoba kunemilayezo emibili noma emithathu lapha elenga kuye ngasikhathi sinye, niyabo, nalokho kuzodida kuye. NoNkulunkulu akasuye owesiyaluyalu, niyabo. Ngakho omunye akakhulume, nomunye ahumushe. Niyabo? Bese kuthi-ke . . . Nikeza imilayezo emithathu, kodwa umlayezo ngamunye mawuhunyushwe.

³⁸¹ Khona-ke sizoba . . . Njengokuthi uma uMfowethu Ruddell ebengakhuluma noMfowethu Neville ebenganikeza ukuhumusha, uMfowethu Fred athule nje. Niyabo, thola lokho kuhumusha. Kuqala, kufanele kuhlolwe kuqala, ukubona ukuthi ngokukaNkulunkulu noma qha, endaweni yokuqala. Niyabo? Futhi kulungile. Manje, uma uMfowethu Ruddell ekhuluma, uMfowethu Beeler ekhuluma, uMfowethu Neville ekhuluma, umhumushi bandla unemilayezo emithathu emgqeni; ini—ini, uzokwaziphi ukuthi ufanele enzeni na? Niyabo? Myekeni kanjalo. Nikeza umlayezo bese uyathula, linda nje. Dedela into ethize yembulwe kolandelayo ohlezi ngakuye; makathule, ahlale athule du. Niyabo? Bese kuthi-ke nidedela ukuhumusha kufike.

³⁸² Manje-ke, uma ukwenza, kubhale phansi-ke, ubone ukuthi ukwahlukanisa kuthini. Niyabo? Uma bethi, “Awu, ngo—ngokukaNkulunkulu.” Kulungile, nanko umlayezo, niyabo, ubhale phansi. Bese uyalinda umzuzu nje. Nento yokuqala niyazi, awu, khona-ke uMoya uhamba kuye, uzokhuluma. Khona-ke umhumushi alinde umzuzu, abone ukuthi uMoya oNgcwele uzothini. Nangu evela nalowomlayezo, niyabo. Bese kuthi-ke uzokubhala lokho phansi, niyabo. Futhi makube ngokudedelana kwabathathu.

123. Mfowethu Branham, siyazi ukuthi wena uyisithunywa esithunywe nguNkulunkulu kulonyaka webandla. Zona impela izibonakaliso ezifanayo ezalandela uJesu sibona zilandela wena, futhi si...qonda kungani abanye abakwazi kangcono kakhulu becanga ukuthi unguMesiya. Ungawuchaza yini umehluko ebudlelwani bakho noNkulunkulu nalobo bukaKristu na?

³⁸³ Awu, ngiyazi, bazalwane, lokho yiqiniso. Niyabo, kodwa akasilinde, nginokuthize okubhalwe phansi ngalokho lapha, umzuzu nje. Niyabo, izikhathi eziningi akuqondwa. Niyabo? Kodwa, manje, kumuntu ngesinye isikhathi...Futhi ngifuna abanye benu baphenye kanye nami kuLuka, isahluko 3 nevesi le 15. Nisenza lokho, ngingahle ngisho kini...Uma nikuthola, lowo nguLuka 3, ku...kungahle...kuku...Ake nje ngi... angizukuwuvala umnyango, ngoba akukho muntu lapho. Ake—akengifinyelelise lokhu kini nje, bazalwane. Nikuzwile, kundawo zonke. Kodwa akesithi ake nginitshela, niyabo, kufanele kufike ngaleyondlela. Kufanele kufike ngaleyondlela. Uma bekungengaleyo ndlela bengizophenduka ngomlayezo wami.

³⁸⁴ Lalelani, bazalwane, ngiyanifungisa phambi kukaKristu ukuthi ni—ni—nithule kulengxenywe, kodwa ukuba beningabakamoya benizoqonda. Niyabo? Anazi ukuthi yini yona leyonto yokuqala Ayisho ezansi lapho phezu komfula na? Anikhumbuli yini ukuthi Wathini na? “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho...” NguMlayezo oyokwandulela ukuFika kwesiBili kukaKristu. Yilokho iNgelosi yeNkosi eyakusho.

³⁸⁵ Manje, manje qaphelani. Manje, “NjengoJohane umBhaphathizi...” Manje, nonke nikuzwile lokho. Nikufundile ezincwadini, futhi nabazwa abantu abemi lapho beKuzwa, nayoyonke into, ngenkathi leyoNgelosi qobo lwaYo ikhuluma loyomlayezo, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, wena uthunywe naloMlayezo, uyokwandulela ukuFika kwesiBili kukaKristu.” Manje, “uMlayezo.”

386 Manje, uma nizoqaphela, futhi ngi... UWillie omncane phandle lapho wabeka igama lami phansi kwaleyonkanyezi phandle lapho, futhi yingalesosizathu ngayedlula, niyabo, ngoba a—angicabangi... Manje, ngizobaqotho ngakho konke, angicabangi ukuthi kukhona ebengingazihlanganisa ngakho nalesosithunywa, niyabo. Kunjalo. Ngikholwa ukuthi mhlawumbe ngithunyelwe ingxenye eBandleni laKhe, ukusiza ukwakha lowoMlayezo uze ufike endaweni lapho oyoba khona uma kufika lomanduleli, ozofika.

387 Kodwa ngiyakholwa, mina ngiyilokho engiyikho, ngi... ngikholwa ukuthi nginoMlayezo wosuku. Ngikholwa ukuthi lokhu ngukuKhanya kosuku, futhi ngikholwa ukuthi kukhomba kulesosikhathi siza, niyabo, ngikholwa ukuthi uMlayezo awusho ezansi lapho, “uMlayezo onawo.” Manje, uma niqaphele leyoNkanyezi eyaphuma emuva lapho, yayi... .

388 Ake ngikwenze... ngiyazi ngi—ngincinza isikhathi sami lapha, futhi nginalena eminye, imibuzo emihle nje. Angifuni... . Seku—sekusemva kweleshumi manje, ngakho, futhi ngiyazi nifuna ukuya ekhaya. Niyabo? Kodwa lalelani lapha. Ake nginikhombise okuthize. Ninganginika nje i—nje eminye imizuzwana embalwa na? Kulungile, kulungile.

389 Manje bukani, manje akengisho okuthize. Manje, nina bazalwane kugcineni lokhu phakathi kwakho. Niyabo? Manje, kugcine lokhu phakathi kwakho. Ngifanele ngiquondise ngalokhu ngoba ungumelusi wami... ningabelusi bami nezinto, niyabo, futhi ngi—ngifanele ngikwenze lokhu. Futhi ningabafowethu kanye nami sisebenza kuloMlayezo. Niyabo?

390 Manje, maqondana nami uqobo, njengendoda, nginjengani futhi ngimubi ukwedlula nina. Ngi—ngi—ngi... . Abaningi benu nonke bafika nemuva lobuKristu nezinto. “Ngingesikhulu kunazo zonke sezoni,” njengoba kwake kwashiwo, “phakathi kwenu.” Impilo ephansi ukwedlula yonke, ngiqagele, ebingaphilwa, njengongakholwayo nomngabazi, nganginguye.

391 Kodwa kusukela ngisengumntwana bengazi njalo ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, futhi ngazi ukuthi kwakukhona okwenzeka empilweni yami. Nalokho—lokho kungaphambili le kwanoma yimuphi umbuzo, mfowethu. Uyabo? Kodwa ake ngisho lokhu, ukuthi kuyofika—kuyofika uMlayezo, futhi kuyofika isithunywa. Ngikholwa ukuthi uma uzoba indoda ku—kuyoba omunye umuntu emva kwami. Niyabo? Uyoba... . Kodwa loMlayezo engiwushumayelayo unguMlayezo weqiniso walolusuku, futhi nguMlayezo wokugcina. Niyabona ukuthi ngenzani, bazalwane na? Nginibeka nonke endaweni efanayo engikuyo, ngoba nikuyo impela nje kakhulu njengoba ngikuyo. Niyizithunywa zaloMlayezo ofanayo.

392 Bukani lapha, nginesiboniselo. Ngi—ngicabanga ukuthi ngingakwenza kangcono ngesiboniselo. Akengivale lomnyango

kancane nje umzuzwana. *Lona* nguJesus, na *lowo* nguJesus; awu, ngizobeka *lokhu* ngapha, iGetsemane, nalokhu *lapha* na *lapho*. Manje, ungeke. . . angizange ngikusho ngisho nalokhu phandle phambi kwebandla phandle lapho. Manje, khumbulani, nhloboni yokukhanya (inkanyezi) okwahola indoda eyayifuna ukuhlakanipha, “*ukusiqondisa usiholele ekuKhanyeni kwaKho okuphelele na*”?

³⁹³ Manje ngizohlaziya lapha umzuzu nje futhi nginitshele okuthize. Akesihluthule leyonto siyisuse e. . . uWillie ayenzile phezulu lapho, bese-ke sithi iqinisile. Ake sithi nje iqinisile. Neke ngakusho lokho, bazalwane. Lelo yiyembe elihlohiwe. Lokho, ngingeke. . . Ngisho ukuba bengikukholiwe, bengingeke ngakusho. Niyabo? Kushiwo ngomunye umuntu, lokho yibo.

³⁹⁴ Kodwa, lapha, njengoba nje ngabuzwa nje, abanye babafana, uma bebengathi ukufakaza ngezinye zezinto eyenzikile. Angithandi ukungena epulpiti futhi ngifakaze ngento eyenzeke emhlanganweni. Makube ngumphathi noma omunye umuntu owenza lokho, omunye umuntu akwenze. Angithandi ukwenza lokho.

³⁹⁵ [Umfowethu uthi, “Bafika ngisho nakuJohane futhi bathi, ‘UnguKristu na?’”—Umhl.] Ya, yilokho-ke, engizama ukufinyelela kukho. [“UyilowomProfethi na?”] Wakuphika [“Akashongo nokukodwa kwakho, uthi, ‘Ngiyilowo nje omemezayo ehlane.’”] “Iphimbo lalowo omemezayo ehlane.” Wazibeka yena endaweni eyiyonayona.

³⁹⁶ [Omunye umfowethu uthi, “Bambuza ukuthi ngabe wayeyilowomProfethi yini, wathi ‘Angisuye.’”—Umhl.] Ya. Manje. . . Ngokuba umProfethi wayeyiLowo uMose akhuluma ngaye. Niyabo, lowo ngumProfethi, niyabo. Niyabo? Kodwa wayazi ukuthi wayengubani, niyabo. Kodwa washo, manje, ukuthi. . . Wabatshela, niyabo, futhi washo ukuthi, “Ngiyiphimbo lalowo. . .” Lowo kwakunguye. Wa—washo ukuthi wayeyini. Niyabo? Kodwa wayeyi. . .

³⁹⁷ Qhubeka. [Umfowethu uthi, “Ngenkathi uKristu esefika-ke, elandela uJohane, bafika kuYe, bathi, ‘Safundiswa ukukholwa ukuthi uElija wayezofika phambi kukaMesiya.’ Wathi, ‘Uma ningakwemukela.’”—Umhl.] Lowo kwakunguye. Kunjalo. Kunjalo. NoJohane waqhubeka ethi, “Angiyilutho! Angiyilutho! Angifanele ukuthukulula isicathulo sakhe!”

³⁹⁸ Kodwa kuthiwani-ke ngenkathi uJesus esho ngaye na? Wathi, “Beniyophuma ukuyobonani na?” Ya. Ya. “Ngabe naya ukuyobona umhlanga ontengentengiswa umoya na? Noma naya ukuyobonani, umuntu othize ogqoke ingubo enhle namalivilivi nezinto na?” Wathi, “Basesigodlweni senkosi. Kodwa ngabe naya ukuyobona umprofethi na? Ngithi yebo, futhi odlula umprofethi.” Wayedlula umprofethi, wayeyisithunywa sesivumelwano. Yilokho ayeyikho. Wayedlula umprofethi.

Wathi, “Akaze abebikho owesilisa ozelwe ngowesifazane omkhulu njengaye kuze kube yilesisikhathi.” Niyabo?

³⁹⁹ Yilokho okwakuyikho, niyabo, wayeyisithunywa sesivumelwano. Waba yilowo owethula futhi wathi, “NguYe lo.” Bonke abanye abaprofethi bakhuluma *nga* Ye, kodwa uJohane wathi “NguYe lo.” Niyabo?

⁴⁰⁰ Manje bhekisisani. Manje qaphelani. Isazi salandela inkanyezi. Ngizokubuyisela emuva kakhulu ngendlela encane, niyabo. Isazi salandela inkanyezi, sibuzo, “Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na?” Nilizwile iculo. “Sibonile inkanyezi yaKhe kwelasempumalanga futhi size ukhuleka kuYe.” Nikuzwile lokho, nakufunda emBhalweni. Kulungile:

Iholela ngasentshonalanga, isaqhubeka,
Isiqondisa isiholele ekuKhanyeni kwaKho
okuphelele.

⁴⁰¹ Niyabo, inkanyezi yayiqondisa iholela ekuKhanyeni okuphelele, ngoba inkanyezi yayibonisa kuphela ukuKhanya. Yilapho esakhipha lokhu lapha ngolunye usuku. Niyabo? Bangaki owayelapha ngeSonto ukubona lokho na? Niyabo, ngisanda kuqeda nje ukushumayela ngakho. INkazimulo yaseShekina yabonisa ukukhanya enkanyezini, nenkanyezi iyaKubonisa. Lapha iNgelosi yeNkosi yayimi lapha emsamo iphinda iKubonisa phandle lapho, kuphuma eNkazimulweni yaseShekina. Into efanayo impela nje. Kwakulapho impela ngqo. Kubuka lapha kokwangempela, kubuka phandle lapho futhi Kuboniswa eceleni ngqo kanjalo. Niyabo?

⁴⁰² Manje qaphelani lokhu, manje, leyonkanyezi yaphuma empumalanga. Kunjalo na? Kwakuyinkanyezi enkulu. Kulungile. Futhi ubani owayeyinkanyezi yasemhlabeni yangempela ngesikhathi sokufika kukaJesu na? Ngani, uJohane. Kwakunguye owabaqondisa wabaholela kulokho kuKhanya okuphelele. Kunjalo na? Lokho kwakusempumalanga ekubonakaleni kokuqala kukaJesu. Futhi, manje, kunenqwaba yezinkanyezi ezincane eziwelela kumkathizwe kuze kuyowelela enkanyezini yakusihlwa.

⁴⁰³ Nenkanyezi yakusihlwa ikhanya kusihlwa. Inkanyezi yokusa ikhanya ekuseni. Futhi zombili ziyizinkanyezi eziwusayizi ofanayo nohlobo olufanayo lwenkanyezi. Manje hlanganisa okubili nokubili ndawonye futhi unakho, niyabo. Niyabo, nakhu lapho okhona. Ngakho akusiyo. . . Inkanyezi ayisuye uMesiya, ibonisa nje uMesiya.

⁴⁰⁴ Manje, inkanyezi ayibonisi ukukhanya okungokwayo. Inkanyezi ibonisa ukukhanya kwelanga. Kunjalo na? [Umfowethu uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Hhe? [“Ngomqondo. Inyanga iyakwenza; izinkanyezi zibonisa ukukhanya kwazo uqobo.”] Ya. Ya, inyanga, ya, re- . . . Ngiqonde ukuthi inyanga ibonisa lokhu kukhanya. Ya, E-hhe. Manje, uma—uma inkanyezi

ibonisa ukukhanya kwayo, khona-ke ukukhanya kwayo bekuzovela ku...kuNkulunkulu, ngoba kuyinguzunga ka ayisi wohlobo oluthize. Akunjalo na? [Umfowethu uthi, “Ilanga.”] Hhe? Ilanga lalo uqobo, lisuka elangeni. [“Amalanga aqhele kakhulu kunelanga lethu.”] Ya. Futhi ba...Sitshelwa ukuthi lawo malanga avela elangeni elikhulu. Ilanga laphosa lemicibisholo amamizayili futhi ayimicibisholo amamizayili amancane avuthayo njengelanga. Ngakho ingamalanga asemancane kithi. Kunjalo na? Izinkanyiso ezisencane. [“Amanye a...iningi lawo makhulu kunelanga lethu.”] Ngiqonde ukuthi *kithi*, kithi, niyabo. Sikhuluma ngathi uqobo lapha. Kulungile.

⁴⁰⁵ Manje, uma engamalanga kithi, noma abanikezeli-kukhanya, ayingxenye yomnikezeli omkhulu. Niyabo? Ilanga elikhulu lisinika ukukhanya okukhulu, ukukhanya okuphelele. Amalanga amancane, noma izinkanyezi ezincane, esingazibona konozungezilanga, zingahle zibe kude ngaphambi kwe—kwelanga elikhanyayo, kodwa ezikubonisa kithi ngokukhanya okuncane kakhulu. Kodwa zinikeza kuphela ubufakazi bokukhanya. Kunjalo na? Ngakho-ke uma ilanga elikhulu liphuma, amalanga amancane ayaphuma. Kunjalo na? Awasilo i—ilanga kithi, angababonisi-kukhanya njengelanga. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

⁴⁰⁶ Manje, elikhulu kunawo onke phakathi kwawo (ekuseni) okumemezela ukuza kwelanga, ukushona kwelanga nokufika kwelanga, yinkanyezi yokusa nenkanyezi yakusihlwa. Kunjalo na? Ezimbili zezinkanyezi ezinkulu kunazozonke, inkanyezi yasempumalanga nenkanyezi yasentshonalanga.

⁴⁰⁷ Manje, manje niyabona ukuthi kukuphi na? UELija wayeyisithunywa ukubingelela, ukumemezela ukufika kwe nkanyezi yasempumalanga, futhi wabikezelwa ukuba ngumemezeli we—we nkanyezi yasentshonalanga, noma ukufika futhi kosuku olusha emva kokuba lolosuku selwedlule. Manje niyabona ukuthi kuyini na?

⁴⁰⁸ Impumalanga, “Kuyakuba ngokukhanya nge...” Niyabo, ngaphambi nje kokuba iLanga limenyazelwe emhlabeni, inkanyezi yokusa inikeza ubufakazi ukuthi “iLanga liyeza.” Kunjalo na? Niyabo, lokho kuveza inkanyezi yokusa. Awu, manje-ke inkanyezi yokusa nenkanyezi yakusihlwa ziluhlobo olufanayo lwezinkanyezi, futhi kukhona izinkanyezi ezincane ndawo zonke. Aniboni ukuthi ngiqonde ukuthini na? Izithunywa.

⁴⁰⁹ Awu, manje-ke, Wayebukeka efana noAlfa noOmega, ukuQala nokuPhela, itshe leJaspi neSardiyu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, ukufika kuka—kukaKristu kusondela eduzane, manje-ke uMlayezo uELija ayefanele awushumayeke ngezinsuku zokugcina, uma kukhona impinda

yomlando. . . Njengenkanyenzi nje yokusa imemezela ukufika lapho, inkanyezi yakusihlwa imemezela ukufika kosuku olusha, olunye usuku. Lokhu ngukufika kwelanga-ke elimemezela u—ukuhamba kwe—kwelanga esibenakho nokufika kwelanga elisha, niyabo, unyaka omusha, isikhathi esisha esizongena.

⁴¹⁰ Manje, lalalani e: Manje-ke, uma uJohane aveza umlayezo wakhe futhi wamemezela ukufika kokuqala kukaKristu, noElija uyafika ngosuku lokugcina, umprofethi wathi, “Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Ngamanye amazwi, kuyoba nokuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.

⁴¹¹ Ukukhanya kwakusihlwa, ukukhanya kwakusihlwa okukhulu kunakho konke esinakho yinkanyezi yakusihlwa, ukukhanya okukhulu kunakho konke esinakho. Awu, manje-ke, bezuzomemezela umlayezo ofanayo owawuyiwo njengalena enye inkanyezi. Imemezela ilanga, ikhuluma ngelanga.

⁴¹² Awu, manje sisesikhathini sokuhlwa, iziNkanyiso zakusihlwa zilapha. Lonyaka uyashabalala. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Lolusuku selwedlule, futhi kuzobakhona ukumemezela olunye uSuku oluzayo.

⁴¹³ Ngokuba, niyabo, lokhu empeleni. . . Uma omunye ubesentshonalanga futhi wabuka emuva kuleyonkanyezi, bekuzoba sempumalanga. Bese kuthi-ke, niyabo, “sibonile inkanyezi yaKhe kwelasempumalanga,” kodwa empeleni babese. . . babese—babesempumalanga bebuka ngasentshonalanga ngakuleyonkanyezi. Kunjalo na? Isazi sasingale entshonalanga. . . ngale empumalanga sibuka emuva ngasenkanyezini yasentshonalanga. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kodwa kwakuyinkanyezi yasentshonalanga kulabo owayesentshonalanga.

⁴¹⁴ Niyabo, njengoba besingathi. . . Njalo ngiyaye ngithi, “Iphansi liphezulu.” Wazi kanjani ukuthi lokho akunjalo na? Simi ePhakadeni, ngakho iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNingizimu ingahle ibe phezulu neNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho ingahle ibe phansi. Asazi. Niyabo, indlela ephezulu iphansi. Niyabo? Si. . . Sizokushiya lokhu; emva kwalokhu sihamba siyongena ePhakadeni. Kuyabika, kumemezela ukufika kwePhakade, usuku olwehlukile, isikhathi esehlukile, futhi ngakho konke.

⁴¹⁵ Manje sisesikhathini sokuhlwa. Siyakukholwa lokho. Siyakholwa ukuthi ukufika kweNkosi sekuseduze. Kulungile. Manje, uma lokho kubanjalo, khona-ke kuzofanele kubekhona ukuKhanya kwakusihlwa. NokuKhanya kwakusihlwa, ngokukaMalaki 4, bekufanele ku “phendulele izinhliziyi zabantwana zibuyele koyise,” zibuyele ekuqaleni.

⁴¹⁶ Kodwa ngenkathi efika okokuqala, wayephendulela izinhliziyi zawoyise kubantwana. Abantwana kwakuyilabo ayebaqoqele ngakuye. Wayezoletha abantwana. . . izinhliziyi

zawoyise (abadala, oyise bomthetho wasendulo) babuyele kulokhu kukhanya ayekumemezela lapha.

417 Kodwa nxa efika futhi, uzojika aphendukele emuva ngqo (niqaphelile yini, ngaphambi kokuba izwe libhujiswe, “usuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi”) no “kuphendulela izinhliziyi zabantwana koyise,” eyakusihlwa—inkanyezi yakusihlwa eyayiyinkanyezi yokusa ngalesosikhathi. Amen.

418 Ngithemba—ngithemba ukuthi ngikuthola kahle, niyabo. Inkanyezi yakusihlwa eyayiyinkanyezi yokusa, ngoba yinkanyezi efanayo. Sisentshonalanga, sibuka empumalanga. Zazisempumalanga, zibuka entshonalanga. Yinkanyezi efanayo impela. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kuyangokuthi ukuphi, niyabo, noma ngabe yinkanyezi yasempumalanga noma yinkanyezi yasentshonalanga. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kulungile.

419 Manje, kuletha... omunye uletha ukukholwa kwawobaba kubantwana; ngalesisikhathi ngoku “kholwa kwabantwana kubuyela koyise.” Uhambe wajikeleza, futhi ubuya ujikeleza futhi. Awuboni ukuthi uqonde ukuthini na? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Yinkanyezi efanayo ngasosonke isikhathi. Into efanayo, uMlayezo ofanayo, into efanayo ibuyela emuva ngqo futhi. Seyedlule.

420 Futhi wazi kanjani ukuthi uhamba ngayiphi indlela na? Ngikholwa ukuthi ihora lizofika lapho ngempela bezothola ukuthi izwe alihambi ngisho. Ngiyakukholwa lokho ngenhliziyi yami yonke. Angikholwa... ukuthi bakufakazisa kakhulu kangakanani ngokwesayense kumbe noma yini okunye futhi. Benze inqwaba ukufakazisa yokufakazisa kwesayense abadingeke ukuba bakuhoxise. UNkulunkulu wathi izwe lama... ilanga. Ngiqonde ukuthi ilanga lama esikhundleni sezwe. Niyabo, ilanga. Eqinisweni angikholwa ukuthi ilanga... a—a—angikholwa ukuthi ilanga liyakwenza lokho abathi liyakwenza. Ngiyazi inyanga iyahamba, futhi ngiyakholwa i—ilanga liyahamba nalo. Niyabo?

421 Kodwa abanye babo bathi, “Wabuka ekungazini kukaJoshuwa, niyabo, futhi” wathi “Wamisa i... wakusho...” Awu, wathi, “Wamisa izwe.”

422 Ngathi, “Khona-ke ningitshale ukuthi, ‘Uma i—uma izwe lingake lize lime, belingadubuleka nje njengenkanyezi enomsila idabula emkhathini.’ Niyabo?” Ngathi, “Manje-ke, kwenzekani-ke na?”

423 Ngangikhuluma noMnu. Thiess ezansi lapha, uthisha weBhayibheli esikoleni esiphakeme; niyazi ukuthi wayengubani, kodwa wakusho lokho. Ngathi, “Ngiyakholwa ukuthi lokho kwashiwo yiBhayibheli, ukuthi izwe lama...” Ngathi, “Ngiqonde ukuthi, ‘i langa lama.’ UJoshuwa wathi kulo ilanga, ‘Yima!’ futhi lama lapho.”

424 Wathi, “Awu, Wavele nje wamisa izwe, Ukubonile ukungazi kukaJoshuwa.”

Ngathi, “Wenza okufanayo ngobuhlakani bakho, ke.” Niyabo?

425 [Umfowethu uthi, “Ngicabanga ukuthi bangakufakazisa ngokwesayense ukuthi i—ilanga lama isikhathi esingakanani.”—Umhl.] Yebo, lapho ba...ngikuzwile lokho, nami. Yebo, bayasho...ngezwa usonkanyezi lapha esikhathini esithize esedlule ekhuluma ngalokho, ukuthi bebengakufakazisa. Futhi ngesikhathi esifanayo aba...into ethize eyenzeka emoyeni owebhoze umhlaba jikelele ukuthi babekwazi ukubona lapho okwenzeke khona into ethize eZulwini futhi yavula uLwandle oluBomvu ngalesosikhathi nento. Bakufakazisa konke lokho. Awu, mfana, ngiyakutshela, izinkanyezi ezivela le phakathi ngaleya kwenye indawo ezenze into efana naleyo ngalesosikhathi. Nokho, lokho kujule kakhulu kithi.

426 Ngakho, manje, isizathu sokuthi loMlayezo...loMlayezo uzofanele ubukwe ngalesi izimo, ukufakazisa ukuthi kunjalo. Manje, siyazi, bazalwane, ukuthi umuntu angebe nguNkulunkulu. Umuntu, nokho ungukulunkulu, ngamunye wenu ungukulunkulu. Wenziwa ukuba ube ngukulunkulu, kodwa hhayi ngenkathi usekulokhu kuphila. Niyabo? UJesu wayengumuntu njengoba siyibo nje, kodwa uNkulunkulu wayekuYe. Ukugcwala kukaNkulunkulu kwakukuYe; sinoMoya ngesilinganiso.

427 Kodwa ngokuthi lokhu ukuKhanya sekufikile, futhi uma KungukuKhanya kwangempela okuzomemezela uMlayezo uJohane umBhaphathizi awumemezelayo, njengoba Athi wenza emfuleni ezansi ngaleya...Futhi bukani nje, kwakungaba kanjani—kwakungaba kanjani ngenye into na? Bukani mina, niyabo, akukho ngisho nemfundo yasesikoleni yokubhalwa nokukhulunywa kolimu. Ngenkathi Engitshela izinto ezazizokwenzeka, akukho nayinye yazo ehlulekile. Akukho nayinye yazo eke yehluleka. Bukani ukuthi Wenzeni. Bukani, Unayo ngisho ne... .

428 Futhi ngatshela abazalwane, emuva ngaleya eminyakeni eyedlule, angazi ukuthi ubani obengamdala kunabo bonke phakathi kwethu, kodwa ngabatshela ngalezizinto, ngokubona lokhu ukuKhanya nokuthi Kwakumbala muni, nayoyonke into. Manje isithombe sikhombisa ukuthi kuqinisile. Zonke lezizinto ezehlukene kuyafakazisa ukuthi kuyiqinisile. Kunjalo na? Awu, manje-ke, uma lokho kuqinisile... .Futhi kungukuKhanya.

429 Manje, qala cishe kwelesine... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...kungaphezu wevesi 35 lapho, noma ngiqonde...Asiqale cishe ngevesi 14, mfowethu. Ubani

oselivulile na? Kulungile. Qala cishe evesini 14 lesahluko 3 sikaLuka oNgcwele lapho. [Umfowethu ufunda uLuka 3:14-16.]

[*Namabutho ambuza, athi, Sizakwenzani na? Wathi kuwo, Ningamuki-muntu lutho ngendluzula, ningamxabeleli; yaneliswani yizinkokhelo zenu.*]

[*Abantu besabhekile, bezindla bonke ezinhliziyweni zabo ngoJohane, ukuthi ingabe unguKristu yini, noma qha;*]

[*UJohane waphendula, wathi kubo bonke, Mina kambe nginibhaphathiza ngamanzi; kepha uyeza onamandla kunami, futhi engingafanele ukuthukulula umchilo wezicathulo zakhe: uzakunibhaphathiza ngoMoya oNgcwele nangomlilo:*]

⁴³⁰ Kulungile. Kwakuyini na? Abantu babephansi kokubheka impela kukaMesiya ukuba afike, ngenkathi bebone lenkonzo egcotshiweyo enkulu, yomuntu ephuma ehlane futhi enomkhankaso wakhe futhi ebuyela ehlane, indoda eningi, okwakungabalandeli bakhe uqobo, bathi, “UnguMesiya.” Babekubhekile, niyabo.

⁴³¹ Manje-ke uma lona kunguMlayezo oqinisileyo kaNkulunkulu wandulela ukuFika, kaJohane umBhaphathizi, okufanayo. . .njengento efanayo, uMlayezo kaElija, uyofanele ucatshangwe ngendlela efanayo. Niyabo? Ngakho lokho kuphendula lowombuzo, ngiyacabanga, impela. Niyabo? Ufanele ucatshangwe ngendlela efanayo. Niyabo?

⁴³² [Umfowethu uyabuza, “Ngabe ikhona yini into esibophezeleke ukuba siyenze ukuze sizame ukusiza noma ubani ebesinga—ebesingamfaka e—engxabanweni enjalo na? Noma besingenzenjani na?”—Umhl.] Bekungeke kwabakhona lutho, ayikho into ngayenza. [“Ingqondo enganaki. . .Ngabe lokho bekungakhulela engqondweni yokunganaki na?”] Awu, kungafika engqondweni enganaki uma kufika kulokhu: uma indoda, eyayikhona okwakhulunywa ngayo, eyayingafakaza ukuthi yayinguMesiya, khona-ke siyazi ibiyoba ngukristu wamanga. Niyabo?

⁴³³ Niyabo, inqobo nje uma indoda qobo lwayo ibizobamba isikhundla sayo, niyabo. Njengoba batshela uJohane, uJohane akazange. . .Akusho lutho ngaye lapho ngaye esho utho ngabo. Babe—babe a—abantu, a—amaKristu athandekayo a. . .noma amakholwa elalikholwa kuJohane.

⁴³⁴ Bathi, “Lomuntu nempela ungumprofethi kaNkulunkulu, akukho-kungabaza.” Bathi, “A—a—a—a—awusiyе lowomProfethi na?”

Wathi, “Qhabo.”

⁴³⁵ Wathi, “Ngani, a—a—awusiyе uMesiya na?” Niyabo, ba—babecabanga ukuthi wayenguyе ngempela. Niyabo?

Wathi, “Qhabo.” Niyabo?

“A—a—awusuye na? U—ungubani na?”

Wathi, “Ngiyizwi lomemeza ehlane.”

⁴³⁶ IBhayibheli lase lithi-ke, “Abantu bephansi kokubheka.” Kwakungubani lowo na? Ababemuzwa, abalaleli bakhe, abalandeli bakhe, abazalwane bakhe. Niyabo? Manje, babengafuni ukumlimaza, babengazami ukumlimaza. Kodwa, niyabo, ba—babecabanga empeleni ezinhliziyweni zabo ukuthi wayenguMesiya.

⁴³⁷ Awu, manje, umlando uzoziphinda kuzo zonke izenzeko. Siyakhwazi lokho. Uzofanele uziphinde.

⁴³⁸ Njengoba uthatha laphaya kuMathewu 3, kwathi, “Ukuze kugcwaliseke, okwakhulunywa ngomprofethi, ‘Ngiyibizile indodana yami iphume eGibhithe.’” Manje, lokho kwakungesikho. . . Kwakukhuluma ngoJesu, iNdodana; kodwa hamba ngenkomba; kwakunguJakobe, indodana, futhi. Niyabo? Niyabo? Konke kunencazelo embaxambili.

⁴³⁹ Ngakho manje uma lokho. . . ukuba—ukuba leyonto ayivukanga, bengisayolokhu ngithi kwakuzovuka esikhathini esizayo, ngoba ngiyazi loMlayezo uvela kuNkulunkulu futhi ungukwandulelwa kukaKristu, futhi nguMoya namandla kaElija ngoba uzobuyisela izinhliziyzo zabantwana. Yonke into ikuqinisekisa ngqo, ngakho kubophezelekile ukubumbeka kuye entweni eyodwa ukuba ibe njalo phansi kwabantu beqiniso, lokho—lokho ngokoqobo kungukukholwa nabafowenu nabangani.

⁴⁴⁰ Manje, bengine. . . Nginodokotela khona lapha edolobheni. Nginganitshela ngodokotela. . . Angizukunitshela ukuthi ungubani, umngani wami owangigaxayo, wayesethi, “Billy, bekungabalula kimi ukusho kuwe, ‘unguMesiya kaNkulunkulu wosuku lokugcina.’” Niyabo?

Ngathi, “Dok, ungakwenzi lokho.”

⁴⁴¹ Wathi, “Awu, angiboni-muntu ezweni owake waba nento futhi asho izinto futhi enze izinto ozenzayo, Billy.” Kumsize kakhulu kakhulu, niyabo. Wathi, “Ngiya kulamabandla bese ngibona lababashumayeli nezinto,” wathi, “wena wehlukile kubo futhi ngiyazi awunamfundo.” Niyabo? “Futhi ngiyazi ukuthi awusiso isazi sokusebenza kwengqondo nemicabango yomuntu, ngoba u. . . isayense yokusebenza kwengqondo nemicabango yomuntu ingeke izenze lezozinto.” Niyabo?

Ngase ngithi, “Yiqiniso lelo, Dok.”

⁴⁴² Akukho-sidingo ekukhulumeni naye ngoba akazi ngisho, wawungeke ungene naye esisekelweni sokuqala, uyabo, ngoba akazi ukuthi uzokwenzenjani. Kodwa yilokho-ke, niyabo.

443 Ngiyamazi owesifazane oyikhaladi owakhe enhla olayinini ukusuka kimi, futhi usebenzela enye indoda engiyaziyo, nalomka-ndoda washaya ucingo, wathi, “Lowo wesifazane ubengakhonza kuwe ngoqobo njengonkulunkulu, ngoba wayebulawa ngumdlavuzwa futhi wena wabeka izandla phezu kwalowo wesifazane futhi wathi waye...” Lona wesifazane amsebenzelayo, indoda yakhe nalodokotela othize (hhayi udokotela ebengikhuluma ngaye, omunye udokotela) udlala igalofu nezinto kanyekanye, futhi wayesemdelile. Naleso kwakuyisisebenzikazi sasendlini kabhuti wakhe, futhi wayesesidelile ukuthi sizofa, futhi saphiliswa uqobo. Nodokotela akakwazanga ngisho nokuthola umkhondo wawo, womdlavuzwa. Futhi, niyabo, wayethi. . .

444 Manje, abakuqondile ngendlela engicabanga ukuthi bakusho ngayo noma esikuthatha ngayo. Niyabo? Baqonde ukuthi ba—ba...Baqonde ukuthi bayakholwa ukuthi uNkulunkulu unathi, ukithi, esebenza ngathi; kungesikho ukuthi umuntu ngamunye unguNkulunkulu, niyabo. Manje, babazi ukuthi uJohane wayengumuntu nje.

445 Futhi ngakho uJesu wayengumuntu nje. UJesu wayengumuntu nje, Wayezalwa ngowesifazane nje, kwadingeka afe. Kunjalo na? Wayengumuntu, wayedla futhi aphuze, futhi walamba, wakhala, futhi woma, nayo yonke into, engumuntu nje njengoba niyibo, umuntu njengoba nginguye. Kodwa uMoya kaNkulunkulu wawukuYe ngokugewala, ngaphandle kokulinganisela. Wayengumninimandla emandleni.

446 Lapho, uElija wayeyingxenye nje yalowoMoya; mhlawumbe egcotshwe ngaphezudlwana kwabazalwane bakhe, kodwa nje wayeyingxenye yoMoya. Kodwa abantu babebheke uMesiya. Futhi bayibona lengxenye phezu kwabafowabo, bathi, “O, he, lona kufanele kube nguYe!”

447 Kodwa lapho Eqala ukukhanya, ukukhanya okuncane kukaJohane kwaphuma. Niyabo?

448 Nalezizinkanyiso ezincane ziyophuma uma Esefika, lowoKristu waseZulwini omkhulu ogcotshiwe evela empumalanga eya entshonalanga. Ne...futhi...Niyabo? Kodwa Akazukuba semhlabeni manje, uMesiya akazukuba semhlabeni kuze kungene isikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Niyabo? Niyabo? Isizathu iBanda, “sibanjwa ndawonye ukuhlangabeza iNkosi emoyeni.” Akezi neze emhlabeni. Uhlwatha uMlobokazi waKhe.

449 Kodwa uthola ilada, niyazi, njenge...Wawuyini lowomdlalo, Leo, lapho indoda yamisa khona ilada eceleni kwendlu na? URomeo noJuliet. Kunjalo, wamisa ilada wayesentshontsha umlobokazi wakhe.

450 Manje Uyeza nje wehla ngelada likaJakobe, futhi uthi, “Sss, S’thandwa, woza lapha.” Niyabo, sizokwenyuka ukuyohlangabezana naYe.

451 [Umfowethu uyabuza, “Mfowethu Branham, lokhu bekungaba yikho yini pho ngalokho na? Lababantu beza kuJohane umBhaphathizi futhi babefuna ukumbiza ngoMesiya. Futhi ngakuzwa ngesinye isikhathi uthi iJuda licabanga ukuthi uMesiya wayenguNkulunkulu.”—Umhl.] Uthini? [“Ngithi, lababantu beza kuJohane umBhaphathizi, becabanga ukuthi wayenguMesiya, uKristu. Ngakuzwa usho ngesinye isikhathi ukuthi uMesiya wayezoba nguNkulunkulu, eJudeni.”] Yebo, mnumzane. Kunjalo, o “rabi.”

452 [Umfowethu uthi, “Awu, uJohane wabakhuza, ethi waye ‘ngesuye,’ lowoKristu owayeza.”—Umhl.] Kunjalo. [“Kodwa akusilo yini iqiniso ukuthi abafundi babiza uJesu nge ‘Nkosi na’? NoJesu wavuma kulokho, ethi, ‘NiNgibiza nithi “Nkosi,” futhi kanjalo Ngiyiyo.”] Ya. [“Ku—kuJohane 13, lapho Ageza khona...?...”] Ya, Wayekuvuma. [“Njengokuba yiNkosi, yebo, Wakuvuma.”] Wakuvuma. [“Wakwemukela.”] Ehhe. Kodwa, niyabo, uJesu eyi *Nkosi*, ngenkathi Ebuzwa ukuthi Wayeyiyo yini, Wathi, “Yebo, mnumzane. NgiyiNkosi noMfundisi. NiNgibiza ngalokho, futhi nisho kahle, ngokuba Ngiyikho.” Kodwa... [“Kodwa akaze abekhona omunye obengabakhona, ukuthi...”] obengasho lokho. Qhabo.

453 Njengokuthi uma ku... Uma omunye umuntu ubengathi bengingukulunkulu, awu, ake nginitshele eGameni leNkosi uJesu ukuthi “Leso yisiphosiso!” Niyabo? Ngiyisoni esisindiswe ngomusa, nginoMlayezo *ovela* kuNkulunkulu. Niyabo? Niyabo?

124. Kufanele noma akufanele yini ukuba ibandla lendawo linakekele abalo uqobo, yalo—yalo imithwalo yendawo (uqobo) ngaphambi kokuba linakekele izidingo zakwamanye amazwe kwamanye amazwe na? Nokho, emva kokuba li...zalo...Emva kokuhlangabezana nezidingo zalo, kungokomBhalo ebandleni lendawo ukusiza emsebenzini wobuthunywa benkolo njengoba likwazi na?

454 Ya. Kunjalo. Uthando luqala ekhaya, niyabo. Si—si—sinakekela izidingo zethu uqobo lapha, ngoba besizoba ne... leli yibandla likaNkulunkulu, noma kuyini, ibandla lakho elincane, ibandla likaNkulunkulu. Manje, uma ungeke wakhokhela ngisho umelusi wakho, awukwazi ngisho nokuthola izincwadi zamaculo nezinto, ubungafanele ukuthumele noma kuyiphi enye indawo. Niyabo? Kodwa manje-ke emva kokuba usukhokhele ibandla lakho, nayo yonke enye into, izikweletu zakho zonke nya nayo yonke into, walungisa futhi usulungele bese uqhubeka, bese-ke usiza lowo omunye umfowenu udinga usizo oluncane phandle ngaleya, niyabo. Thola okuncane...

⁴⁵⁵ Ngikholwa ukuthi, ngenkathi...uma wenza izinkokhelo ebandleni lakho nami ngizoba nemali ekhokhwayo encane ebekwe ndawondawo yomnikelo yobuthunywa benkolo uma abantu bezizwele ukuthi bebefuna ukunikela ezimishini. Isizathu inqwaba yabantu izonikela ezimishini ibe ingenakunikela emabandleni angawasekhaya nezinto. Ngakho uma bengayinikeli ezimishini, bayoyisebenzisela enye into. Ngakho ngizothi nje yibani nebhokisi elincane lemishini, futhi ngizo... Yileyo ndlela esizama ukwenza ngayo.

125. ULuka 1:17, ngicela uchaze ukufika kukaJohane ngo “moya kaEliyase.”

⁴⁵⁶ Awu, ngicabanga ukuthi sithole nje uLuka—uLuka 1:17, ehhe, efika ngo “moya kaEliyase.”

⁴⁵⁷ [Umfowethu uyabuza, “Ngabe yilapho labo abathi umuntu uphinde azalwe komunye bethola khona imfundiso yabo na?”—Umhl.] Angizwanga? [“Ngabe yilapho yini lapho abantu abakholelwa ekutheni umuntu uphinde azalwe komunye beqala khona umcabango wabo ongenabufakazi na?”] Ngahle ukuba yikho. [“Niyabo, bakholwa ukuthi ubuyela e...”] Yebo. [“...ubuye angene nomunye umzimba.”] Yebo, niyabo, kuyiqiniso ukuthi umoya awufi neze. Yiqiniso lelo. UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe kodwa neze uMoya waKhe. [“Bathi, ‘Uma ubulungile uyobuya ungene—ungene komunye umfo onomoya omuhle.’”] Ya. Ya. [“‘Uma ubumubi unghale ubuye ungene enjeni.’”] Ya, bane... Ya.

⁴⁵⁸ Awu, manje, njengangale e—e—ngale eNdiya, kwakuseqenjini lomuntu lapho esahlangana khona kanje, futhi babe—babeze besule ngisho naphansi; ukunyathela izintuthwane ezincane noma into ethize, kungahle kube yisihlobo esithize noma into ethize. Niyabo, babengakwenzi. Kodwa, niyabo, lobo—lobo ubuhedeni. Niyabo? Lobo ubuhedeni. Lelo yiqiniso.

126. UPawulu wathi ku... uPawulu wathi ukuba “Nizondelele iziphiwo ezinkulu, kanti senginikhombisa indlela eyona inhle kakhulu.” Ngicela uchaze ukuthi yini “indlela enhle.”

⁴⁵⁹ Uthando, kwabaseKorinte bokuQala 13, niyabo. “Zondelelani...” Thola abokuQala... Manje thola kwabaseKorinte bokuQala 13 lapho, mfowethu. KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 13, futhi manje fundani nje amavesi okugcina amathathu noma amane akho. KwabaseKorinte bokuQala 13, elokugcina... cisha amavesi amathathu okugcina esahluko—esahl... [Umfowethu ufunda kwabaseKorinte bokuQala 13:11-13—Umhl.]

[Lapho ngisengumntwana, ngakhulumisa okomntwana, ngaqondisa okomntwana, ngazindlisa okomntwana: kepha kuthe sengiyindoda, ngayeka okobuntwana.]

[Ngokuba manje sibona esibukweni, kalufifi; kepha lapho sobukana ubuso nobuso: manje ngazi inxenye; kepha lapho ngiyakwazi njengokuba kade nga... ngaziwa.]

[Manje-ke kumi ukukholwa, nokwethemba, nothando, lokhu kokuthathu; kepha okukhulu kulokho luthando.]

Ehhe, uthando, niyabo?

127. Angalahlwa kanjani umfowethu ngecala obuthakathaka bakhe ngukuthatha indawo ebandleni ngaphandle kokucelwa ukuba enze njalo na?

O, he! Awu, mbekezelele, ngiqagele. Uyabo?

Angalahlwa kanjani umfowethu ngecala... Akafanele ukulahlwa ngecala!... obuthakathaka bakhe—bakhe ngukuthatha indawo ebandleni ngaphandle kokucelwa ukuba enze njalo na?

⁴⁶⁰ Isibonelo nje, ukuba ubefuna u—ukuba yidikoni. Niyabo? Futhi akaceliwe ukuba enze njalo, nokho ufuna ukuba yidikoni noma kanjani, niyabo. Awu, uma umuntu enjalo, niyazi kukhona into ethize encane, niyazi, ebuthakathaka ndawo ndawo, noma kanjani, futhi ngakho bengizothi nje ukubhekana naye ngothando.

⁴⁶¹ Futhi, kusobala, awufuni neze u—ukwenza into njengalokho ngaphandle uma wazi ngempela. Bekani indoda engcono edlula onke impela eningayithola ebhodini, niyabo, kanjalo. Mfowethu, ningalokothi nifake lutho lapho e... Ihloleni leyondoda, kuqala. Idikoni linomthwalo ongaphezu kwalowo umelusi anawo. Lifanele lingabinacala, idikoni linjalo. Niyabo?

128. Enkonzweni yesidlo, indoda yafika ealtare ukuzokhuleka. UMfowethu Branham wayemi emva kwe—kwesinkwa newayini kwesidlo lapho okwakuphethwe khona, wathi waye “ngenakukushiya ukuba ukuyokhuleka nendoda ealtare.” Ngicela uchaze.

⁴⁶² Ngathumela engangibambisene naye, niyabo, uMfowethu Neville. Ngiyabukhumbula ubusuku ngenkathi kwenzeka. Ngifanele ngihlale nalelotafula lesidlo, niyabo, ngisho noma... Bukani lapha. Manje, anginaso isikhathi sokungena kulokhu. Umuntu ehlezi lapha obuzile, kusobala. Nakhu okuyikho, mfowethu. Uma—uma unesidlo, lokho kungokumele umzimba kaJesu Kristu. Kufanele ku... Kufanele kube phansi kokugadwa ngaso sonke isikhathi.

⁴⁶³ Bukani, ngenkathi uElija ethi ku—kuGehazi, “Thatha udondolo lwami” (wayelubusisile lolodondolo), wathi, “hamba ngendlela yakho. Futhi uma noma ubani ekhuluma, ungamphenduli. Uma noma ubani ekubingelela, ungaphenduli. Qhubekela phambili, futhi ubeke leyonduku phezu komntwana.”

Kunjalo na? “Hlala nalolodondolo!” Niyabo? Futhi yilokho engangikwenza.

⁴⁶⁴ Manje, uma ebengekho umelusi obambisanayo lapha, emi lapho...sengedlule ekushumayelini. Ngiyakhumbula ukuthi kwakunini. Futhi ngi...uma be...uma uMfowethu Neville ubengamile lapha, noma umuntu ukusiza leyowomuntu ealtare...besengiqedile nje ukushumayela, ngakho ngangimile etafuleni lesidlo. Futhi besalungiselela ukuthatha isidlo, futhi ngasengivele ngiphakathi—ngiphakathi nginikeza isidlo. UMfowethu Neville wayemile nje eduze, futhi ngangifundisa isidlo. Manje, uMfowethu Neville wayemile lapho.

⁴⁶⁵ Ukuba-ke bebeza ealtare futhi uMfowethu Neville wayesalokhu esenkonzweni yakhe, futhi wayeshumayela na? Bengiyoya ealtare nendoda, uma ibisukumile yaphuma emhlanganweni esashumayela, yenyukela ealtare. Bengiyobona umfowethu wa...ukuthi ubenogcobo lukaMoya. Wayefundisa. Wayengumfundisi phakathi e...wayesemsebenzi, umfundisi emsebenzi.

⁴⁶⁶ Futhi awufanele ubavumele bakhulume ngezilimi, uphazamise, noma ngayiphi indlela, umfundisi emsebenzi. Yebo, uma uMoya oNgcwele ukhuluma komunye umuntu futhi bagijimele ealtare ukuba basindiswe, umfundisi makaqhubekele phambili ngomsebenzi wakhe; makuthi umelusi, idikoni, abahlanganyeli, uma kukhona umhlanganyeli noma yimuphi omunye umfundisi, makakuse kuloyomuntu ngokukhulu ukushesha. Ungamphazamisi umfundisi emsebenzini. Niyabo?

⁴⁶⁷ Futhi ngangimile emva kwedeski lomsebenzi, nginikeza isidlo. Futhi umhlanganyeli wami, uMfowethu Neville, wayemi eduze kwami. Futhi indoda yagijimela phezulu ealtare, ngathi, “Thola, yehlela kuye, Mfowethu Neville.” Futhi uMfowethu Neville wehlela kuye. Yingalesosizathu ngingahambanga.

⁴⁶⁸ Manje, uma bebengekho abahlanganyeli lapha, noma lutho ukuba luye endodeni, bengiyokwehla futhi ngimise isidlo, futhi ngehle futhi—futhi ngibone lowo mphefumulo wawusindisiwe. Niyabo? Kodwa ngokuthi kwakukhona umuntu ukumthuma, bekuyongidonsa emsebenzini, niyabo, lapho engangemukelisa khona isidlo.

129. Yini konke umuntu angakwenza...Yini konke umuntu angakwenza njengomuntu osebenzayo ekusebenzeni ekwabelaneni nomuntu ofuna uMoya oNgcwele, futhi ehlela ngokombhalo na?

⁴⁶⁹ Kulungile. Yiba ulokhu nje umcaphunela iZwi, yinto ezedlula zonke ukuyenza. IZwi linokuKhanya. Nje hlala, “Mfowethu, uJesu waKwethembisa. Khumbula, yisithembiso saKhe.”

⁴⁷⁰ Ungamnyakazisi, umphushe, noma umgudlule azungeze, noma okuthize. Nje ungazami uku—uku...qhabo, ungazami

ukuWunika yena, ngoba ngeke ukwenze. Niyabo? Niyabo? U... UNkulunkulu uyomnikeza Wona. Yiba ulokhu nje umcaphunela izithembiso uziphinda. Niyabo? Yiba ulokhu umile lapha ucaphuna isithembiso. “UNKulunkulu eZulwini, ngikhulekela umfowethu. Isithembiso saKho singukuthi Uyomnika uMoya oNgcwele.”

⁴⁷¹ Khona-ke uma uzama ukumkhuthaza... Uthi, “O, mfowethu, melusi, mfowethu,” noma ubani eseduze kwakhe, “Ngi—ngifuna uMoya oNgcwele.”

⁴⁷² “Mfowethu, Uyisithembiso. UNkulunkulu wenza isithembiso. Uyakholwa ukuthi Unesethembiso na? Manje, ungaWungabazi. Uma usikholwa isithembiso, uMoya oNgcwele uzoza kuwe nje noma ngasiphi isikhathi manje. ULindele. Nikela yonke into onayo kuYe, futhi uthi, ‘Nkosi, ngimi esithembisweni saKho.’”

⁴⁷³ Manje, yiba ulokhu ucaphuna. Manje, yenza indaba yakho—yakho—yakho—yakho, niyabo, menze ayeke... Yiba ulokhu ucaphuna. Thana manje, “Tshela uNkulunkulu. Manje, uphendukile na?”

“Yebo.”

⁴⁷⁴ “Manje thana, ‘Nkosi, Wathi uma ngingaphenduka Uyongithethelela. Uthi uma ngiphenduka futhi ngibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu ukuthethelelwa izono zami, ngiyokwemukela uMoya oNgcwele. Manje, Nkosi, ngikwenzile lokho. Ngikwenzile lokho, Nkosi. Ngikwenzile. Ngilindile, Nkosi. Ukwethembisile.”

⁴⁷⁵ Niyabo, yileyo ndlela, yiba nje ulokhu umkhuthaza. Mgcine eseZwini ngqo. Uma Uzoza Uzoza-ke.

130. Ngabe umshumayeli noma yimuphi umKristu wenza kahle ongakholelwa e... Qhabo: Ngabe umshumayeli noma yimuphi umKristu wenza kahle ongakholelwa ekuvikeleni kwaPhakade na?

⁴⁷⁶ Manje, akesibone. Ngiyacabanga i “...enza...” Niyabo uma ufunda lokho ngokufanayo njengoba ngenza. Kufunde. [Umfowethu ufunda umbuzo, “Ngabe umshumayeli noma yimuphi umKristu wenza kahle ongakholelwa ekuvikeleni kwaPhakade na?”—Umhl.]

Ngicabange ukuthi ngingabanakho lokho kahle. Manje, awu, ngi...

Ngabe umshumayeli wenza kahle ongakholelwa ekuvikelekeni kwaPhakade na?

⁴⁷⁷ Ngiyokukholwa ukuthi umshumayeli wayenza... uma wayengazi lutho ngokuvikeleka kwaPhakade. Kodwa uma ekwazi futhi ekwazile ukuthi yiQiniso, futhi-ke eNgakushumayeli, ufanele abenamahloni ngaye uqobo; kunjalo,

noma yimuphi umKristu. Manje, umKristu, manje, bengizothi ku—kumKristu ongakuqondi lokho kahle hle. . .

478 [Umfowethu uyabuza, “Lokho akusiyo imfundiso ovulekile, kuyiyo, Mfowethu Branham, ukuba kushunyayelwe kubantu abangakaze. . .?”—Umhl.] Qhabo, qhabo, qhabo. Manje, yilokho engangingena kukho. Ya. Niyabo? Niyabo?

479 Manje, niyakukhumbula engakusho ngeSonto eledlule na? Uma ungumshumayeli, thola ipulpiti. Uma ungesiye, shiya inkonzo yakho. Niyabo, yileyo indlela ezedlula zonke ukwenza lokho, shiya inkonzo yakho. Uma ungumshumayeli, thola ipulpiti, niyabo, futhi uye ekushumayeleni. Uma ungesiye, shiya nje inkonzo yakho, impilo yakho ayibe yipulpiti. Niyabo? Ngicabanga ukuthi kuthatha ukunakekela kwakho konke, anicabangi na? Niyabo? Niyabo? Ngoba izikhathi eziningi siyathola. . . Futhi nani bazalwane yenzani lokho emabandleni enu.

480 Khumbulani, abantu—nje benu abangelutho ngezinye izikhathi uzama uchaza izinto futhi enze izinto, kungcono ukuthi uyabafundisa ukuba bangakwenzi. Futhi uma umuntu efuna ukwazi okuthize, mabeze kowodwa o. . . oyedwa ofundisiwe ukukwenza. Niyabo?

481 Uthi, awu, manje, njengomuntu obeyothi, “Heyi, ngiyakutshela. . . Bangitshela ukuthi, wena phezulu ebandleni lakho ukholelwa ekuvikeleni kwaPhakade.”

482 Manje, kungcono ubhekisise. Uyocishe ungene emfucumfucwini enkulu kunesewake waba kuyo, niyabo, futhi kumenze abemubi kusenake abayikho. Uthi, “Ngikutshela ukuthi, uma uzoza ngapha futhi ubuze umelusi wethu, niyabo. U—uyahamba ukhulume naye, niyabo. Si. . . Lelo yiqiniso, ngiyazi umelusi wethu uyakukholwa lokho. Ngiyakukholwa futhi, kodwa angikwazi ukwesekela. . . Angisuye umshumayeli. Ngiyakukholwa nje, yilokho kuphela engikwaziyo. Ngiyakukholwa ngoba ngimzwile ekuchaza kuphuma eBhayibhelini, ukuthi kwakungaphambi kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza kimi.” Niyabo?

483 Kodwa kungcono a—kungcono abantu—nje abangelutho bakhulume kumelusi ngalokho. Futhi, umelusi, qiniseka ukuthi uyakwazi ukukuphendula, futhi. Ngakho kufundeni kahle kakhulu, ngoba izikhathi eziningi bayokubophelela phezulu kulo, niyabo. Ini. . .

484 [Umfowethu uthi, “Mfowethu Branham?”—Umhl.] Ngiyaxolisa. [“Ngingaphansi kokuvuma ekuhlakanipheni okuncane, kodwa ngi—ngiyazi ukubizwa kwami futhi ngenze ukukhetha kwami kwaqiniseka.”] Ehhe. [“Uvele wakusho nje ‘Uma ungumshumayeli, ufanele ubenepulpiti.’”] Yebo, mnumzane. Kunjalo. [“Angisuye umshumayeli, ngingumvangeli.”] Yebo mnumzane. [“Kodwa ipulpiti likanoma

ubani ngelami.”] Kunjalo. [“Kodwa khona manje ngiyasebenza, ukusebenza ngokwenyama. Akusiwo umsebenzi onzima, kodwa ngiyasebenza, futhi anginalo ipulpiti. Futhi ngiyakholwa ukuthi lesisikhathi somsebenzi ukuthi ngisentandweni yeNkosi. Ungitshelile ukuba ngikwenze, ngeZwi futhi nofakazi kaMoya. Futhi ngiyakholwa, kamuva, ukuthi amapulpiti ayovulwa.”] Impela, kunjalo. [“Kunjalo na?”] Kunjalo, mfowethu.

⁴⁸⁵ Mfowethu, manje, uma uzobuyela emuva lapha futhi uthole incwadi okubhalwa kuyo ama-akhawundi yebandla elidala, uyothola ukuthi ngelusa lelibandla iminyaka eyishumi nesikhombisa, futhi ngashumayela nsuku zonke, ngashumayela nsuku zonke futhi ngasebenza nsuku zonke. Niyabo? [Umfowethu uthi, “Uma usebenza, kuwuphawu oluhle ubiziwe.”—Umhl.] Ya. UPawulu wakwenza, akakwenzanga na? UPawulu wenza amathende. [“Ngokwehlayo ngadumazeka ngoba, njengoba wathi, uma ngingumshumayeli, ngifanele ngibe nepulpiti. Ngi...ngokwehlayo ngadumazeka, kodwa ngiyazi ukuthi uNkulunkulu wangibiza ukuthola umsebenzi, okwesikhathi.”] Impela. UPawulu wahamba futhi wenza amathende, akawenzanga na? Wasebenza ngezandla zakhe uqobo ngakho wayengafanele a...Kunjalo. Impela. [“Ya, o, awu, yilapho engikuthola khona, kuPawulu.”] Hhe. Kunjalo. Niyabo? UJonh Wesley wathi, “Izwe isifunda somfundisi sami.” Ngakho ipulpiti lakho lisavuliwe, mfowethu. Abavangeli uya kulolonke izwe. Akunjalo na? “Hambani niye ezweni lonke.” Ngakho ipulpiti lakho izwe lonke. Yebo, mnumzane.

Umbuzo:

131. Kuyabusa, r-u-l-i-n-...Kungukubusa ukuthi idikoni noma umphatheli ufanele ahlale emfundisweni yebandla labo na? Yebo. Kunjalo. Kungumthetho kubo ukwenezela noma ukususa kwezifundiso ngenxa yombono wabo uqobo noma isambulo na? Qhabo, mnumzane. Qhabo.

⁴⁸⁶ Idikoni noma umphatheli ufanele ngokuphelele abesekuvumelaneni ne—nemfundiso yebandla labo. Bafanele bahlale ngokuphelele ngokuhunyushwa kwemiBhalo yebandla labo, ngoba, uma bengakwenzi, balwa ngokumelana nayo impela into. Ba—bayazilimaza bona uqobo. Niyabo? Uyalwa . . .

⁴⁸⁷ Kungu, ngamanye amazwi, njengoba uma—uma—uma ngithi ngiyawuthanda umdeni wami futhi ngizama ukubondla ngophoyizeni. Niyabo, into efanayo. Niyabo, ungeke ukwenze lokho, wena . . .

⁴⁸⁸ U—umphatheli noma idikoni ekuthatheni isikhundla sabo, noma yimuphi ophethe isikhundla sebandla omelele umzimba webandla othize, niyabo, lokho kumelele ibandla.

⁴⁸⁹ Yingalesosizathu ngaphuma ebandleni lamaBaptisti, niyabo, okwesikhathi sokuqala. Bengilapho kancanyana futhi ba—bangicela ukuba ngigcobe abashumayeli abathile besifazane.

Awu, angikwazanga nhlobo ukuhlala kulo. Ngathi, “Ngi—ngiyenqaba ukukwena.”

490 Futhi umelusi wangidluvuza. “Yini lokhu na? Uyilunga!”

491 Ngathi, “Doctor Davis, ngazo zonke izinhlonipho ezifanele ekukholweni kweBaptisti, futhi yonke into ebengikade ngigcotshelwe kuyo, bengingakwazi ukuthi kwakuyimfundiso yebandla leBaptisti ugoba abesifazane. Yileyo nto kuphela eyayishiye kukho.”

Futhi wathi, “Lokho yimfundiso yelelibandla.”

492 Ngathi, “Mnumzane, ngingaxolelwa okwalobubusuku, noma ubungangiphendulela imibuzo ethize na?” Niyabo?

493 Wathi, “Ngizoyiphendula imibuzo yakho.” Wathi, “Kungumsebenzi wakho ukuba lapho.”

494 Ngathi, “Kunjalo, mnumzane. Kunjalo. Ngifanele ngilindele kuyoyonke into lelibandla eliyenzayo. Ngisemsebenzini, omunye wamalunga asendaweni.” Futhi wathi... ngathi, “Ungangichazela kungani lokhu kwabaseKorinte bokuQala 14 noma 15 lapho, lapho uPawulu wathi, ‘Abesifazane mabathule emabandleni, akuvunyiwe ukuba bakhulume.’”

495 Futhi wathi, “Ngani, impela!” Wathi, “Uma... ngingakuphendula lokho.” Wathi, “Uyabo, kwakuyini,” wathi, “UPawulu wathi... Bonke—bonke abesifazane wayehlezi emuva emakhoneni, beqhumisa njengoba benza ngasonke esinye isikhathi. Wathi, ‘Ungabavumeli bakwenze lokho.’ Niyabo?”

496 Futhi ngathi, “Khona-ke ngichazele uThimothewu wesiBili, lapho uPawulu athi, futhi, umbhali ofanayo, umphostoli ofanayo, wathi, ‘Kepha angimvumeli owesifazane ukuba afundise nokuba abuse, niyabo, kepha a—alalele. Ngokuba uAdamu wabunjwa kuqala emva kwalokho uEva, futhi uAdamu kakhohliswanga kepha owesifazane wathi ekhohlisiwe.’ Ukhohlisiwe. Manje, angisho ukuthi ufuna ukwenza noma yini engalungile, kodwa ngempela ukhohlisiwe kukho. Akafanele abe ngumfundisi.”

Wathi, “Ngabe lokho umbono ongowakho na?”

497 Ngathi, “Lokho umbono womBhala ngendlela yokubona kwami. Yilokho iBhayibheli elikushoyo.”

498 Wathi, “Nsizwa, ubungathathelwa imvume yakho ngalokho.”

499 Ngathi, “Ngizobasindisela inkathazo. Ngizokunikeza, Doctor Davis.” Ngathi, “Hhayi nganoma yikuphi udelela kuwe...” Futhi wayengeke akwenze, nokho. Ukuyeka kuhambe, akuhambe kwedlule kanjalo.

500 Khona-ke wangitshela wayezobamba impikiswano ovulelekile nami ngakho. Futhi ngathi, “Kulungile, noma ngasiphi nje isikhathi.” Kodwa a—akakwenzanga lokho.

501 Ngakho-ke ka—kamuvanyana, khona-ke, ngenkathi iNkosi ikhulume nami, futhi ngokufika kwe—kweNgelosi yeNkosi, khona-ke—khona-ke wahlekisa ngaKho nje, niyabo. Futhi-ke nga—ngamtshela nje, ngathi, “Awu, Doctor Davis, kuhle kakhulu ngisuke kulokhu khona manje, uyabo,” ngathi, “ngoba kuzoba umthwalo. Ngangikade nje ngigcotshiwe kancanyana, noma kanjani, ngakho kuzoba umthwalo kimi, ngakho nje ngingahle ngisuke kukho khona manje.”

502 Ngakho-ke uma ngingeke ngihlale ebandleni iBaptisti futhi ngifundise imfundiso yeBaptisti futhi ngithathe inkolelo yeBaptisti. Uma ngakwenza—uma ngakwenza ngoba nje kwakuyibandla, khona-ke nginephutha, niyabo, ngifihla ngemuva okuthize. Futhi uma ngi—uma ngi—uma ngethembekile ngami, ngiyoya kubantu beBaptisti (umelusi wami noma ubani ongangichazela khona) futhi ngibabuze i—izwi lokuPhila; uma ngokuyikho engangikhombisa lapho okukhona ngqo emBhalweni, futhi banelise ukuzwa kwami, khona-ke ngizokukhuluma nje ngendlela akukhuluma ngayo, niyabo, futhi ngizoba iBaptisti.

503 Yingalesosizathu ngizimele. Yingalesosizathu ukuthi ngingahlangani nezinhlango, ngoba angikholelwa ezinhlango. Futhi ngikholwa ukuthi akusikho ngokombhalo, ngokuba, inhlango.

504 Ngakho-ke, beningeke ngibe owanoma yiyiphi inhlango futhi ngizwe ngilungisiwe ngokukwenza. Niyabo? Ngakho-ke, angingenisi abantu futhi ngibenze amalunga, nokunye nokunye kanjalo, ngikholwa ukuthi siya *zalwa* ukuba ngamalunga, siyazalwa eBandleni likaNkulunkulu ophilayo. Niyabo?

505 Asiwasi amagama abantu encwadini futhi sibakhiphe ebandleni, futhi yonke into kanjalo, ngoba ngikholwa ukuthi akukho kweyethu—kweyethu imsebenzi ukwenza lokho. Ngikholwa ukuthi nguNkulunkulu owenza ukukhipha ebandleni. Niyabo? Kodwa ngiyakholwa ukuthi ibandla, uma bekuyoba khona umfowethu obenza into engalungile . . .

506 Isibonelo nje, uma—uma bebambe uMfowethu Neville, noma uMfowethu Junior, noma uMfowethu . . . omunye umfowethu lapha, omunye wabadikoni noma amaphatheli, noma okuthize okunye, enza into engalungile, ngikholwa ukuthi into efanele yenziwe ukuba ibandla lihlango ndawonye futhi bakhulekele lomfowethu. Uma esalokhu engaqondiseki, khona-ke abambalwa abahambe naye, baye kumfowethu ukubuyisana. Futhi-ke uma engakwemukeli, khona-ke kusho phambi kwebandla. Khona-ke uma bengakwemukeli khona-ke, sekuyisikhathi salolonke ibandla khona-ke, niyabo, okwabelusi, amalunga, futhi nakho konke ukukwenza. Angikholwa ukuthi noma yiliphi ibhodi ledikoni linelungelo lokulahla noma ubani

ngaphandle kwebandla noma yiliphi ibhodi lomphatheli noma yimuphi umelusi onelungelo ukukwenza.

⁵⁰⁷ Ngicabanga ukuthi uma noma ubani owayefuna ukuyeka ukuhlanganyela, bekuyoba ngenxa yokuphila okungcolile, noma okuthize okunjalo, ukuthi wayengesuye umuntu ofanele, njengendoda ingena lapha yonakalisa amantombazane ethu noma—noma ithuka abesifazane bethu, nezinto ezinjalo, futhi ezisho ukuba ngomunye wethu lapha. Niyabo? Manje, uma ephandle ndawondawo engena, ngani, kufanele senze okuthize ngakho, kodwa, uma kufika kumuntu onjalo, umuntu owonakele ezama ukuthandana namakhosikazi ethu noma—noma ethuka amadodakazi ethu noma, niyazi, into ethize enye enjalo, noma enze into ewukonakala kuye owesifazane, noma ekhipha phandle abafana bethu abancane futhi enza ukuphendukezela kubo, noma okuthize.

⁵⁰⁸ Lezozinto zifanele zisukunyelwe, futhi khona-ke lowomfo uyofanele akhishwe ebandleni ekuhlanganyeleni futhi angavunyelwa ukuthatha isidlo nakho, ngoba asifanele senze lokho. Asifanele. “Uma omunye esidla ngokungafanele, unecala leGazi nomzimba weNkosi,” kulowo muntu.

⁵⁰⁹ Kodwa ngiyakholwa nje njengomfo owathi, “Awu, manje, u—uyi *lokhu, lokho*.” Mkhulekele. Kulungile.

⁵¹⁰ Angisoze ngakhohlwa, eStockholm, eSwedeni, uMfowethu Lewi Pethrus, indoda enkulu kaNkulunkulu. Sasihlezi etafuleni, amahora nje ambalwa ngaphambi kokubuya eMelika. Saba nemihlangano emikhulu lapho. Futhi wathi, uGordon Lindsay wathi, “Ubani oyinduna yalomzimba omkhulu na?” Mfana, kuneAssemblies of God ishaya ngamamayela angamakhulu, niyabo. Wathi, “Ubani induna na?”

Futhi uLewi Pethrus unjengendoda ehloniphekile, futhi wathi, “UJesu.”

Wathi, “Ubani amalunga akho na?”

Wathi, “UJesu.”

⁵¹¹ Wathi, “Ngiyazi kunjalo,” wathi, “sikholwa into efanayo ngama Assemblies of God ethu.” Wathi, “Kunjalo.” “Kodwa,” wathi, “uthi, isibonelo nje, u—umfowethu uphuma emgqeni,” wathi, “ubani onokusho kanjalo ngokumkipha na?”

Wathi, “Asimkiphi.”

“Awu,” wathi, “nenzani na?”

⁵¹² Wathi, “Siyamkhulekela.” Ngacabanga lokho kwakumnandi kakhulu! Lokho kwezwakala kufana nobuKristu kimi, “Siyamkhulekela.” Akekho omkiphile, bayamkhulekela.

⁵¹³ Wathi, “Awu, khona-ke, uma-ke abanye abafowethu bevuma,” wathi, “futhi abanye babo abafuni ukuhlanganyela naye nhlobo na? Mngeniseni, njengokungathi umelusi, niyabo,

lokho ngukuqala ukuba indoda yamanenekazi phakathi kwa . . . Niyazi ukuthi ngiqondeni, futhi izinto ezinjalo, futhi abanye babelusi ngeke babenaye emabandleni abo. Nenzani nonke, nimxhoshe enhlanganweni yenu na?”

⁵¹⁴ “Qhabo.” Wathi, “Siyamyekela nje futhi siyamkhulekela.” Wathi, “Asikaze silahlekelwe nawoyedwa okwamanje. Bahlala njalo bebuya, ngandlela thize.”

⁵¹⁵ Wathi, “Awu,” wathi, “manje, uma-ke . . .” Wathi, “Uma abanye babo bethi bayamfuna futhi abanye bengamfuni na? Manje, kanjani ngalokho na?”

⁵¹⁶ Wathi, “Awu, labo abamfunayo, abamthathe; labo abangamfuni, abafanele bakwenze.”

⁵¹⁷ Ngakho—ngakho ngicabanga ukuthi yindlela enhle ukuba nakho, anicabangi, bazalwane na? Futhi ngaleyondlela singa “bazalwane.”

⁵¹⁸ Manje, bazalwane, ngithemba ukuthi lezizinto zinikezile uhlobo oluncanyana lokukhombisa ngasempendulweni noma okuthize, ukuthi umhlangano wethu lapha kulobubusuku usi—usizuzele okuthize. Ngilungiselela ukuhamba manje okwesikhashana, ukuya emihlanganweni ngaleya eNtshonalanga. Ngokuzithoba ngiyayilangazelela imikhuleko yenu.

⁵¹⁹ Ezinye zezimpendulo zami phakathi lapha, mhlawumbe eziningi zazo, mhlawumbe hhayi ngisho eyazo, ibiqinisile. Angazi. Kodwa bekuyoba ngowedlula konke ebengingaqongelela endleleni okungeyami yokucabanga, niyabo, ukuzama ukuKuchaza. Mhlawumbe lena yokugcina, kakhulukazi, efika lapho ekugcineni, angibanga naso isikhathi sokuyibheka. Futhi nje angibanga naso, bebe . . . Engikuqondile, kubekhona imiBhalo esedlule kuyo lapha ngasosonke isikhathi, usuku emva kosuku ebandleni. Ngacabanga mhlawumbe bekungokuthize okunye okukhathazayo kakhulu obekungasibangela ukuba sehle ekubeni ngempela besifanele siye kokuthize okukhulu, kodwa kufana kakhulu nje nemibuzo yamabandla.

⁵²⁰ Ngiyajabula ukunibona nikubambe kanjalo, akukho okuphumile enqubweni, akukho kusola, akukho kudideka. Akukho mbuzo empikiswaneni yaKho futhi ngathi “Kuyiphutha, Lokhu kuyiphutha, ngeke sibenaKho.” Bekungabazalwane nje abebefuna ukwazi okuthize ukuqondisa ukubamba kwabo, yilokho kuphela. Lokho . . . ukuqondisa, ukugobisa—gobisa isikhali sithi ukuqina kancanyana, donsa okunye ukuqopha kukho. Ngithemba ukuthi sithola ukuhlangana kakhulu izikhathi eziningi kanje, donsa isikhali.

⁵²¹ Futhi niyakhumbula, bazalwane, isikhali sami sindinga ukudonswa, futhi. Ngakho ngikhulekeleni kuNkulunkulu ukuthi uNkulunkulu uzongisiza futhi ngidonse isikhali sami

siqine kancanyana, ukuthi ngizo...ungaphunyuki nezinto. Futhi ukuphila engikuphilayo futhi izinto engizenzayo, kwangathi ngingakwenza ngomoya omningi wokuzithoba, ukushisekela okuningi ukukwenza. Futhi uNkulunkulu angiphe inhliziyo ukukwenza kakhulu kunokuba ngibe nakho phambilini. Ngikhuleka okufanayo kini nonke. UNkulunkulu anibusise.

⁵²² Nginibambe isikhathi eside lapha, futhi manje sekuyimizuzu emihlanu ngqo kushaye eleshumi nanye.

⁵²³ Futhi manje, Mfowethu Neville, ngi—ngingahle...Manje, ngathola, ciske kungamakhulu ayisishiyagalolunye futhi amamayela athize phezulu lapho, angizukuhamba kuze kube nguMsombuluko ekuseni. Kodwa ngifuna ukuba lapha ngeSonto okweSikole sangeSonto, ngizoza njengesimenywa senu ukunilalela nishumayela, niyabo, ngeSonto. Niyabo? Kodwa...Awu, mfowethu, yebo, mfowethu. Mfowethu Neville, nasi isizathu, mfowethu. Ngi...ngiyakuthanda futhi ubuhlale njalo unokucabangelana ekunikeleni ipulpiti njengokungathi nje uma...njengokuthi bengiyilunga elidala kini, noma okuthize. Kodwa angikaze ngikuzwe ngaleyondlela, Mfowethu Neville. Ngezwa ukuthi singabafowethu.

⁵²⁴ UMfowethu Ruddel noMfowethu Junie, futhi, o, nonke bazalwane futhi nonke, singa—singabafowethu ndawonye nje, niyabo.

⁵²⁵ Kodwa ini...Isizathu sakho, ngithe nje ukusha izwi kancanyana manje, niyabo, futhi nginamaviki ayisithupha aqondile empi nje aqhubekayo, niyabo. Futhi ngi—ngifuna nje mhlawumbe ukuqala uma ngingakwenza, ngicabangile, emva kwalomhlangano kulobubusuku, okuzonginika uLwesihlanu noMgqibelo neSonto ukuphumula, ngaphambi kokuqala emihlanganweni phandle lapho.

⁵²⁶ Futhi uMfowethu Junie, masinyane nje uma ngibuyela emuva, ngasikhathi sinye ngingena, ngifanele ngehle futhi nginibone futhi, ngifuna ukuphuma. Ngedlule ibandla lakho elincane phandle lapho, izolo, ngiyakholwa. Umkami wathi, “Ngicabanga ukuthi...” Ngabe kuphandle lapho ngasemgwaqeni kaloliwe eduze kwaseGlenellen Park na? Bengingathanda ukuphuma lapho futhi ngikhulume kulabobantu baseSellersburg. Kahle.

⁵²⁷ UMfowethu Ruddel, busisa inhliziyo yakho. Bengingathanda ukuphuma, unesigejane sabantu abalungile. Uhlalile lapho kulobubusuku ulalele njengokungathi nje ubuyilunga elidala ukuthatha.

⁵²⁸ UMfowethu Beeler ngapho, ngomunye wabafowethu abangabavangeli. Ngethemba ngesinye isikhathi ngingahlangana nomunye wemihlangano yakho ndawondawo, mfowethu, kungenza ukuthonya okuthize, yiba nokuthize

ukukusho ndawondawo ukukukhuphula uqhubeke. Bengihlala njalo nginezwi elihle kuwe lanoma ubani, wena nakuMfowethu Stricker lapha, nabavangeli.

529 UMfowethu Collins lapha, engikholwayo ukuthi ngolunye usuku uyoba ngumfundisi ngokugcwele emsebenzini.

530 Indoda angamaqhawe indoda, indoda eyiqhawe, indoda yangempela yokukholwa, uNkulunkulu abenani nonke, nani badikoni, nina baphatheli, nina bazalwane.

531 Ngiyakholwa ni...Umfowethu lapha, angilicabangi igama lakhe. Ungu...[UMfowethu Caldwell uthi, "Mfowethu Caldwell."—Umhl.] Caldwell. Ungu nje... Ongomunye wamalunga noma okuthize, awusiye, noma nje i... ["Umfundisi."] Umfundisi. ["Ngingumfundisi. Ngingowe Church of God, bengegeke ngilishumayele iVangeli eligcwele futhi ngihlale nabo. Bengegeke ngiwushumayele umbhaphathizo eGameni leNkosi uJesu futhi ngihlale nabo. Benginohlobo oluphakeme lwemvumo yenkonzo abayikhiphile, kodwa nje ngibaphendukele. Selokhu ngakuzwa ushumayela leyo Milayezo emikhulu, ngabaphendukela, ngaphuma enhlanganweni. Manje ngifuna ukuba ngomunye wabakho."]

532 Ngiyabonga, mfowethu. Siyakwemukela ekuhlanganyeleni kwethu. Futhi izincwadi zethu—zethu ezisichazayo ngezaphezulu. Ukuphila kwethu kwenza izincwadi zethu ezisichazayo, niyabo. Lokho izincwadi zethu ezisichazayo. "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke niNgangikholwa." Niyabo? Kunjalo. Lokho yizincwadi zethu ezisichazayo. Futhi ngakho omdala...NjengoHoward Cadle wayevamise ukuthi, "Asinamthetho kodwa uThando, hhayi incwadi kodwa iBhayibheli, futhi—futhi hhayi—hhayi isivumokholo kodwa uKristu." Kunjalo. "Hhayi umthetho kodwa uThando, isivumokholo kodwa uKristu, incwadi kodwa iBhayibheli."

533 Futhi si—si, Mfowethu Caldwell, siyjabula ukuba nawe. Uphuma enhlanganweni enkulu. I Anderson Church of God, ngiyacabanga. [UMfowethu Caldwell uthi, "I Cleveland."—Umhl.] Noma ibandla laseCleveland, iPentecostal Church of God. ["Futhi ngangivamise ukwelusa ngaphandle lapha e...?..."] O, yebo. O, yebo, bengiphandle lapho. Ngikholwa ukuthi ngangiphandle lapho noMfowethu Neville... noma uMfowethu Wood, ngesinye isikhathi, sasinenja nomainja enkulu komunye umuntu owaya ebandleni lakho ngaphandle lapho. Futhi ngafanele ngime ezitebhisini ngaphandle lapho futhi ngikhuluma, futhi babekhuluma ngawe. Awu, ngiqinisekile... ["Ebandleni lami."] O? ["Burns."] Kunjalo, Mfowethu Burns. Kunjalo [UMfowethu Caldwell ulanda isehlakalo.] O? Yebo. O, Bertha, kunjalo. O, lokho kuyamangalisa.

534 UMfowethu Rook ngaleya, usengumelusi manje, noma umvangeli, ngiyakholwa. Kunjalo na? Noma ungumelusi na? [UMfowethu Rook uthi, “Umvangeli nje.”—Umhl.] Umvangeli. Ngifuna ukuphawula kuwe, Mfowethu Rook. Ngizwile ngomsebenzi othize omkhulu owenzela iNkosi. Wena...Ngezwa waya eIndianapolis noma wawuya eIndianapolis, futhi wabanezinkonzo futhi wazuzela uKristu imiphefumulo. UNkulunkulu abenawe, Mfowethu Rook. Ngiyajabula impela ukukubona. Ngiyakubona ngaphandle lapho kulowogandaganda omdala phandle lapho, ugijima uzungeza phandle lapho, uvundisa nje iyadi lakho phandle lapho. Awu, uyabo uzama lapho ukwenza okuthize wenzela iNkosi. Jabula Wakubizela inkonzo, Ekubamba njalo phambi kwakhe, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. Ungaxegisi kuyilutho; kodwa kwenze ngobumnandi bomoya ungakwenza ngawo. Makuthi owakho—makuthi umlayezo wakho njalo ubengesikhathi ngobumnandi bukaMoya oNgcwele.

535 Futhi uMfowethu Stricker...[Umfowethu uthi, “Sifisa imikhuleko yenu nonke. Si—siyazama ukuqala ibandla ezansi eNorth Vernon.”—Umhl.] O, ngiyethemba uyakuthola. Sizokukhulekela. [“Wenza kahle kakhulu, kuze kube manje.”] Kunjalo.

UBilly, uzoqala nini ukwelusa na?

536 UDokotela Goad noDokotela Mercier lapha, ngi—ngi—ngiyethemba...njengoba sibizana kanjalo. Futhi uMfowethu Goad ubendawo ngize ngi...usifanele ngempela isikhundla, angawahlohla amagabolondo manje. Ya. Futhi, Mfowethu Leo, ngikholwa ukuthi singamdedela ahambe kulokho kanjalo, futhi simbize...makaqhubeke nesikhundla sakhe so—sobu “Dokotela.”

537 Awu, “Dokotela” Branham, emuva lapho, umgcine nje owesifazane ephilisiwe kahle impela, futhi izinkanyiso zivutha kahle ngempela. Futhi—futhi ngizokutshela ukuthi, nanini uma sinomhlangano oyisipesheli ngizokhuluma ebhodini futhi ngibone uma bengeke bakunike okungaphezudlwana kulokho [UMfowethu Branham uyahleka—Umhl.], okomsebenzi oyisipesheli uma ufanele wenze ukushanyela okuningi futhi ungena nakho futhi uphuma, futhi lokho kuzokwenza ujabule.


538 UDokotela Wood. Ngimbize ngo “Dokotela,” ngiqagele niyamangala kungani. Angimbizi ngokungafanele, kodwa nje usilaha lonke ihlathi libe yizicucu, niyazi. INkosi uyotshala isihlahla esihle, futhi uyosinquma futhi enze indlu ngaso. Bengingakaze ngikubone okwamanje, ngakho ngifanele ngimbize ngo “Dokotela.”

539 Mfowethu Taylor, usathembekile emnyango, ukunikeza umfo isihlahlo. Ngicabanga ngani kanjalo, “Ngingaqoka ukuba

umata endlini yeNkosi kunokuhlala emathendeni nababi.”
Kunjalo, mnumzane.

⁵⁴⁰ Mfowethu Hickerson, uqalile nje eNdleleni, futhi wenyuke, uza udlula. Ngazifisa ezakho. . . Ngi. . . Uqalile eNdleleni, futhi weza udlula, ngiyakuncoma nje ngempela ubuqotho bakho futhi konke lokho okwenzela iNkosi uJesu. UNkulunkulu akubusise njalo futhi akwenze idikoni leqiniso, mfowethu, engikholwa ukuthi uyilo, indlu yakho ekuthobeleni futhi zonke izinto njengoba ukade unjalo.

⁵⁴¹ Mfowethu Fred, kade ungenathi isikhathi eside, uvela eCanada. Asizwa ukuthi ungumCanada futhi, sizwa ukuthi uyisihambi futhi umfokazi nathi, umfowethu, njengomphatheli. Wena noMfowethu Wood, futhi wena osebenzela isikhundla sakho kahle noMfowethu Roberson, futhi konke; Mfowethu Egan, akekho lapha kulobubusuku.

⁵⁴² Futhi uMfowethu Roberson, kade u—uwusizo kimi ngempela, Mfowethu Roberson kanye nabanye, kulelicala lentela eledlula ngaphansi kwalokhu kuhlolwa. 

IMIBUZO NEZIMPENDULO ZUL61-0112
(Questions And Answers)

UCHUNGECHUNGE LO UKUZIPHATHA, INQUBO NEMFUNDISO YE BANDLA

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeLwesine kusihlwa, ngo Januwari 12, ngo 1961 eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org